

**Ibanga 1
ITHEMU 4
ISIZULU
ULIMI
LWASEKHAYA
Uhlelo
Lwesifundo**

INQUBO YOKUKHONONDA /YOKULUNGISA

Basebenzi Abakanye Nathi,

Siyanamukela Ohlelweni Lolimi Lwasekhaya lwe-NECT!

Sicela niqaphele ukuthi izincwadi zeThemu 4 Zolimi Lwasekhaya lwe-NECT zenziwe ngesikhathi esifushane kakhulu. Ngenxa yalesi sizathu, siyavuma ukuthi kungenzeka kube nokulungiswa nokushintshwa okwengeziwe.

Singathanda futhi nani namukele ubunikazi balezi zincwadi, bese nisebenza nethimba lethu ukulokhu silungisa futhi sithuthukisa ukuhunyushwa kwazo. Uma nithola noma yimaphi amaphutha, sicela nilandele le nqubo yokuwabika:

- 1** Thumela i-imeyli ekhelini le-emeyli elifanele:

xitsonga@homelanguage.co.za
tshivenda@homelanguage.co.za
sepedi@homelanguage.co.za
siswati@homelanguage.co.za
isizulu@homelanguage.co.za
isindebele@homelanguage.co.za
isixhosa@homelanguage.co.za
sesotho@homelanguage.co.za
setswana@homelanguage.co.za
afrikaans@homelanguage.co.za
english@homelanguage.co.za

- 2** Emgqeni wesihloko, bhala ireferensi yedokhumenti. Ngokwesibonelo: IBANGA 3 ITHEMU 4 UHLELO LWESIFUNDO AMAKHASI 45–47

- 3** Engqikithini ye-imeyli, yisho ushintsho okufanele lwensiwe. Noma, okukanye, wenze ushintsho ekhophini engokoqobo bese uskena noma uthathe isithombe sekhasi bese usithumelela sona ne-imeyli yakho.

- 4** Uma unodaba lolimi olukhulu ongafuna ukuba silunakekele, sicela ukubonise lokhu emgqeni wesihloko sereferensi. Ngokwesibonelo: UBUFAKAZI BOLIMI LWESIGODI

- 5** Ngemva kwalokho, engqikithini ye-imeyli yakho, sicela uchaze udaba.

- 6** Sicela nisithumelele onke ama-imeyli abe negama lakho, isikhundla kanye nenombolo yocingo, ukuze sikhawazi ukukuthinta uma kudingeka sibe nengxoxo.

- 7** **Siyabonga ngokufaka isandla ngolwazi lwakho kulolu hlelo! Sifuna ukuqiniseka ukuthi siba neveshini elungile, nengcono kakhulu ngazo zonke izilimi ezikuwo onke amadokhumenti ethu.**

Okuqukethwe

Amanothi Okuphatha	v
Izinqubo Eziyisisekelo	xiii
Isonto 1 Isihloko: Ukuxazulula izinkinga	1
Umsombuluko	3
Ulwesibili	8
Ulwesithathu	13
Ulwesine	20
Ulwesihlanu	24
Isonto 2 Isihloko: Ukuxazulula izinkinga	29
Umsombuluko	31
Ulwesibili	36
Ulwesithathu	42
Ulwesine	49
Ulwesihlanu	54
Isonto 3 Isihloko: Siyakhula bese sishintsha	59
Umsombuluko	61
Ulwesibili	66
Ulwesithathu	71
Ulwesine	77
Ulwesihlanu	81
Isonto 4 Isihloko: Siyakhula bese sishintsha	85
Umsombuluko	87
Ulwesibili	92
Ulwesithathu	97
Ulwesine	104
Ulwesihlanu	109
Isonto 5 Isihloko: Umlando wethu ophilayo	113
Umsombuluko	115
Ulwesibili	120
Ulwesithathu	126
Ulwesine	133
Ulwesihlanu	138

Isonto 6 Isihloko: Umlando wethu ophilayo	143
Umsombuluko	145
Ulwesibili	150
Ul wesithathu	155
Ul wesine	161
Ul wesihlanu	165
Isonto 7 Isihloko: Isayensi iyajabulisa	169
Umsombuluko	171
Ul wesibili	176
Ul wesithathu	181
Ul wesine	188
Ul wesihlanu	192
Isonto 8 Isihloko: Isayensi iyajabulisa	197
Umsombuluko	199
Ul wesibili	204
Ul wesithathu	209
Ul wesine	215
Ul wesihlanu	219

Amanothi Okuphatha

Imiphumela Yokufunda

Kule themu, abafundi bakho kufanele bafinyelele imiphumela elandelayo:

UKULALELA NOKUKHULUMA

- 1 Abafundi kufanele bakwazi ukusho noma ukucula imilolozelo emisha emi-4 noma amaculo
- 2 Abafundi kufanele bakwazi ukubamba iqhaza engxoxweni yekilasi ukuze babelane ulwazi lwangaphambili
- 3 Abafundi kufanele bakwazi ukuxoxa indaba yokufunda ngokuhlanganyela, basebenzise uhlaka lwengxoxo njengesiqondiso
- 4 Abafundi kufanele bakwazi ukwenza ezabo siqu izindaba emsebenzini wobuciko bokuxoxa izindaba
- 5 Abafundi kufanele bakwazi ukukhuluma ngombhalo wabo
- 6 Abafundi kufanele baqonde futhi bakwazi ukusebenzisa olunye lolwazimagama olulandelayo

inkinga	xazulula	isixazululo	ikhono lokusungula izinto	ukugqolozela	ubuciko
iciko	gqugquzela	penda	yenza	ummbila	endulo
inganekwane	ukuhlakanipha	amandla	ikhono lokwenza izinto	ukuziguqula	ngempumelelo
iphutha	inkathi yonyaka	ubusika	intwasahlobo	ihlobo	ikwindla
uboya	lingana kahle	usayizi	mpintsha	ukungangilingani	ukuphuca
ukudideka	isitshulu	izithako	isinongo	ukwenza umsindo	ukuthela
ukucwecwa	ukuqoba	ukubila	ukushintsha umqondo wakho	umbono	umlando
esikhathini esedlule	esikhathini samanje	indawo yokugunda izinwele	ibhasi elihamba ngojantshi	ithempeli	isinagoge
bhidlizwa	ogandaganda	inkumbulo	okhokho	isithunywa	umyalezo
hlaziya	uvanzi	imvelo	ukwazisa kakhulu	isiko	saphezulu
isithwalambiza	ukufunda isifundo	isayensi	umjovo wokugoma	ucwaningo	isifo
jova	inaliti	ingozi	ubungozi	amasosha omzimba	izivikela-mzimba
siphila	ukufa	siphile	inhlabathi	izakhi	amavithamini
ulwazingqangi	ukukhanya kwelanga	izithombo	buka		

UKUBONA UBUDLELWANO PHAKATHI KOHLAMVU NOMSINDO

- 1 Abafundi kufanele bakwazi ukubona imisindo yezinhlamvu
- 2 Abafundi kufanele bakwazi ukubona izinhlamvu ezilandelayo ngokuzenzakalelayo
- 3 Abafundi kufanele bakwazi ukuhlanganisa nokwehlukanisa izinhlamvu ezilandelayo

nx	cw	dw	gw	hw	jw
kw	lw	nw	qw	sw	tw
xw	zw				

Abafundi kufanele bakwazi ukwehlukanisa amagama alandelayo ngamalunga

inxeba	inxiwa	uNxamalala	nxapha	cwayiza	cwela
cwecwa	cwala	cwasa	idwala	isidwedwe	dweba
isidwaba	dwebela	igwala	igwababa	ugwadule	isigwili
gweba	hwalala	hweba	jwayela	isikwele	sikwa
isikweletu	ikwaya	ukweba	isilwane	ulwembu	lwelwa
lolwa	ulwazi	izinwele	unwabu	nweba	iminwe
nwaya	qwala	isiqwayi	umqwayiba	amaqwaqwası	emgwaqweni
swela	swenka	uswazi	eSwazini	uswidi	itwetwe
Itwani	Isitweno	amatwayitwayi	utwayi	xwaya	xwayisa
xweba	isexwayiso	uzwane	izwa	uzwelo	imizwa
isizwe					

UKUFUNDA

Abafundi kufanele bakwazi ukuqonda amagama alandelayo

inxeba	inxiwa	uNxamalala	nxapha	cwayiza	cwela
cwecwa	cwala	cwasa	idwala	isidwedwe	dweba
isidwaba	dwebela	igwala	igwababa	ugwadule	isigwili
gweba	hwalala	hweba	jwayela	isikwele	sikwa
isikweletu	ikwaya	ukweba	isilwane	ulwembu	lwelwa
lolwa	ulwazi	izinwele	unwabu	nweba	iminwe
nwaya	qwala	isiqwayi	umqwayiba	amaqwaqwası	emgwaqweni
swela	swenka	uswazi	eSwazini	uswidi	itwetwe
Itwani	Isitweno	amatwayitwayi	utwayi	xwaya	xwayisa
xweba	isexwayiso	uzwane	izwa	uzwelo	imizwa
isizwe					

Abafundi kufanele bakwazi ukufunda amagama alandelayo ngokuwabuka

ibhulashi	iphosta	icembe	ikhasi	umdwabo	ummbila
endle	uhlamvu	vuna	ithempeli	ijazi	ophuzi
yisela	godola	mpintsha	utamatisi	isitshulu	izinongo
gaya	ukuthosa	umkhulu	isinagogo	isulumani	phoqwa
imyuziyemi	okhokho	imiylezo	imizila	imvelo	isithwalambiza
umjovo	sungula	isifo	goma	ingxibongo	isitshalo
zidinga	izithombo	chelela	phemfumula		

Abafundi kufanele bakwazi ukufunda umbhalo oxhunyiwe njengesibonelo esilandelayo

Ngibone abangane bami bengihleka. Ngibezwe ngisho bengihleka ngoba ubuso nezinyawo zami zazixwebile. Ngiphume ekhaya ngingabonanga ukuthi ngixwebile.

UKUQONDISA

- 1 Abafundi kufanele bakwazi ukuqagela ngombhalo ngokubheka izithombe
- 2 Abafundi kufanele bakwazi ukukhumbula imininingwane ngombhalo
- 3 Abafundi kufanele bakwazi ukulandisa ngombhalo
- 4 Abafundi kufanele bakwazi ukulandelanisa izigameko ezsembhalweni
- 5 Abafundi kufanele baqale ukuqonda ukuthi kusho ukuthini ukubona ngeso lengqondo, ukwenza ukuxhumanisa, ukwenza iziphetho kanye nokuzibuza ngombhalo
- 6 Abafundi kufanele bakwazi ukuzindla ngombhalo besebenzisa uhlaka lwengxoxo
- 7 Abafundi kufanele bakwazi ukuphendula imibuzo ebhaliwe yokuqondisa ngombhalo

UKUBHALA

- 1 Abafundi kufanele bakwazi ukudweba isithombe esichaza okushiwoyo
- 2 Abafundi kufanele bakwazi ukwengeza amalebula eyodwa kuya kwamabili kumdwabo wabo
- 3 Abafundi kufanele bakwazi ukuqedela uhlaka lokubhala olufushane

UKUFUNDA OKUHOLWAYO KWAMAQEMBU

- 1 Abafundi kumele bakwazi ukufunda ngokuzwakalayo ezincwadini zabo zamazinga eqenjini labafundi abafunda ngezinga akulona nothisha.
- 2 Uma abafundi befunda kumele babenolwazi lokuphimisa imisindo, babenomkhondo wengqikithi baphinde bakwazi ukubona amagama esiwabona njalo.
- 3 Abafundi kumele bakwazi ukuqapha ukubonwa kwamagama kanye nesifundo sokuqondisa.



Izinto Zokusebenza Nezinsiza-kufundisa Ezinikeziwe

Sicela uqaphela ukuthi zonke izinsiza-kufundisa ezinikeziwe ngezesikole. Izinsiza-kufundisa zizonikezwa kanye kuphela, ngakho kufanele zigcinwe futhi zinakekelwe ngendlela efanele.

NgeThemu 3 othisha banikwa izinsiza-kufunda ezilandelayo:

4 Amabhodi Anemibala Okubonisa x 4

Sebenzisa lawa mabhodi ukuphanyeka umsebenzi wakho wesonto. Njalo ngesonto, phanyeka: umsindo ofundwayo kanye namagama; amagama asetshenziswa njalo; ulwazimagama olusha lwesihloko esifundwayo; imifanekiso; kanye nohlaka lokubhala.

5 Ishadi lokubhala kahle ngesandla/amashadi okubhala kahle ngesandla

Phanyeka lawa mashadi phambi kwekilasi, ukuze abonakale ngokucacile kubafundi. Othisha beBanga 1 neBanga 2 bazonikwa amashadi Okubhala Kahle Ngesandla Ngokuhlukanisa. Othisha beBanga 2 neBanga 3 bazonikwa amashadi Okubhala Kahle Ngesandla Ngokuhlanganisa Nangokwehlukanisa.

6 Uhlelo Lwesifundo seThemu 3

Sebenzisa lendlela yohlelo lokufunda ukuze ubone lokho okufanele ukufundise nsukuzonke. Izinqubo eziyisisekelo zikutshela indlela okufanele ufundise ngayo isifundo ngasinye. Emasontweni okuqala amabili eThemu 3, uzolandele uhlelo lokujwayeza abafundi esikoleni.

7 Isithungathi seThemu 3

Sebenzisa le dokumenti ukugcwalisa i-ATP kanye Nesihleli seThemu sakho. Thikha futhi ubhale nosuku lwesifundo ngasinye kanye nomsebenzi wokuhlola njengoba wenziwa. Zindla ngendlela ofundise ngayo.

8 Incwadi Enkulu yeThemu 3

Sebenzisa incwadi enkulu yezindaba ngesikhathi sezifundo Zokufunda Ngokuhlanganyela. Kunezindaba eziyisishiyagalombili zethemu – indaba eyodwa njalo ngesonto.

9 Umgodla Wezinsiza-kufundisa zeThemu 3

Umgodla wezinsiza-kufundisa uhlanganisa izinto ezilandelayo:

- **Amagama akumaFleshi-khadi** anikezwa ukuba asetshenzise kulwazimagama ngesihloko; amagama asetshenziswa njalo; umsindo ofundwayo kanye namagama. Wasike **bese** uwalondoloza ngendlela ehlekile. Sebenzisa lawa magama amafleshi-khadi kanye namabhodi okubonisa.
- **Imidwebo Yolwazimagama Ngesihloko** uyanikezwa lapho kufanele. Wasike bese uwalondoloza ngendlela ehlekile. Sebenzisa lawa magama akumafleshi-khadi kanye namabhodi okubonisa.
- **Amaphepha Obuciko Bokuxoxa Izindaba** anikezwa ngesihloko ngasinye. Lawa awuchungechunge lwezithombe 3 noma 4 ezixoxa indaba. Kunamakhophi ayi-10 ephepha ngalinye – elilodwa ngeqembu ngalinye elincane. Sicela wenze amakhophi engeziwe uma kudingeka.

- **Amaphepha Okurekhoda Ukuhlola** anikezwa ukuze urekhode imiphumela yabafundi kanye nokuphawula ngethemu.

10 Izincwadi Zokufunda zeThemu 3 x 8

11 Izincwadi Zokufunda eziyisishiyagalombili zinikezwa ngethemu – eyodwa njalo ngesonto kusukela Esontweni 3 kuye Esontweni Sebenzisa lezi zincwadi kanye nekilasi lonke lapho wenza ukufunda ngamaqembu okulawulwayo. Kukhona amakhophi angama – 20 Encwadi Efundwayo ngayinye. Sicela wenze amakhophi engeziwe uma kudingeka.



Isimiso Samasonto Onke: Amahora ayi-7

- 1 Uhlelo lokufunda oluhleliwe lulandela isimiso esifanayo masonto onke.
- 2 Lokhu kwenzela kube lula ngothisha kanye nabafundi ukukulandela.
- 3 Abafundi bangakwazi ukuzilungiselela umsebenzi olandelayo uma sebesazi isimiso.
- 4 Isimiso esisekelwe emigomweni ye-CAPS yesikhathi esibekiwe soLimi Lwasekhaya okungenani: Amahora ayi-7 ngesonto.
- 5 Lesi simiso senzelwe ukuthi sisebenze njengengxenye yohlelo lokukhulumu izilimi ezimbili kanye ne-PSRIP EFAL.
- 6 Sicela uchome lesi simiso ekilasini lakho futhi uzame ukusazi ngekhandha ngisho ungasibhekile!

MONDAY UMSOMBULUKO		TUESDAY ULWESIBILI		WEDNESDAY ULWESITHATHU		THURSDAY ULWESINE		FRIDAY ULWESIHLANU	
Imisebenzi Yokukhulumu	15			Imisebenzi Yokukhulumu	15			Imisebenzi Yokukhulumu	15
		Imisindo	15	Imisindo	15	Imisindo	15	Imisindo	15
Ukubhala Kahle Nge- sandla	15	Ukubhala Kahle Nge- sandla	15	Ukubhala Kahle Nge- sandla	15				
Ukufunda Ngokuhlang- anyela	15	Ukufunda Ngokuhlang- anyela	15			Ukufunda Ngokuhlang- anyela	15	Ukufunda Ngokuhlang- anyela	15
Ukubhala	30			Ukubhala	30				
Ukufunda Ngokuhlan- ganyela	30								
1.45		1.15		1.45		1.00		1.15	



Amalungiselelo Amasonto Onke

Kubalulekile ukukhumbula ukuthi uhlelo Lolimi Lwasekhaya lunciphisele othisha isidingo soKUHLELA, kodwa – ke UKULUNGISELELA kusadingeka! Intambama eyodwa njalo ngesonto, uhlanguane nozakwenu (bonke othisha abafundisa Amabanga Aphansi), nenze amalungiselelo enu ndawonye.

Lapho kwenziwa amalungiselo, khumbula lokhu:

- 1 Funda lonke uhlelo lwesifundo lwesonto.
- 2 Qiniseka ukuthi uyayazi futhi uyaziqonda izinqubo zokufundisa okufanele uzisebenzise. Uma kungenjalo, phindela lapho okunesihloko esithi ‘Izinqubo Eziyisisekelo’ bese uzibuyekeza ngendlela efanele.
- 3 Okulandelayo, hlola amafleshi-khadi kanye nemifanekiso okudingekayo okuhambisana nolwazimagama ngesihloko, amagama assetshenziswa njalo, imisindo kanye nezinhlaka zokubhala. Thola lawa mafleshi-khadi kanye nemifanekiso akuze eme ngomumo kanjena:
 - a Sika amafleshi-khadi noma imifanekiso
 - b Zama ukukunamathisela kukhadibhodi noma ephepheni
 - c Uma kungenzeka, khava ngokhava weplastiki onamatelayo noma ukhave ngoplasitiki ojwayelekile
 - d Beka amafleshi-khadi esifundo ndawonye envilophini, noma uwahlanganise ngolastiki wokubopha ndawonye
- 4 Qoqa nezinye izinsiza-kufundisa ongase uziinge, lokho makuhlanganise izithombe noma izinto zangempela.
- 5 Hlola ukuthi Incwadi Enkulu yakho ime ngomumo.
- 6 Funda yonke imisebenzi ezokwenziwa eseNcwadini Yokusebenza ye-DBE.
- 7 Zilolonge ukwenza umsebenzi wezifundo zokubhala.
- 8 Qiniseka ukuthi Isithungathi sakho sigcwaliswe kahle kusukela esontweni eledlule futhi uzindle ngentuthuko yakho.




Izihloko Nohlelo Lokufunda

INOMBOLO YESONTO	ISIHLOKO	UMBHALO WOKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA	INCWADI YOKUFUNDA
1	Ukuxazulula izinkinga	Ibhulashi lokupenda	1
2	Ukuxazulula izinkinga	Inganekwane yommibila	2
3	Siyakhula bese sishintsha	Ijazi lami!	3
4	Siyakhula bese sishintsha	UWayde wenza isitshulu	4
5	Umlando wethu ophilayo	Indaba kamkhulu wami	5
6	Umlando wethu ophilayo	Isithunywa saphezulu	6
7	Isayensi iyajabulisa	Umjovo wokugoma woqala	7
8	Isayensi iyajabulisa	Ucwaningo lukaLimani	8



Uhlelo Lokuhlola IweThemu 1

Uhlelo Lokuhlola lwenziwe ngokuvumelana neSifushaniso Sengxenye 4 ye-CAPS. Lolu lungatholakala ngemva kweSithungathi sethemu ngayinye.



Okuboniswa Ekilasini

AMABHODI OKUBONISA

- 1 Njengengxene ye yalolu hlelo, uzonikezwa amabhodi amane amakhulu okubonisa anemibala eyehlukene.
- 2 Ibhodi ngalinye elinombala lizosetshenziselwa ukuchoma amasethi ahlukile amagama alelosonto.
- 3 Sebenzisa lawa mabhodi ngendlela elandelayo:
 - a **Ibhodi eliluhlaza okotshani** – elokubonisa ulwazimagama ngesihloko kanye nemidwebo yalelosonto.
 - b **Ibhodi eliluhlaza okwesibhakabhaka** – elokubonisa amagama asetshenziswa njalo alelo sonto.
 - c **Ibhodi eliphuzi** – elokubonisa umsindo kanye namagama alelo sonto.
 - d **Ibhodi elibomvana** – elokubonisa uhlaka lokubhala lwalelo sonto.
- 4 Amagama akulawa mabhodi kufanele ashintshwe njalo ngesonto.
- 5 Nicelwa ukuthi ningayeki ulwazimagama ngesihloko kanye nemifanekiso kuhlale unyaka. Lokhu kufanele kuhambisane nesihloko osuke ufundisa ngaso ngaleso sikhathi. Uma ikilasi ligcwele amagama kanye nemifanekiso kuvele kube yisixakaxaka nje esidida ingqondo, ngaleyondlela abafundi bayadideka bangabe besakwazi nokubona umehluko wamagama nomsebenzi omusha.
- 6 Uma usuqedile ngamasethi amagama nemifanekiso, kulondoloze ngokucophelela efayelini lakho.
- 7 Gcina amagama akho kahle ukuze uphinde futhi ukwazi ukuwasebenzisa ngonyaka olandelayo.

ITAFULA LESIHLOKO

- 1 Zama ukwakha itafula lesihloko ekilasini lakho.
- 2 Sebenzisa le ndawo ukuze ubonise imifanekiso kanye nezinto zangempela ezihambisana nesihloko.
- 3 Lebula zonke lezi zinto, ukuze abafundi bezokwazi ukufunda lulu lwazimagama.

Izinqubo Eziyisisekelo



Ukuphathwa Kwekilasi

Ezinye zezindlela eziyisisekelo sokuphathwa kwekilasi zihlanganiswe ‘njengezinqubo eziyisisekelo’. Lezi yizindlela ezisetshenziswa zikhathi zonke kulolu hlelo, ngakho-ke kubaluleke kakhulu ukuzazi.

Inhloso: *Ukwenza kangcono isikhathi esichithwa emsebenzini, ukuziphatha kwabafundi kanye nendlela yokubambisana phakathi kwabafundi. Ukuze kunciphiswe ukuphazamiseka lapho kufundwa. Ukuqala ukujwyeza abafundi indlela yokufunda sakudlala.*

UKUHLALA KANYE NAMAQEMBU AMANCANE

- 1 Kubalulekile kakhulu ukucabangisia ukuthi abafundi uzobahlala kanjani ekilasini.
- 2 Uma wenza lokhu, cabangela lawa maphuzu abalulekile:
 - a **Hlalisa abafundi ngokwamakhono axubile** – akufuneki ukuthi abafundi abadonsa kanzima ubahlalise ndawonye, kanti futhi ungahlalisi abafundi abanekhono eliphakeme ndawonye. Xuba abafundi ukuze ikilasi lonke libe namakhono axubile
 - b **Hlalisa abafundi ngendalela oyicabangisise kahle ukuze ugweme ukusuka kodweshwu noma ukuthola sekunomsindo kakhulu.** Ungabahlalisi abafundi abaphehla udweshu uma behlezi ndawonye. Ungabahlalisi ndawonye abafundi abangawkazi ukuthula uma behlezi ndawonye. Gwema izinkinga ngokuhluwanisa abafundi ngendalela ehlelekile.
- 3 Ohlelwani lokufunda, kunemisebenzi embalwa edinga ukuthi abafundi basebenze ngamaqembu amancane.
- 4 Lawa maqembu kufanele abe nabafundi aba-3–4, abahlezi ndawonye. Yenza lokhu ukuze uma usutshela abafundi ukuthi abasebenze ‘emaqenjini abo amancane’ bakwazi ukwakha lawa maqembu ngokushesha nangokuhleleka.
- 5 Uma abafundi behlezi ngokulandelana, indlela elula yokwakha amaqembu ukuba nabafundi ababili emugqeni wokuqala babheke abafundi abasemuva kwabo emugqeni wesibili. Bangenza amaqembu anabantu abane ngokushesha nangokuhleleka.
- 6 Ungakushiyeli lokhu kubafundi. Yenza isinqumo sokuthi amaqembu amancane uzowakha kanjani ekilasini lakho, futhi uqequeshe abafundi ukuthi bakhe amaqembu ngokushesha nangokuthula.
- 7 Uma ubona ukuthi indlela owakhe ngayo amaqembu ayisebenzi, yenza ushintsho eqenjini – ungabaphoqi abafundi ukuthi basebenze ndawonye.

UKULAWULA IZINGXOXO ZAMAQEMBU

- 1 Ohlelwani lokufunda, kunemisebenzi embalwa edinga abafundi ukuthi benze izingxoxo zamaqembu.

- 2** Qeqesha abafundi ukuthi benze lokhu ngendlela elandelayo:
 - a** Okokuqala, abafundi kufanele baye emaqenjini abo amancane.
 - b** Okulandelayo, abafundi kumele baqaphele imibuzo yengxoxo noma uhlaka.
 - c** Ngakho wonke umfundu kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo, ukuze:
 - Umfundu 1 aphendule Umbuzo 1
 - Umfundu 2 aphendule Umbuzo 1
 - Umfundu 3 aphendule Umbuzo 1
 - Umfundu 4 aphendule Umbuzo 1
 - Umfundu 1 aphendule Umbuzo 2
 - Umfundu 2 aphendule Umbuzo 2
 - Umfundu 3 aphendule Umbuzo 2
 - Umfundu 4 aphendule Umbuzo 2
 - Njalonjalo
- 3** Kungaba umqondo omuhle ukusebenzisa ‘induku yokukhuluma/itshe/into’ ukulawula lokhu.
 - a** Nikeza iqembu ngalinye into efana nenduku enemibala noma itshe.
 - b** Umuntu obambe into uyakhuluma bese wonke omunye umuntu egenjini uyalalela.
 - c** Uma umfundu wokuqala eseqedile ukukhuluma, kufanele endlulisele into kumfundu olandelayo, njalonjalo.
- 4** Uma iqembu kuzodingeka lethule umbiko, khona-ke uma bonke sebephendulile, iqembu lingavotela impendulo engcono kakhulu embuzweni ngamunye.

IMISEBENZI YOSHINTSHO LOKUFUNDA

- 1** Ngesikhathi sezifundo zonke Zokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo, uthisha kufanele asebenze namaqembu amabili.
- 2** Phakathi kwamaqembu amabili, kubalulekile ukuthi kuthathwe ‘ikhefu’ ngaphambi kokulungiselela abafundi ukuba benze Umsebenzi Wokufunda Incwadi.
- 3** Yenza lokhu ngendlela elandelayo:
 - a** Uma usuqedile ukusebenza nabo, phindisela Iqembu 1 ematafuleni abo.
 - b** Cela ikilasi ukuba linake futhi lilalele.
 - c** Yenza Umsebenzi Woshintsho Lokufunda nalo lonke ikilasi.
 - d** Phindisela abafundi ezindaweni zabo ubanike Incwadi Yokufunda.
 - e** Bachazele umsebenzi olandelayo oseNcwadini Yokufunda.
 - f** Khumbuza abafundi ukuthi baqale baqede umsebenzi abawenzayo ngaphambi kokuba benze umsebenzi olandelayo – kufanele bazinikeze isikhathi esanele uma benza umsebenzi.
 - g** Biza iqembu 2 ukuthi lizosebenza kanye nawe.
- 4** Ethemini 1, kutuswa ukuba usebenzise lena Misebenzi Yoshintsho Lokufunda emi-4 kanye nabafundi:

Umsebenzi 1: Uthisha Uthi

- 1 Tshela abafundi ukuba basukume.
- 2 Chazela abafundi ukuthi bazokwenza iminyakazo ehlukene, njengokuthi: thinta ikhanda lakho; ndizisa ikhayithi; nyakazisa ikhala lakho; gxuma kathathu; njl.,
- 3 Uma uqala ngokuthi ‘uthisha uthi’, emva kwalokho abafundi kufanele benze umnyakazo.
- 4 Uma ungasho ukuthi ‘uthisha uthi’ abafundi mabame banganyakazi nhlobo.
- 5 Uma umfundsi eke wanyakaza ungashongo ukuthi ‘uthisha uthi’ loyomfundsi useyaphuma akasadlali kufanele ahlale phansi.
- 6 Owinile kuba ngumfundsi wokugcina omile.

Umsebenzi 2: Umcimbi Womdanso

- 1 Tshela abafundi ukuthi basukume.
- 2 Bachazele ukuthi uzobadlalela umculo kumakhalekhukhwini wakho.
- 3 Ngalesikhathi bezwa umculo, kufanele badanse.
- 4 Ngokushesha nje lapho ucisha umculo, abafundi kufanele bame bangabe besanyakaza nhlobo.
- 5 Ibe ulokhu uwudlala ubuye uwucime umculo izikhathi ezimbala, ukuze abafundi bezolokhu bedansa futhi bame banganyakazi izikhathi ezimbala!

Umsebenzi 3: Yaluza, yaluza, Yima Ungasanyakazi

- 1 Tshela abafundi ukuthi basukume.
- 2 Yithi, yaluza, yaluza, yaluza, yaluza, yaluza, yima ungasanyakazi!
- 3 Abafundi kufanele basho lokhu kanye nawe futhi bayaluzise imizimba yabo njengoba bethi ‘yaluza’.
- 4 Uma sekufika lapho bethi khona ‘yima ungasanyakazi’ kufanele bame bathule du bangabe besanyakaza nhlobo!
- 5 Kuphinde lokhu izikhashana ezimbala.

Umsebenzi 4: Isihlalo sami kanye nami

- 1 Tshela abafundi ukuthi basukume bame eduze nezihlalo zabo. Kufanele bathi ukuqhelelana bangasondelani eduze.
- 2 Nika abafundi imiyalelo okufanele bayilande – kufanele bayenze ngokushesha nangokuthula.
- 3 Lena miyalelo yonke iphatelene nesihlalo kanye nokuzilolongela ukusebenzisa ondaweni.
- 4 Nikeza imiyalelo kanjena:

- yima ngemuva kwesihlalo sakho
- phakamisa isihlalo sakho
- gibela phezu kwesihlalo sakho
- nyathela phezu kwesihlalo sakho
- njl.,



Imisebenzi Yokukhuluma

Ekuqaleni kwezifundo Zolimi Lwasekhaya ngeMisombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu uzokwenza imisebenzi yokukhuluma. Lena imisebenzi yokulalela nokukhuluma yohlelo. Lokhu kwensiwe ngokucophelela ukuze kunikeze umfundu ngamunye amathuba okukhuluma.

Fundisa Ulwazimagama Ngesihloko

Inhlosi: Ukwelula umqondo, kanye nolwazi lwamagama lwezfundo, ukuze bathuthukise ukufunda ngokuqondisa kanye nolwazi oluvamile. Ukuhlomisela abafundi kangcono ngolimi olufanele ukuze bakwazi ukusebenza ngendlela efanelekile Emabangeni Aphakathi Nendawo.

- 1 Fundisa abafundi amagama amasha ama-3 esihloko.
- 2 Sebenzisa inqubo ye-PATS ukufundisa amagama amasha.
- 3 Ukuthi PATS kuyisifushaniso esisho Ukukhomba, Ukulingisa, Tshela Nokusho.
- 4 Akuvamile ngaso sonke isikhathi ukuthi wenze konke lokhu kokune egameni ngalinye lesihloko, mane wenze lokho okufanele.
 - a P – (POINT) KHOMBA isithombe noma into engokoqobo, uma kunokwenzeka.
 - b A – (ACT) LINGISA igama lesihloko, uma kunokwenzeka
 - c T – (TELL) TSHELA abafundi ukuthi igama lesihloko lisho ukuthini. Nikeza incazelo elula yegama.
 - d S – (SAY) YISHO igama emshweni, uphinde uvumele abafundi ukuthi baphinde igama emva kwakho.
- 5 Uma usufundise amagama esihloko esonto, bonisa amagama ebhodini lokukhangisa, kanye nesithombe segama lesihloko.
- 6 Akusibo bonke abafundi abazokhumbula amagama esihloko masinyane. Makungakukhathazi lokhu kanti ungenzi ukuthi abafundi baphinde amagama kaningi!
- 7 Abafundi bazohlangabezana namagama amasha izinkathi eziningi ngesikhathi sokufundwa kwesihloko, futhi bazonikezwa ithuba lokwakha ngempela inqolobane yabo yamagama.

Iculo noma Umlolozelo


Inhloso: Ukuhlanganisa ulwazi lwamagama amasha lwabafundi. Bafunde ngokudlala.

- 1 Iculo noma umlolozelo othile okumele uwenze nabafundi osohlwini lohlelo lwasifundo.
- 2 Ekuhambeni kwesikhathi, abafundi bazowazi lawa maculo kanye nemilolozelo, bese bewacula ngempela.
- 3 Nokho, ngesikhathi uwethula okokuqala, kudingeka ufundise abafundi amagama, iminyakazo kanye neshuni (uma ikhona).
- 4 Fundisa abafundi iculo noma umlolozelo, umugqa ngomugqa ngalendlela elandelayo:
 - a Culela ikilasi noma usho iculo lonke noma umlolozelo. Nika abafundi incazelo yalo uma kunesidindo.
 - b Cula noma usho umugqa wokuqala, bese uvumela abafundi ukuthi basho emva kwakho.
 - c Cula noma usho umugqa wesibili, uphinde uvumele abafundi ukuthi basho emva kwakho.
 - d Cula noma usho imigqa yokuqala emibili kanyekanye, bese uvumele abafundi ukuthi basho emva kwakho.
 - e Qhubeka ngalendlela kuze kufike lapho abafundi bezokwazi ukucula ingoma noma umlolozelo wonke.
- 5 Faka indlela efanele yokulingisa iculo noma umlolozelo ngaso sonke isikhathi.
- 6 Vumela abafundi bacule ingoma abayithandayo ekugcineni kosuku – lena indlela ejabulisayo yokugcizelela ulimi olusha abalufundile.

Yethula Isihloko: Ukuhlola Ulwazi Lwangaphambili

Inhloso: Ukuthola nokubona ulwazi lwangaphambili lwabafundi ngesihloko, uphinde wakhele phezu kwalokho abakwaziyo ngaleso sihloko. Ukutshengisa ukuhleleka kwemidwebo yolwazi ngokusebenzisa isu lebalazwe lomqondo.

- 1 Kulo msebenzi, uthisha uqala ngokwenza masinyane ibalazwe lomqondo ebhodini.
- 2 Uthisha udweba isiyangi esinegama lesihloko maphakathi nebhodi.
- 3 Okulandelayo, uthisha ubuza abafundi: *Yini enivele seniyazi mayelana nale sihloko?*
- 4 Uthisha ubhala phansi yonke imibono izungeze ibalazwe lomqondo. Uthisha kufanele azame ukuqoqela ndawonye imibono ecishe ifane, ngokwesibonelo, uma isihloko simayelana ‘Nobungani’ ungaba nebalazwe lomqondo elifana naleli elilandelayo:



Ubuciko Bokuxoxa Izindaba Isonto 1

Inhlosi: *Ukunika abafundi ithuba lokusebenzisa ulimi olusha ngokuzenzakalelayo, futhi basebenzise ulwazi lwesihloko nobuciko bokuqamba indaba enomqondo. Ukwakha ikhono lokulandelanisa. Ukunika abafundi ithuba lokusebenza ngokubambisana nangokuzwana eqenjini elincane.*

- 1 Lo msebenzi unikeza abafundi ithuba lokusebenzisa imicabango nobuciko babo, amagama amasha esihloko kanye namakhono okulandelanisa ukuze benze indaba entsha.
- 2 Tshela abafundi ukuthi baye emaqenjini abo amancane.
- 3 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yephepha lobuciko bokuxoxa izindaba ngesihloko. Uzothola lokhu Emgodleni Wezinsiza-kufundisa.

- 4 Lawa maphepha anochungechunge lwezithombe ezi-3–4 ezingasetshenziswa ukwakha indaba ehlobene nesihloko.
- 5 Tshela abafundi ukuthi bacabange indaba ehambisana nezithombe.
- 6 Nikeza abafundi umzuzu noma emibili ukuthi bacabange ngemibono yabo.
- 7 Okulandelayo, wonke umfundsi eqenjini kufanele athole ithuba lokwabelana ngombono wakhe ngendaba.
- 8 Hamba phakathi kwabo uphinde ulalele abafundi abahlukene njengoba bexoxa izindaba zabo.
- 9 Qoqa amaphepha bese uwabeka kahle ngoba azosebenza ngesonto elilandelayo.
- 10 Gqugquzela abafundi ukuthi baxoxe izindaba zabo nomunye umuntu ekhaya.

Ubuciko Bokuxoxa Izindaba Isonto 2

Inhloso: *Ukunika abafundi ithuba lokusebenzisa ulimi olusha ngokuzenzakalelayo, futhi basebenzise ulwazi lwesihloko nobuciko bokuqamba indaba enomqondo. Ukwakha ikhono lokulandelanisa. Ukunika abafundi ithuba lokusebenza ngokubambisana nangokuzwana eqenjini elincane.*

- 1 Tshela abafundi ukuthi baye emaqenjini abo amancane.
- 2 Nikezelia iqembu ngalinye ikhophi yephepha lobuciko bokuxoxa izindaba ngesihloko.
- 3 Khumbuza abafundi ukuthi ngesonto eledlule, bazenzele izindaba zabo ngezithombe.
- 4 Kuleli sonto, abafundi kufanele basebenze njengeqembu ekunqumeni ngendaba yeqembu.
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi izindaba zabo kumele zibe nobuciko, kodwa zihambisane nezithombe!
- 6 Cela abafundi bonke ukuba bakunake futhi bakulalele.
- 7 Cela amaqembu 1–2 ahlukene ukuthi axoxe ngezindaba zawo.
- 8 Bonga abafundi ngokuxoxa kwabo ngezindaba zabo.

Ingxoxo Ngombhalo Wokufunda Ngokuhlanganyela

Inhloso: *Ukufundisa abafundi ukubaluleka kokucabanga kanye namakhono okufinyeza bese ubanikeza ithuba lokuzilolonga nokuthuthukisa lawa makhono. Ukwakha ukuzethemba kubafundi ngokunikeza amathuba angempela okuba bakhe futhi babeke imibono ngokucacile, ukuhlola, ukuxhumanisa kanye nokwenza iziphetho. Ukunikeza abafundi ithuba lokusebenza ngokubambisana nangokuzwana emaqenjini amancane.*

- 1 Ingxoxo Ngombhalo Wokufunda Ngokuhlanganyela yenziwa ngoLwesihlanu.
- 2 Qala ngokubhala uhlaka lwengxoxo ebhodini.
- 3 Okulandelayo, funda uphinde uchazele abafundi ngohlaka lwengxoxo.
- 4 Kumele abafundi baqonde ukuthi akukho ukwahlulela ezimpendulweni zemibuzo evulekile – izimpendulo ezahlukahlukene nemibono kwamukelekile.

- 5 Ekugcineni kwesifundo, cela abafundi bonke ukuthi bakunake futhi bakulalele.
- 6 Emizuzwini embalwa yokugcina, cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zabo.
- 7 Bonga abafundi ngezimpendulo kanye nokufaka isandla kwabo.
- 8 Uma izimpendulo zabo zingalungile, noma zifuna okwelulwa, lungisa abafundi noma ubuze imibuzo eholayo.



Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo/ Ukubhala Kahle ngesandla

Ibanga 1 & 2 (kuze kuphele uhlelo lwemisindo)

Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo kanye Nokubhala Kahle Ngesandla kusebenza ndawonye kulolu hlelo.

Ukuhlanganisa ndawonye: IMisombuluko

Inhlosi: Ukuhlola abafundi ngokungahleliwe ngokubona ubudlelwane phakathi kohlamvu nomsindo kanye nokukhumbula imisindo nokubhala kahle ngesandla okufundisiwe.

Ukulungisa kanye nokuhlanganisa ndawonye ulwazi lwemisindo yezinhlamvu nelokubhala kahle ngesandla ngokwazi ukuzilungisa. Ukusebenzisa amagama abonwa njalo ngenhlosi yokuhlola kungahleliwe.

- 1 NgeMisombuluko ngesikhathi Sokubhala kahle ngesandla, abafundi bazilolongela ukubhala kwabo ngokubuyekeza imisindo kanye namagama afundwe emasontweni edlule.
- 2 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela. Uma sebezivulile, kufanele babhale usuku.
- 3 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bagoqe ikhasi libe uhhafu, bese bebhale izinombolo zisuke ku-1–5 kwimajini, futhi besuke ku-6–10 phakathi nekhasi. (*inani lemisindo kanye namagama lizohluka kwisifundo ngasinye*)
- 4 Tshela abafundi ukuthi babhale umsindo noma igama njengoba uliphimisa – kufanele babhale okulandelayo enombolweni efanele. Uma bengakwazi ukubhala umsindo noma igama, kufanele babhale udwi –
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi lona umsebenzi osheshayo ozokwenza sibone ukuthi basakhumbula yini ukubhala imisindo kanye namagama asebewafundile.
- 6 Tshela abafundi ukuthi babheka imisindo yabo kanye nokubhala kahle ngesandla.
 - Kufanele babone ukuthi bayakwazi yini ukubhala umsindo noma igama ngendlela efanele.
 - Kufanele ukuthi babuye babone ukuthi bayakwazi yini ukwakha izinhlamvu ngokufanele.
- 7 Biza imisindo kanye namagama asohlelweni lwesifundo.

- 8 Okulandelayo, yalela abafundi ukuthi bathathe ipeni lombala balungise umsebenzi wabo.
- 9 Bhala kahle imisindo kanye namagama ebhodini, usho umsindo futhi uchaze nendlela yokubhala njengoba ubhala.
- 10 Tshela abafundi ukuthi uma benobunzima bokukhumbula umsindo noma ukubhala uhlamvu, kumele bakwenze lokhu phakathi nesonto.
- 11 Ekupheleni kosuku thatha izincwadi zabafundi, bese ubheka ukuthi yimuphi umfundu odinga usizo olwengeziwe.

Ukufunda Imisindo Namagama Amasha: ULwesibili nangoLwesithathu

Inhloso: Ukuthuthukisa ulwazi lokuzwa nokubona imisindo ngendlela ecacile nehlelekile. Ukufundisa ulwazi lwemisindo yolimi lwasekhaya kubafundi ngendlela ecacile nehlelekile, nokuthi bazilolongele ukubona kanye nokusebenzisa imisindo ekumagama afundiwe.

Yethula umsindo omusha

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisela phezulu ifleshi-khadi, ngokwesibone: /m/
- 2 Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi baphinde umsindo ka-3.
- 3 Xoxa ngokuthi umsindo/m/ufana kanjani olimini lwasekhaya kanye nasesiNgisini./ wehluke kanjani olimini lwasekhaya nasesiNgisini.
- 4 Ngemisindo enhlamvunye, khombisa abafundi umsindo kwishadi lama-alfabhethi.
- 5 Buza abafundi: Ingabe ungocabanga ngamagama aqala ngo-/p/
- 6 Cabangani amagama kanye nabafundi, afana nathi: **iposi, impi, ipani, iponi.**

Yethula amagama amasha

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile njengoba ukhombise nefleshi-khadi: **iposi, impi, ipani, iponi.**
- 2 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama ngemva kwakho.
- 3 Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

Ukubhala Uhlamvu/Izinhlamvu Namagama Amasha: NgoLwesibili nangoLwesithathu.

Inhloso: Ukuthuthukisa ikhono labafundi ngendlela ecacile nehlelekile yokuthi bakwazi ukubhala kahle nangokushelela izinhlamvu ezihambelana nolwazi lwemisindo efundisiwe.

- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha izinhlamvu ezibhaliwe kanye nemisindo efundisiwe.
- 2 Tshengisa ukubhalwa komsindo ebhodini – chaza indlela yokwakha uhlamvu njengoba ulubhala.

- 3 Tshela abafundi abasebenzisa isandla sekwesokunxele ukuthi balalise amakhanda abo phezu kwedeski.
- 4 Yibe usufulathela abafundi, uphakamise isandla sakho sokudla.
- 5 Tshela abafundi abasebenzisa isandla sokudla ukuthi balandele indlela obhala ngayo u/ izinhlamvu emoyeni.
- 6 Okulandelayo, phinda lendlela futhi kubafundi abasebenzisa isandla sokunxele.
- 7 Yibe usutshela abafundi ukuthi basebenze nabalingani babo futhi babbale umsindo emihlane yabo ngeminwe.
- 8 Emva kwalokho, tshela abafundi ukuthi babbale umsindo phezu kwamadeski abo ngeminwe yabo.
- 9 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukuthi zakhiwa kanjani u/izinhlamvu namagama ebhodini.
- 10 Kufanele abafundi babbale umsindo/amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 11 Kumele abafundi badwebele umsindo kunoma yimaphi amagama/imisho ebhaliwe.

Ukuhlakaza Nokuhlanganisa: OLwesine

Inhloso: Ukuthuthukisa ikhono labafundi lokuzwa nokubona imisindo ngendlela ecacile nehlelekile, kanye nekhono lokuhlanganisa nokuhlkaza imisindo efundiwe, ukuze bakwazi ukufunda nokubhala ngokuzimela. Ukuthuthukisa ukubonwa kwemisindo ngokuzenzakalela.

Ngiyenza...

- 1 Qala ngegama elisesifundweni sangoLwesibili
- 2 Yisho igama: **iposi**
- 3 Hlakaza igama libe imisindo ezimele ngayodwa:/i/-/p/-/o/-/s/-/i/
- 4 Yisho umsindo wokuqala wegama:/i/
- 5 Yisho umsindo wesibili wegama/p/
- 6 Yisho umsindo wesithathu wegama/o/
- 7 Yisho umsindo wesine egameni:/s/
- 8 Yisho umsindo wokugcina owodwa egameni:/i/
- 9 Bhala igama ebhodini: **iposi**
- 10 Tshengisa ngokukhomba nokuhlanganisa imisindo ukuze wenze igama:/i/-/p/-/o/-/s/-/i/= **iposi**
- 11 Okulandelayo, yisho ilunga lokuqala legama:/i/.
- 12 Yisho ilunga lesibili legama:/po/
- 13 Yisho ilunga lesithathu legama:/si/
- 14 Tshengisa ngokukhomba nokuhlanganisa amalunga ukuze wenze igama:/i/-/po/-/si/= **iposi**
- 15 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu.

Siyenza...

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.

- 2** Yisho igama: **impi**
- 3** Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni?/**i**/
- 4** Buza abafundi: Yimuphi umsindo ophakathi nendawo?/**m**/
- 5** Buza abafundi: Yimuphi umsindo olandelayo?/**p**/
- 6** Buza abafundi: Yimuphi umsindo osekugcineni?/**i**/
- 7** Cela abafundi ukuba bahlakaze igama libe imisindo ezimele ngawodwa:/**i**/-/**m**/-/**p**/-/**i**/
- 8** Bhala igama ebhodini: **impi**
- 9** Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo esegameni kanye nawe:/**i**/-/**m**/-/**p**/-/**i**/
- 10** Buza abafundi: Yiliphi ilunga lokuqala egameni?/**i**/
- 11** Buza abafundi: Yiluphi ilunga lesibili egameni?/**mpi**/
- 12** Tshela abafundi ukuthi bahlanganise amalunga amagama bakhe igama:/**i**/-/**mpi**/= **impi**
- 13** Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu.

Ukuthola Igama: NgoLwesihlanu

Inhloso: Ukunikeza abafundi ithuba lokuhlanganisa ulwazi lwemisindo abayifundisiwe. Ukunikeza abafundi ithuba lokuzilolongela ikhono lokuhlanganisa ukuze kwakheke amagama. Ukuthuthukisa ukubona ngokuzenzakalelayo nangokushelela ulwazi lwemisindo.

Bhala ithebulu ebhodini, elizofaka imisindo efundwe ngokwedlule kanye nemisindo efundwe ngoLwesibili nangoLwesithathu.

bl-	i	P
oo	d	a
nk	e	m

bh-	i	I
o	d	a
nk	e	m

Tshengisa

- 1** Khumbuza abafundi ngemisindo yesonto: isibonelo: **bh/no/nk/**
- 2** Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
- 3** Chazela abafundi ukuthi bazoba nemizuzu emithathu ukwakha amagama amaningi abangawenza besebenzisa imisindo nezihlanganisi ezingenhla.
- 4** Khombisa abafundi ukuthi igama lakhija kanjani usebenzisa umsindo ohlosiwe, njengokuthi;/**i**/-/**bh**/-/**o**/-/**d**/-/**i**/
- 5** Khumbuza abafundi ukuthi bangenza igama besebenzisa imisindo eyahlukene – abaphoqelelekile ukusebenzisa/**bh/no-/nk/**
- 6** Khombisa abafundi ukuthi elinye igama bangalakha kanjani, njengokuthi:/**i**/-/**nk**/-/**o**/-/**I**/-/**o**/

- 7** Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa imisindo ehlosiwe, efana nelithi **ibhodi** noma amagama angenanhloso, afana nokuthi **inkolo**

Okwenziwa abafundi

- 1** Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela babhale isihloko: **bh, o.**
- 2** Yalela abafundi ukuthi baqale ukubhala.
- 3** Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokufuna nokwakha amagama amaningana ngangokunokwenzeka.
- 4** Nikeza abafundi imvume yokulungisa imisebenzi yabo. Khombisa abafundi ukuthi akhiwa kanjani lawa magama (kanye namanye): **ibhodi, inkolo, ibhadi, idili, made, ibhola, bhala, bhema, imali, ima, mela.**



Ukubona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo kanye Nokubhala Kahle Ngesandla

Ibanga 2 & 3 (uma uhlelo lwemisindo seluphelile)

Ukubona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo kanye Nokubhala Ngesandla kusebenza ndawonye kulolu hlelo.

IBANGA 2 AMATHEMU 3-4

UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Ukushintsha Amagama: IMisombuluko

Inhloso: Ukulungisa noma ukuhlanganisa ulwazi lwemisindo kanye nokubhala kahle ngesandla ngokwenza ukuzilungisa. Ukuthuthukisa ulwazi lokufunda ngokusiza abafundi ukuthi bakwazi ukubona ushintsho emagameni noma emishweni, eshintsha incazelo yamagama noma imisho.

Qaphela: Ekuqaleni, kufanele abafundi benze lomsebenzi ngokubhala NGOKWAHLUKANISA. Ngokushesha lapho abafundi sebekwazi ukubhala ngokuhlanganisa okulingene, sicela ubalayele ukuthi baqedele umsebenzi NGOKUBHALA NGOKUHLANGANISA.

- 1** NgeMisombuluko ngesikhathi sokubhala kahle ngesandla, abafundi kumele bazilolongele ukubhala ngokuhlanganisa, ngokubuyekeza imisindo namagama afundwe emasontweni edlule.
- 2** Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela bese bebhala usuku.
- 3** Ngokulandelayo tshela abafundi ukuthi babbale izinombolo 1–5 eduze kwemajini, beqe umugqa phakathi kwenombolo ngayinye.
- 4** Bhala ebhodini umusho owunikwe esifundweni eduze nenombolo 1, kanje:

- Ngifuna incwadi.
- 5** Yalela abafundi ukuthi bakopishele umusho ezincwadini zabo.
- 6** Okulandelayo, yalela abafundi ukuthi babhale isihloko esahlukile samamofini (ngesiNgisi noma Isibhunu – izabizwana) eduze nezinombolo, kanje:
- U
 - Ni
 - Si
 - Ba
- 7** Yalela abafundi ukuthi baphinde babhale imisho, besebenzisa lezi zihloko zamamofimi (ngesiNgisi noma Isibhunu – izabizwana)
- 8** Khumbuza abafundi ukuthi lona umsebenzi esizowenza ngokushesha kuze kubonakale ukuthi basakhumbula yini ukubhala imisindo kanye namagama abawafundile ngaphambili.
- 9** Tshela abafundi ukuthi bahlola imisindo nokubhala kahle ngesandla kwabo.
- 10** Ekupheleni kwenefundo, bhala umusho ngokufanele ebhodini, ulokhu usho umsindo futhi uchaze indlela yokubhala ngokuhlanganisa njengoba wenza lokhu.
- 11** Khona-ke, cela abafundi ukuthi bakhombe noma yiliphi iphethini abalibonayo, njengokuthi: lapho kushintsha khona umusho.
- 12** Dwebela iphethini noma yimaphi amaphethini, kanje:
- Ufunu incwadi.
 - Nifuna incwadi.
 - Sifuna incwadi.
 - Bafuna incwadi.
- 13** Yalela abafundi ukuthi bathathe ipeni lombala balungise umsebenzi wabo.
- 14** Tshela abafundi ukuthi uma beba nobunzima bokukhumbula umsindo noma ukubhala uhlamu ngokuhlanganisa, kufanele basebenzele kulokhu phakathi nesonto.
- 15** Ekupheleni kosuku qoqa izincwadi zabafundi, bese wenza ukuphawula ngalabo abadinga usizo olwengeziwe. Abanye abafundi kungenzeka bahlangabezane nobunzima ngemisindo, ngesikhathi abanye behlangabezana nobunzima bokubhala ngokuhlanganisa!

IBANGA 3 ITHEMU 1-2

UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Amagama Obunye Nobuningi: IMisombuluko

Inhloso: Ukulungisa noma ukuhlanganisa imisindo kanye nolwazi lokubhala ngesandla ngokwenza ukuzilungisa. Ukuhuthukisa amakhono okufunda ngokusiza abafundi ukuze babone futhi babone kusengaphambili ushantsho kumaphethini egama kuye ngesijobelelo sebizo.

Qaphela: *Ekuqaleni, abafundi kufanele benze lomsebenzi NGOKUPHRINTA. Ngokushesha nje lapho abafundi sebenolwazi olwanele lokubhala ngokuhlanganisa, bayalele ukuthi baqedele umsebenzi NGOKUBHALA NGOKUHLANGANISA.*

- 1 NgeMisombuluko ngesikhathi Sokubhala Kahle Ngesandla, abafundi abazilolonge ukubhala ngokuhlanganisa ngokubuyekeza amagama abawafunde emasontweni edlule.
- 2 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela futhi babbale usuku kanye nesihloko: **Amagama Obunye Nobuningi**
- 3 Ngokulandelayo tshela abafundi ukuthi babbale izinombolo 1–5 kwimajini, beqe imigqa phakathi kwezinombolo.
- 4 Khumbuza abafundi ukuthi lona umsebenzi osheshayo ozobonisa ukuthi bayakukhumbula yini ukubhala imisindo kanye namagama esebawafundile.
- 5 Tshela abafundi ukuthi bahlola imisindo yabo kanye nokubhala kahle ngesandla.
- 6 Biza amagama asebunyeni asohlelwani lwesifundo. Abafundi kufanele babbale lawa magama eduze kwezinombolo, ngale ndlela elandelayo:
Amagama asuka Ebunyeni aye Ebuningini
 - ikati
 - umfana
 - imoto
 - impukane
 - umntwana
- 7 Okulandelayo, yalela abafundi ukuthi baphinde babbale lamagama ngobuningi.
- 8 Emizuzwini emihlanu yokugcina yesifundo, bhala ngokufanele ebhodini amagama, usho imisindo futhi uchaze indlela yokubhala ngokuhlanganisa njengoba wenza lokhu.
- 9 Ngemva kwalokho, cela abafundi ukuthi bakhombe noma yimaphi amaphethini abawabonayo, njengokuthi: lapho amagama eshintsha khona.
- 10 Dwebela lawa maphethini, kanje:
Amagama asuka Ebunyeni aye Ebuningini
 - 1 ikati
amakati
 - 2 umfana
abafana
 - 3 imoto
izimoto
 - 4 impukane
izimpukane
 - 5 umntwana
abantwana
- 11 Tshela abafundi ukuthi bacabange ngalawa maphethini lapho befunda noma bebhala.
- 12 Yalela abafundi ukuthi bathathe amapeni abo ombala bese belungisa umsebenzi wabo.
- 13 Tshela abafundi ukuthi uma beba nobunzima bokukhumbula umsindo noma ukubhala uhlamvu ngokuhlanganisa, kufanele basebenzele kulokhu phakathi nesonto.

- 14** Ekupheleni kosuku qoqa izincwadi zabafundi, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe. Abanye abafundi kungenzeka babe nobunzima ngemisindo, ngesikhathi abanye bangase babe nobunzima bokubhala ngokuhlanganisa!

IBANGA 3 ITHEMU 4

UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Imisho esuku Ebunyeni iye Ebuningini: IMisombuluko

Inhloso: *Ukulungisa noma ukuhlanganisa imisindo kanye nolwazi lokubhala kahle ngesandla ngokwenza ukuzilungisa. Ukuthuthukisa amakhono okufunda ngokusiza abafundi ukuba babone futhi balindele ushintsho lwamaphethini amagama kuye ngesijobelelo sebizo.*

Qaphela: *Ekuqaleni, abafundi kufanele benze lo msebenzi NGOKUPHRINTA. Ngokushesha nje lapho abafundi sebenolwazi olwanele lokubhala ngokuhlanganisa, sicela ubayalele ukuthi baqedele umsebenzi NGOKUBHALA NGOKUHLANGANISA.*

- 1 NgeMisombuluko ngesikhathi Sokubhala Kahle Ngesandla, abafundi bazilolonge ukubhala ngokuhlanganisa ngokubuyekeza amagama abawafunde emasontweni edlule.
 - 2 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela babhale usuku kanye nesihloko: **imisho esuka Ebunyeni iye Ebuningini**
 - 3 Ngokulandelayo tshela abafundi ukuthi babhale izinombolo 1–5 kwimajini, beqe imigqa phakathi kwezinombolo.
 - 4 Khumbuza abafundi ukuthi lona umsebenzi osheshayo ozobonisa ukuthi bayakukhumbula yini ukubhala imisindo kanye namagama eseawafundile.
 - 5 Tshela abafundi ukuthi bahlola imisindo kanye nokubhala kahle ngesandla kwabo.
 - 6 Biza amagama esebunyeni asohlelwani lwesifundo. Abafundi kufanele babhale lawa magama eceleni kwezinombolo, kanje:
- Imisho esuka Ebunyeni iye Ebuningini**
- 1 Ikati liphuza ubisi.
 - 2 Umfana ukhahlela ibhola.
 - 3 Imoto imile.
 - 4 Impukane iyandiza.
 - 5 Indlu iwile
 - 7 Okulandelayo, tshela abafundi ukuba baphinde babhale imisho ibe sebuningini.
 - 8 Emizuzwini emihlanu yokugcina yesifundo, bhala kahle ebhodini imisho, usho imisindo futhi uchaze indlela yokubhala ngokuhlanganisa njengoba wenza lokhu.
 - 9 Ngemva kwalokho, cela abafundi ukuba bakhombe noma yimaphi amaphethini abawabonayo, njengokuthi: lapho amagama eshintsha khona.
 - 10 Dwebela lawa maphethini, kanje:
- Imisho esuka Ebunyeni iye Ebuningini**

- 1 Ikati liphuza ubisi.
Amakati aphuza ubisi.
 - 2 Umfana ukhahlela ibhola.
Abafana bakhahlela ibhola.
 - 3 Imoto imile.
Izimoto zimile.
 - 4 Impukane iyandiza.
Izimpukane ziyandiza.
 - 5 Indlu iwile.
Izindlu ziwile.
- 11 Tshela abafundi ukuthi bacabange ngalawa maphethini lapho befunda noma bebhala.
 - 12 Yalela abafundi ukuba bathathe amapeni abo ombala bese belungisa umsebenzi wabo.
 - 13 Tshela abafundi ukuthi uma benobunzima bokukhumbula umsindo noma ukubhala uhlamvu ngokuhlanganisa, kufanele basebenzele kulokhu phakathi nesonto.
 - 14 Ekupheleni kosuku qoqa izincwadi zabafundi, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe. Abanye abafundi kungenzeka babe nobunzima ngemisindo, ngesikhathi abanye kungenzeka babe nobunzima bokubhala ngokuhlanganisa!

IMISINDO

Ukubuyekeza imisindo ngokuhlakaza nangokuhlanganisa: OLwesibili nangoLwesithathu

Inhloso: *Ukuthuthukisa ulwazi lokuzwa nokubona imisindo ngendlela ecacile nehlelekile, nekhono lokuhlanganisa nokuhlakaza imisindo namalunga amagama, ukuze bakwazi ukubhala nokufunda ngokuzimela. Ukuthuthukiswa nokubona imisindo kanye namalunga amagama ngokuzenzakalela.*

Ngiyenza...

- 1 Qala ngegama elisesifundweni sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **iposi**
- 3 Hlakaza igama libe nemisindo ezimele ngayodwa:/i/-/p/-/o/-/s/-/i/
- 4 Yisho umsindo wokuqala wegama:/i/
- 5 Yisho umsindo wesibili wegama:/p/
- 6 Yisho umsindo wesithathu wegama:/o/
- 7 Yisho umsindo wesine wegama:/s/
- 8 Yisho umsindo wokugcina wegama:/i/
- 9 Bhala igama ebhodini: **iposi**
- 10 Tshengisa ngokukhomba nokuhlanganisa imisindo ukuze wakhe igama:/i/-/p/-/o/-/s/-/i/= **iposi**
- 11 Okulandelayo, yisho ilunga lokuqala legama:/i/
- 12 Yisho ilunga lesibili legama:/po/

- 13 Yisho ilunga lesithathu legama:/si/
- 14 Tshengisa ngokukhomba nokuhlanganisa amalunga ukuze wakhe igama:/i/-/po/-/
si/= iposi
- 15 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu.

Siyenza...

- 1 Qala ngomsindo wesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **impi**
- 3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala wegama?/i/
- 4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesibili wegama?/m/
- 5 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu wegama?/p/
- 6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina wegama?/i/
- 7 Cela abafundi ukuba bahlukanise igama amalunga ngalinye elihamba
ngalodwa:/i/-/**mpi**
- 8 Bhala igama ebhodini: **impi**
- 9 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo esegameni kanye nawe: :/i/-/m/-
/p/-/i/= **impi**
- 10 Buza abafundi: Yiliphi ilunga lokuqala legama?/i/
- 11 Buza abafundi: Yiluphi ilunga lwesibili legama?/**mpi**/
- 12 Tshela abafundi ukuba bahlanganise amalunga ukuze bakhe igama:/i/-/**mpi**/= **impi**
- 13 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu.

Siyenza...

- 1 Tshela abafundi ukuthi bakhipe izincwadi zabo zokubhala bese bebhala usuku
nesihloko: **Amagama p.**
- 2 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi babbale izinombolo 1–5 kwimajini.
- 3 Biza amalunga amahlanu noma amagama athathwe ohlelwani lwesifundo.
- 4 Abafundi kufanele babbale lawa magama eceleni kwenombolo efanele. Kufanele
basebenzise ikhono lokuhlakaza nokuhlanganisa ukubasiza ukuba bapele lawa magama.
- 5 Abafundi kufanele badwebele umsindo osetshenzisiwe egameni ngalinye.
- 6 Emizuzwini emibili yokugcina yesifundo, bhala kahle amagama ebhodini, bese
udwebela umsindo osetshenzisiwe.
- 7 Tshela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo ngepeni lombala.
- 8 Chazela abafundi ukuthi bazofunda indlela yokubhala lo msindo
NGOKUHLANGANISA esifundweni esilandelayo.

UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Ukubhala Izinhlamvu Namagama Amasha: NgoLwesibili nangoLwesithathu

Inhloso: Ukuthuthukisa ngokuhlelekile ikhono labafundi lokulungisa lokubhala ngokufanele nangokugeleza imisindo yezinhlamvu ehambisana nemisindo efundisiwe.

- 1 Fundisa abafundi ukuba bakhe ngendlela efanele izinhlamvu ngokubhala ngokuhlanganisa umsindo ofundiwe.
- 2 Fundisa ngohlamvu ngalunye oluncane kanye nolukhulu.
- 3 Tshengisa ukubhala umsindo ebhodini-chaza indlela yokwakha uhlamvu njengoba ulubhala.
- 4 Tshela abafundi abasebenzisa isandla sokunxele ukuthi babeke amakhanda abo phezu kwamadeski.
- 5 Emva kwalokho, yima ufulathele abafundi, bese uphakamisa isandla sakho sokudla.
- 6 Tshela abafundi abasebenzisa isandla sokudla ukuthi balandele indlela obhala ngayo emoyeni.
- 7 Okulandelayo, phinda lenqubo kubafundi abasebenzisa isandla sokunxele.
- 8 Emva kwalokho tshela abafundi ukuthi basebenzisane nozakwabo ngokubhala umsindo emhlane womunye ngeminwe yabo.
- 9 Ngemva kwalokhu, tshela abafundi ukuba babbale umsindo emadeskini abo ngeminwe yabo.
- 10 Ekugcineni, phinda ubonise abafundi ukuthi izinhlamvu namagama kwakhiwa kanjani ebhodini.
- 11 Abafundi kufanele babbale umsindo/amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 12 Ngesikhathi utshengisa amagama, gcizelela indlela yokubhala ngokuhlanganisa noma ngokuxhumanisa nezinye izinhlamvu.
- 13 Abafundi kufanele badwebele umsindo kunoma yimaphi amagama/umusho obhaliwe.

IMISINDO

Ukushintsha Izinhlamvu: NgoLwesine

Inhloso: Ukulungisa noma ukuhlanganisa ulwazi lwemisindo. Ukuthuthukisa ikhono lokufunda ngokusiza abafundi ukuthi bagxile ekuboneni ushintsho olulodwa egameni okungashintsha okushiwo yigama.

Ngiyenza...

- 1 Chaza ukuthi namuhla, sizozilolongela ukubheka umehluko omncane kumagama. Lokhu kuzosisiza ukuba sibe abafundi abangcono.
- 2 Bhala ebhodini amagama amabili anikezwe ohlelwemi lwesifundo, njengokuthi: bila, sila

- 3 Chaza ukuthi namuhla, sizozama ukubheka ukuthi yimuphi umsindo ohlukile kumagama amabili.
- 4 Bonisa abafundi indlela yokuthola umehluko, njengokuthi: **bila, sila**
- 5 Chaza umehluko, njengokuthi: umsindo/b/no-/s/yehlukene, kodwa yonke enye into egameni iyafana!

Siyenza...

Ingxenye 1

- 1 Bhala ebhodini amagama amabili anikezwe ohlelweni lwesifundo, njengokuthi: **sola, sala**
- 2 Buza abafundi: Yini umehluko phakathi kwala magama amabili?
- 3 Biza abafundi ukuthi beze bezodwebela umehluko phakathi kwamagama amabili, kanje: **sola, sala**
- 4 Chaza umehluko phakathi kwamagama amabili.

Ingxenye 2

- 1 Okulandelayo, bhala ebhodini igama elinikezwe ohlelweni lwesifundo, njengokuthi: **bila**
- 2 Buza abafundi: **Yimuphi umsindo owodwa ongawushintsha kuleli gama ukuze lenze igama elehlukile?**
- 3 Bhala ebhodini uhlu lwemibono yabafundi, njengokuthi: **mila, sala; bila, bala**

Uyenza ...

- 1 Bhala ebhodini igama elinikezwe ohlelweni lwesifundo, njengokuthi: **mila**
- 2 Buza abafundi: **Yimuphi umsindo owodwa ongawufaka endaweni yomunye umsindo kuleli gama ukuze lenze igama elehlukile?**
- 3 Yalela abafundi ukuthi bakhe amagama amanangi ngangokunokwenzeka, abangawafaka endaweni yomsindo owodwa egameni.
- 4 Ekugcineni kwesifundo, biza abafundi ukuthi bahlangane.
- 5 Biza abafundi ukuthi bazokuma phambi kwebhodi futhi babbale elinye lamagama abo.
- 6 Funda amagama, bese uyachaza ukuthi yimuphi umsindo oshintshiwe. **mila, sala, bila, bala**

IMISINDO

Ukuthola Amagama: NgoLwesihlanu

Inhlosi: *Ukunikeza abafundi ithuba lokuhlanganisa ulwazi lwemisindo efundiwe. Ukuvumela abafundi ukuthi bazilolongele ikhono lokuhlanganisa ukuze bakhe amagama. Ukuthuthukisa ukubona imisindo ngokuzenzakalelayo.*

Bhala ithebula ebhodini. Lifaka imisindo efundwe ngokwedlule kanye nemisindo efundisiwe ngoLwesibili nangoLwesithathu.


ph-	u-	p	ama-
th-	b	a	isi-
l	e	m	izi-

Tshengisa

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto:/**ph/no-/th/**
- 2 Buyekeza yonke imisindo kanye nezinhlamvu ezihamba ngazimbili ebhodini.
- 3 Chazela abafundi ukuthi sizoba nemizuzu emithathu ukwenza amagama amanangi ngangokunokwenzeka ngokusebenzisa imisindo kanye nezinhlamvu ezihamba ngazimbili.
- 4 Bonisa abafundi indlela yokwakha igama usebenzisa umsindo onikeziwe. njengokuthi:/**th/-/a/-/th/-/a/**= **thatha**
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi bangenza igama besebenzisa noma yimiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa/th/noma/ph/
- 6 Bonisa abafundi indlela yokwakha elinye igama, njengokuthi:/**u/-/m/-/a/-/m/-/a/**= **umama**
- 7 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama ngokusebenzisa umsindo ohlosiwe, njengokuthi: **phula**, noma igama elingenawo umsindo ohlosiwe, njengokuthi: **amabala**.

Okwenziwa abafundi

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zokubhala bese bebhala isihloko: **ph, th**.
- 2 Yalela abafundi ukuthi baqale babhale.
- 3 Nika abafundi imizuzu emi-3 yokuba bathole futhi bakhe amagama amanangi abangawkazi ukuwakha.
- 4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Bonisa abafundi ukuthi bangawakha kanjani lawa magama (kanye namanye)
- 5 **phuma, thuma, isithuba, izithuba, amathuba, thetha, amaphupha, thatha, zethu, lethu, latha, pam, izibele, ibele, mela, lala, lam, amaphela, phupha**



Ukufunda Ngokuhlanganyela Okunamasu Okuqondiswa

Masonto onke kunendaba entsha Yokufunda Ngokuhlanganyela.

Ukufunda Ngokuhlanganyela kwensiwa ngalendlela elandelayo:

- NgoMsombuluko: Ngaphambi kokufunda
NgoLwesibili: Ukufunda kokuqala
NgoLwesine: Ukufunda kwesibili

NgoLwesihlanu: Ngemva kokufunda

Kulezi zikhathi Zokufunda Ngokuhlanganyela, yenza isiqiniseko sokuthi abafundi bonke bahlezi kahle futhi babona kahle nangokucacile izithombe ezsencwadini enkulu. Khumbuza abafundi ngaloko okulindele ngenkathi kufundwa ngokuhlanganyela, njengokuthi:

- Hlala ukhululeke futhi UNGANYAKAZI
- Gcina IZANDLA zakho phezu kwamathanga akho
- Gcina AMEHLO kanye nemicabango yakho isendabeni
- *Ungaphimisi AMAZWI (ienza ukushukuma komzimba ubonise ukuvala umlomo)*

Izinjongo ezimqoka Zokufunda Ngokuhlanganyela kulolu hlelo yilezi ezilandelayo:

- 1 *Ukuba abafundi bezwe ukufundwa kwendaba ephelile elukhuni nabangakakwazi ukuyifunda bona bebodywa. Ngenxa yokuthi abafundi abazikhathazi ngezingxenye ezilukhuni zokufunda, bangagxila engqikithini yendaba kanye nabalingisi. Abafundi bangathokozela futhi izindaba bese bethuthukisa uthando lokufunda.*
- 2 *Njengoba uthisha efunda indaba ngokuzwakalayo, ngokuzenzakalelayo ulingisa amanye amakhono okufunda: ufunda kusukela ekhasini lokuqala ukiya kwelokugcina; ufunda kusukela phezulu kwekhasi eye ekupheleni kwekhasi; ufunda kusukela kwesokunxele aye kwesokudla; alandele izimpawu zokufunda; ufunda ngokugeleza kanye nangejubane elifanele; futhi ufunda ngokufaka umuzwa, okunezelela ekuqondeni indaba. Abafundi ngokuzenzakalelayo bafunda amakhono amanangi ngokuqaphela umfundi ogelezayo.*
- 3 *Njengoba uthisha efunda, ufakela ukuqonda ngokuthi: akhombe ingxenye yesithombe; ngokusebenzisa ukushukuma komzimba noma ukunyakaza; nangokuthi anezele umuzwa ezwini lakhe. Uthisha uphinde afake ngokucacile ukuqonda, ngokuma achaze igama noma ibinzana lamagama. Ngokulalela uthisha kanye nokumbukela, abafundi bazuza amakhono amasha olwimi.*
- 4 *Bese okubaluleke kakhulu ngenkathi Yokufunda Ngokuhlanganyela, ukuthi uthisha kufanela afundise abafundi ukuthi bangocabanga kanjani ngendaba, futhi bangazakhela kanjani ukuyiqonda indaba. Kulolu hlelo, sikhethi ukwakha amakhono okuqondisisa ngokulingisa kanye nokufundisa amasu ehlukile okuqondisisa. Amasu okuqondisisa alandelayo aye assetshenziswa:*
 - *Ukuqagela*
 - *Ukwakha isithombe sengqondo*
 - *Ukucinga embhalweni*
 - *Ukufingqa*
 - *Ukucabanga ngombhalo (ukuzibuza)*
 - *Ukwenza ukuxhumanisa*
 - *Ukwenza indlela yokuphetha*
 - *Ukwenza ukuhlola*

AMASU OKUQONDISA

Ithebula elilandelayo linikeza ulwazi ngesu ngalinye.

Isu 1: Ukuqagela	
Incazelو	Ngesikhathi abafundi begagela, basuke besho lokho <u>abacabanga_ukuthi kuzokwenzeka endabenи</u> . Abafundi bangaqagela ukuthi kuzokwenzekani ngokubuka izithombe evisencwadini enkulu. Bangaqagela futhi ukuthi kuzobuye kwenzeke ni ngemuva kokufunda indaba ekhasini. Okokugcina, abafundi bangaqagela ngokuthi bacabanga ukuthi indaba izophela kanjani.
Injongo	<i>Ngokwenza abafundi ukuba baqagele, wenza ukuba bacabange ngendaba ngaphambi kokuba bayifunde. Abafundi kufanele basebenzise izinkombasisombululo ukuzama ukuveza ukuthi ngobani abalingisi, nokuthi yisiphi iseohlakalo esibalulekile esizokwenzeka. Ngokuqagela, abafundi bakha amakhono abo okuqondisa ngokucabanga ngendaba</i>
Izinyathelo (Ukuqagela ngezithombe)	<p>1 Buka isithombe. 2 Buza abafundi: Nicabanga ukuthi yini eyenzakayo lapha? 3 Vumela abafundi bacabange ngombuzo. 4 Uma abafundi bengakwazi ukuphendula, nika isibonelo sempendulo yombuzo. 5 Bonisa ukuthi izithombe zixhumene kanjani nesinye ukuze zakhe indaba.</p>
Izibonelo (Ukuqagela ngezithombe)	<p>1 Ucabanga ukuthi kwenzeke neni lapha? 2 Ucabanga ukuthi lo mlingisi uzizwa kanjani? Kungani? 3 Ucabanga ukuthi uzobonani esithombeni esilandelayo?</p>
Izinyathelo (Ukuqagela ngombhalo)	<p>1 Funda ikhasi lombhalo. 2 Buza abafundi: Nicabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka? 3 Vumela abafundi bacabange ngombuzo. 4 Uma abafundi bengakwazi ukuphendula, nika isibonelo sempendulo yombuzo.</p>
Izibonelo (Ukuqagela ngombhalo)	<p>1 Ucabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka? 2 Ucabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenziwa yilo mlingisi? 3 Ucabanga ukuthi le ndaba izophela kanjani?</p>
Isu 2: Ukwakha isithombe sengqondo	
Incazelо	Ngesikhathi abafundi bakha isithombe sengqondo, kufanele bacabange ngalokho okwenzekayo endabenи njengesehlakalo esikubhayikobho. Kufanele bazame ukubona indaba ezingqondweni zabo njengoba yenzeka.
Injongo	<i>Ukwakha isithombe sengqondo kusiza ukuba uqonde okushiwo amagama asekhasini ngokuwaphendula abe yibhayisikobho ezingqondweni zabafundi. Ukwakha isithombe sengqondo kusiza futhi ukuba abafundi babone ukuthi izigameko embhalweni zihlangana kanjani. Lokhu kubasiza ukuba bakhe ukuqonda ngokucabanga ngendaba yonke iphelele, kunokubona ikhasi nekhasi.</i>
Izinyathelo	<p>1 Funda umbhalo osekhasini. 2 Yithi: Manje sizokuzakhela isithombe sengqondo ngendaba kwangathi besibuka ibhayisikobho. 3 Yalela abafundi ukuba bavale amehlo abo. Chaza ukuthi abafundi kufanele balalele amagama bese bakha ngawo ibhayisikobho ezingqondweni zabo. 4 Phinda ufunde umbhalo. 5 Tshela abafundi okubonayo wena ngeso lengqondo. (Linganisa ikhono) 6 Buza abafundi: Uboneni? (Kwenzeke ni kwibhayisikobho yakho?) 7 Lalela bese nioxo ngezimpendulo zabafundi. Qiniseka ukuthi izimpendulo zabafundi ziyahambisana nokwenzeke endabenи.</p>

Izibonelo	<p>1 Nginesithombe sengqondo sikajoe enqoba emjahweni. Ngathi ngiyawubona umjuluko wakhe wehla usuka ekhanda futhi usakazeka yonke indawo. Ngathi ngiyawabona amehlo akhe ajonge emgqeni wokugcina, nomzimba wakhe usebenza kanzima ngakho konke.</p> <p>2 Uboneni ngeso lengqondo? Kwenzekeni kwibhayisikobho yakho?</p>
-----------	-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------

Isu 3: Ukucinga embhalweni

Incazelot	Ukucinga imibuzo yombhalo kuuhlolo oluyisisekelo kakhulu semibuzo yokuqondisa. Lena mibuzo idinga abafundi bacabange noma babheke amagama esekhasini, bese bekhumhula ukwaziswa.
Injongo	<i>Lena mibuzu iyisisekelo sokuhlola ukuqonda amagama asekhasini. Le lisu libonisa abafundi indlela yokubona kanye nokucinga amagama amqoka azokubasiza ukuphendula imibuzo.</i>
Izinyathelo	<p>1 Funda umbhalo osekhasini.</p> <p>2 Buza abafundi umbuzo ngokwazisa okusembhalweni, njengokuthi: Ngubani ujoe ayefuna ukumehlula emjahweni?</p> <p>3 Vumela abafundi baphendule umbuzo.</p> <p>4 QAPHELA: Siza abafundi ukuba bathole impendulo ngokubona amagama amqoka awusizo, bese becinga embhalweni igama elimqoka. Loku ngokuvamile kubaholela ekutholeni impendulo.</p>
Izibonelo	<p>1 Ngubani ujoe ayefuna ukumehlula emjahweni?</p> <p>2 Yini eyenziwa ujoe ngaphambi komjaho?</p> <p>3 Ujoe wazivocavocela nini umjaho?</p> <p>4 Wawenzelwa kuphi umjaho?</p>

Isu 4: Ukufingqa

Incazelot	Ngesikhathi abafundi befinqqa, basuke becabanga ngalokho okwezeke endaben. Bangacabanga futhi nangezinye izinto, njengokuthi: kuyini abakuthandile endaben, nokuthi bafundeni endaben.
Injongo	<i>Ukufingqa kubonisa ukuthi umfundu uyiqondile futhi wacabanga ngendaba. Ukucela abafundi ukuba bafingqe indaba yindlela engcono yokuhlola ukuqonda kwabo.</i>
Izinyathelo	<p>1 Funda umbhalo.</p> <p>2 Khumbuza abafundi: Ngesikhathi sifingqa, sisuke sicabanga ngazo zonke izingxenyi ezibalulekile zendaba. Singacabanga futhi ngalokho esikuthandile ngendaba, nokuthi futhi sifundeni endaben.</p> <p>3 Nika abafundi umzuzu ukuba bacabange ngendaba.</p> <p>4 Yalela abafundi ukuthi bajike bese bayakhulum futhi baxoxele umngane isifingqo sabo.</p> <p>5 Okokugcina, ungacela abafundi ukuba babhale phansi izifingqo zabo, besebenzisa uhlaka lomsebenzi ukubasiza.</p>
Izibonelo	<p>Indaba: Ujoe unqoba umjaho</p> <p><u>abafundi bangafingqa indaba ngendlela elandelayo:</u></p> <p>Le ndaba imayelana nomfana obizwa ngokuthi ngujoe ofuna ukwehlula umfana onejubane ukubendlula bonke esikoleni, uSizwe emjahweni wokugjiima. Ujoe uyazivocavoca sikhathi sonke, ekugcineni wamehlula uSizwe.</p> <p>Ngathanda ingxenyi lapho ujoe eshaya intambo ekupheleni komjaho – ngazizwa ngename kakhulu.</p> <p>Ngifunde ukuthi uma uzama ngamandla futhi ungayekelisi ungaphumelela.</p>

Isu 5: Ukucabanga ngombhalo (Ukuzibuza)

Incazelot	Ngesikhathi uthisha ezibuza, uthisha usuke ephimisa imicabanga yakhe ngombhalo. Uvumela abafundi bezwe lokho akucabangayo ngombhalo.
Injongo	<p><i>Ngokutshengisa indlela ocabanga ngayo/uzibuza ngombhalo, usuke ufundisa abafundi izinto ezimbili. Okokuqala, ufundisa abafundi ukuthi abafundi abakahle abamane nje bafunde amagama, ngaso sonke isikhathi bayacabanga ngalokho abakufundayo. Okwesibili, sibonisa abafundi uhlobo lwemicabango abafundi abakahle abanayo ngombhalo.</i></p> <p><i>Ngokwenza lokhu, sibonisa abafundi indlela yokucabanga ngobuhlakani nangokujulile ngombhalo. Ngokuhamba kwasikhathi, abafundi bazoqala ukuzenzela lokhu ngokwabo.</i></p>
Izinyathelo	<p>1 Funda umbhalo osekhhasini.</p> <p>2 Cabanga umbuzo noma umqondo umfundi ogelezayo angaba nawo ngombhalo. (Imibono enikeziwe kumabhokhi athi Ngaphambi Kokufunda nelithi Funda Okwesibili ezinhlelweni zesifundo.)</p> <p>3 Yithi: Ngiyabona/Ngiyaqaphela...</p> <p>4 Yithi: Ngiyazibuza...?</p> <p>5 Abafundi abaphoqeletelekile ukuba baphendule umbuzo.</p>
Isibonelo	Ngiyabona ukuthi uSizwe warmhleka ujoe uma engenela umjaho. Ngizibuza ukuthi ingabe lokhu kwamthukuthelisa yini ujoe?

Isu 6: Ukwenza ukuxhumanisa

Incazelot	Ngesikhathi abafundi benza ukuxhumanisa, baqhathanisa izindaba nezimpilo zabo (umbhalo noqobo lwakho) noma nomunye umbhalo (umbhalo nombhalo), noma nento ethile nje esezweni (umbhalo nokusezweni).
Injongo	<i>Ukwenza ukuxhumanisa kusiza abafundi ukuba baqonde umbhalo ngokujulile ngokuwuxhumanisa nezinye izinto asebezazi kakade, noma abake bahlangabezana nako. Ukubonisa abafundi ukuba bangenza izinhlobo ezahlukene zokuxhumanisa: umbhalo komunye umbhalo, umbhalo noqobo lwakho, nempilo yabo, kanye nombhalo nezwe – nokunye ukwaziswa asebenakho kakade ngezwe.</i>
Izinyathelo	<p>1 Funda umbhalo osekhhasini.</p> <p>2 Buza abafundi umbuzo, njengokuthi: Kunini lapho wafisa khona ukunqoba okuthile, njengoJoe?</p> <p>3 Sebenzisa ukutshengisa ukunika impendulo elula, njengokuthi: Ngenkathi ujoe efisa ukunqoba umjaho, kungikhumbuze indlela engangithanda ngayo ukuncintisana nodadewethu esikoleni. Waye hlala njalo ethola amamaki aphezulu kuyo yonke into, abazali bami babezihenya. Ngangifisa baziqhenye nangami futhi.</p>
Izibonelo	<p>1 Lokhu kukukhumbuza impilo yakho kanjani?</p> <p>2 Ngitshele ngesikhathi lapho kwenzeka khona into efana naloku kuwe.</p> <p>3 Uma wawunguJoe, ubuzokwenzani uma uSizwe ekuhleka?</p> <p>4 Ucabanga ukuthi uSizwe wazizwa kanjani ngesikhathi ujoe emehlula?</p> <p>5 Lokhu kukukhumbuza muphi omunye umlingisi?</p>

Isu 7: Ukwenza indlela yokuphetha

Incazelot	Ukwenza indlela yokuphetha kudinga ukuba usebenzise ulwazi onalo, naloku okufundile ukuze uqagele kahle okuthize endaben. Yiloku okushiwo ‘ukufunda phakathi kwemigqa’. Uma abafundi benza indlela yokuphetha, baqagela kahle ngokuthize okusendaben. Kwasinye isikhathi umbhali akabhalu yonke imininingwane yendaba. Umbhali ushiya ezinye izingxenye zendaba zingaphelelanga, ukuze ofundayo azitholele yena.
-----------	------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------

Injongo	<i>Abafundi kufanele bazitholele izingxenyenye zendaba ngokuzenzela ukuxhumanisa – Kufanele bafunde ‘ukufunda phakathi kwemigqa’. Ukwenza lokhu, kufanele basebenzise okubhalifi, kanye nalokho asebekwazi ukuze bazitholele lokho okungabhalwanga ngokucacile.</i>
Izinyathelo	<p>1 Funda umbhalo osekhasini.</p> <p>2 Buza abafundi: Wazini ngalokhu? Uthini umbhalo?</p> <p>3 Buza abafundi: Yikuphi okunye esingakuqagela ngalokhu? Kukhona yini okunye umbhalo ongakusho?</p> <p>4 Buza abafundi: Kukhona yini okunye esingakuphetha mayelana nokuzivocavoca kukajoe?</p> <p>5 Lalela futhi uxoxe ngezimpendulo zabafundi. Qiniseka ukuthi izimpendulo zabafundi zinomqondo.</p> <p>6 Uma abafundi behluleka, banike isibonelo sokwenza indlela yokuphetha. Sebenzisa uhlaka lomusho ukusiza: Ngenxa yokuthi ... ngicabanga ukuthi ...</p>
Isibonelo	<p>Umbhalo: Umfowethu wafaka isicelo sokuya eNyuvesi. Ngafika ekhaya ngathola umfowethu ephethe incwadi futhi emamatheka. Umama wami wayekhala, ehleka futhi emanga.</p> <p>Ukwenza indlela yokuphetha: Ngokwesisekelo sokuthi umfowethu wafaka isicelo sokuya enyunivesi, nokuthi usephethe incwadi emenza abukeke ethokozile, ngiyaqagela ukuthi isicelo sakhe siphumelele.</p>

Isu 8: Ukwenza ukuhlolola

Incazelol	Ngesikhathi sihlola umbhalo, sisuke senza isahlulelo ngesici esithile sombhalo.
Injongo	<i>Abafundi kufanele bafundiswe ukuthi ngaso sonke isikhathi benze ukuhlolola ngalokho abakufundayo, futhi bakwazi ukusekela noma ukuba nesizathu sokuzihlolola kwabo.</i>
Izinyathelo	<p>1 Funda umbhalo osekhasini.</p> <p>2 Buza abafundi imibozo yozihlolola, futhi ubacele basekele izimpendulo zabo. Isibonelo: Ucabanga ukuthi u X wenze into elungile? Kungani uthi noma ungathi?</p> <p>3 Lalela futhi nixoxe ngezimpendulo zabafundi. Qiniseka ukuthi izimpendulo zabafundi zinengqondo.</p> <p>4 Uma abafundi bathola ubunzima, yenza ukuzihlolola kwakho njengesibonelo: Ngicabanga ukuthi uX wenze into elungile ngoba X</p>
Isibonelo	<p>Eminye imibozo yokuhlolola iqala ngokuthi:</p> <p>1 Ucabanga ukuthi ...</p> <p>2 Uvumelana nokuthi ...</p> <p>3 Ngokombono wakho ...</p> <p>4 Ingabe ukuthandile ukuthi ...</p>

Ngezansi kunencazelo yenqubo eyisisekelo yohlelo yesifundo ngasinye Sokufunda Ngokuhlanganyela: Ngaphambi Kokufunda, Ukufunda Kokuqala; Ukufunda Kwesibili; kanye Nangemuva Kokufunda. Funda lezi zincazelo ukuze uthole ukuqonda okucacile ngokuhamba kwesifundo ngasinye.

UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA: NGAPHAMBI KOKUFUNDA

ISU LOKUQONDISISA: UKUQAGELA

Ngaphambi kokufunda, sisuke sakha amakhono okuqondisisa ngokwenza abafundi ukuthi bacabange ngendaba ngaphambi kokuba ifundwe.

- 1** Tshela abafundi ukuthi namuhla bazobheka izithombe ezipendabeni, bese becabanga ngendaba.
- 2** Tshela abafundi ukuthi, ngesisekelo saloku abakubonayo, bazoqagela ukuthi indaba izoba mayelana nani. Lokhu kusho ukuthi bazosebenzisa izithombe ukuzama kanye nokuqagela ukuthi indaba imayelana nani.
- 3** Chazela abafundi bangocabangi kuphela ngesithombe esisodwa kuphela. Kufanele bacabange ngendlela izithombe ezihlobana ngayo nesinye. Kufanele baxhumanise zonke izithombe ukuze bazame ukuthola ukuthi indaba yonke imayelana nani.
- 4** Bonisa abafundi ikhava yendaba bese ufunda ngokuzwakalayo isihloko sendaba.
- 5** Buza abafundi: Nicabanga ukuthi yini ezokwenzeka kule ndaba?
- 6** Okulandelayo, bheka isithombe ngasinye endabeni, futhi njengoba ubheka, buza abafundi:
 - a** Yini oyibonayo kulesi sithombe?
 - b** Ucabanga ukuthi yini ezokwenzeka lapha?
 - c** Ucabanga ukuthi kungenzeka kwenzekeni ngokulandelayo?
- 7** Uma abafundi bekhohlwa ukuxhumanisa izithombe ezahlukene, bakhuthaze ukukweza. Isibonelo: ‘Uyakhumbula ukuthi umfana ubenzani esithombeni esedlule? Wenzani manje? Ucabanga ukuthi yini eyenzekayo?’
- 8** Uma ufika esithombeni sokugcina, buza abafundi: Ucabanga ukuthi le ndaba izophela kanjani (uma kufanelekile)?
- 9** Bonga abafundi ngokuqagela kwabo.
- 10** Uma unesikhathi, funda indaba yonke kanye ngaphandle kokuma.

UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA: UKUFUNDA KOKUQALA

ISU LOKUQONDISISA: ISU OKUFANELE LISETSHENZISWE ELISHIWO OHLELWENI LWESIFUNDO.

Ekufundeni Kokuqala, siqala ukwakha amakhono okuqondisisa ngokufunda bese sichazela abafundi indaba. Siyalingisa futhi ukuthi ucabanga kanjani ngendaba. Ngaphambi kokufunda, tshela ikilasi ukuthi yini ozoyenza. Yisho lokhu: ‘*Bafundi, sekuyisikhathi soKufunda Ngokuhlanganyela. Khumbulani, noma nini uma sifunda noma silalela*

indaba, kubalulekile ukuba uhlale ucabanga ngendaba. Namuhla, ngizonikhombisa ukuthi ngicabanga kanjani ngendaba. Ngizokwenza lokhu ngo (isibonelo) kwenza isithombe engqondweni salokho okwenzeka endaben. Loku kusho ukuthi ngenkathi ngifunda, ngizokwenza ibhayisikobho ngendaba engqondweni yami.

- 1 Funda ikhasi ngalinye lendaba ngokugeleza nangokucacile. Njengoba ufunda, sebenzisa ukushukuma komzimba, iminyakazo nesimo sobuso, bese ushintsha nephimbo (umuzwa) ukubonisa okushiwoyo.
- 2 Lapho kudingeka khona, yima uchazele abafundi igama noma ibinzana lamagama.
- 3 Ngaso leso sikhathi, ngesikhathi soKufunda Kokuqala, sigxila futhi ekulingiseni nasekufundiseni abafundi isu lokuqondisisa.
- 4 Ekugcineni kwekhasi ngalinye uzobona amablokhi amabili anemibala, abhalwe Ukufunda Kokuqala nelithi Ukufunda Kwesibili.
- 5 Uma usufundele abafundi ikhasi lonke, yima isikhashana futhi ubonise ukuthi uyacabanga ngokusho loko okusemablokhini. Ngokwenza loku, ulingisa indlela *yokucabanga ngendaba*. Kubalulekile ukuba uqonde loko okushoyo – uma kungazwakali kahle kuwe, angeke kuzwakale kahle nakubafundi.
- 6 Ekhagini lokugcina lendaba, kunemibuzo embalwa emablokhini Okufunda Kokuqala kanye Nokwesibili.
- 7 Cela abafundi abahlukene baphendule imibuzo.
- 8 Bonisa abafundi ukuthi umbuzo ungaba nezimpendulo ezingaphezu kweyodwa ezilungile, nokuthi abafundi bangaba nemibono eyhlukile.

UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA: UKUFUNDA KWESIBILI

ISU LOKUQONDISA: ISU OKUFANELE LISETSHENZISWE ELISHIWO OHLELWENI LWESIFUNDO.

Ukufundeni Kwesibili, siqhubeka nokwakha amakhono okuqondisisa ngokufundela abafundi indaba, nokulingisa indlela yokucabanga ngendaba. Phinda futhi, utshele ikilasi ukuthi yini ozoyenza. Yisho lokhu: ‘Bafundi, sekuyisikhathi soKufunda Ngokuhlanganyela. Khumbulani, noma nini uma sifunda noma silalela indaba, kubalulekile ukuba uhlale ucabanga ngendaba. Namuhla, ngizonikhombisa ukuthi ngicabanga kanjani ngendaba. Ngizokwenza lokhu ngo (isibonelo) kwenza isithombe engqondweni salokho okwenzeka endaben. Loku kusho ukuthi ngenkathi ngifunda, ngizokwenza ibhayisikobho ngendaba engqondweni yami.’

- 1 Okulandelayo, funda ikhasi ngalinye lendaba ngokugeleza nangokucacile. Njengoba ufunda, sebenzisa ukushukuma komzimba, iminyakazo nesimo sobuso, bese ushintsha nephimbo (umuzwa) ukubonisa okushiwoyo.
- 2 Ngaso leso sikhathi, ngesikhathi soKufunda Kwesibili, uzolingisa indlela yokucabanga ngendaba.
- 3 Ekugcineni kwekhasi ngalinye uzobona amablokhi amabili anemibala, abhalwe Ukufunda Kokuqala nelithi Ukufunda Kwesibili.

- 4 Uma usufundele abafundi ikhasi lonke, yima isikhashana futhi ubonise ukuthi uyacabanga ngokusho loko okusemablokhini ngoKufunda Kwesibili. Ngokwenza loku, ulingisa indlela *yokucabanga ngendaba*. Kubalulekile ukuba uqonde loko okushoyo – uma kungazwakali kahle kuwe, angeke kuzwakale kahle nakubafundi.
- 5 Ekhagini lokugcina lendaba, kunemibuzo embalwa emablokhini Okufunda Kokuqala kanye Nokwesibili.
- 6 Cela abafundi abahlukene baphendula imibuzo.
- 7 Ekugcineni, cela abafundi ukuthi bazakhele umbuzo omayelana nombhalo.
 - a Cela abafundi ngokuzimela bacabange umbuzo owodwa abangawubuza ngombhalo.
 - b Uma kudingeka, khumbuza abafundi ngamanye amagama emibuzo noma ibinzana lamagama, ngokwesibonelo: ngubani; kuyini; nini; kuphi; kanjani; kungani; ngombono wakho; ucabanga ukuthi; uhla; njl.,
 - c Tshela abafundi ukuthi bajike bese bayakhulumu futhi babelane ngemibuzo yabo omunye komunye.
 - d Ngemva kwalokho, cela abafundi abambalwa ukuba bazokwabelana nemibuzo yabo nekilasi lonke.
 - e Nika abanye abafundi ithuba lokuphendula lena mibuzo.

UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA: NGEMVA KOKUFUNDA

Inhloso yomsebenzi waNgemuva Kokufunda ukunika abafundi ithuba lokuhlanganisa ukuqonda kwabo indaba, nokuzilolongela ukusebenzisa ulwimi olusha abalufundile.

Ngemva Kokufunda, uzokwenza owodwa walemisebenzi emine:

- 1 Fanekisa umbhalo
- 2 Linganisa indaba
- 3 Ukuzikhumbuza ngokukhuluma noma ngokubhala okusuka endabeni
- 4 Ukuqondisisa okubhaliwe

FANEKISA UMBHALO

- 1 Hlalisa kahle abafundi emadeskini abo, nezincwadi zabo zokubhalela noma amaphepha angabhalwi, amapensela noma amakhrayoni.
- 2 Tshela abafundi ukuthi bazokwakha isithombe somqondo ngokuthile okusembhalweni. Khumbuza abafundi ukuthi uma bakha isithombe somqondo ngokuthile, abacabange ngokuthi kubukeka kanjani, kunephunga elinjani, kuzwakala njani uma ukuthinta, nokuthi unjani umsindo wako. Bazokwakha futhi isithombe sokuthi bazizwa kanjani ngalomlingisi, isehlakalo noma into esembhalweni.
- 3 Cela abafundi ukuthi bavale amehlo bakhululeke. Bafundele umbhalo futhi.
- 4 Bese ucela abafundi ukuthi bavule amehlo abo, badwebe lokho abakubonile okusuka embhalweni. Abafundi bangafaka amalebula ukuchaza iphunga, ukunambitha, njl.,
- 5 Ngemva kwalokho, abafundi kufanele basebenzise isiqalo somusho ukuba babbale umusho noma emibili ngalokho abakubonile.

- 6 Okokugcina, vumela abafundi ukuba bajika bese bayakhulum, futhi babelane ngemifanekiso yabo nabalingani babo.

LINGANISA INDABA

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethe, noma endaweni ethulile ngaphandle.
- 2 Tshela abafundi ukuthi namuhla bazolingisa izingxenye zendaba abayifundile.
- 3 Bamba uphakamise incwadi enkulu. Funda ikhasi lokuqala.
- 4 Nika abafundi umyalelo wokuthi baligise ini. (esohlelweni lwesifundo)
- 5 Lingisa umyalelo kanye nabafundi.
- 6 Phinda ngekhasi ngalinye.
- 7 Qeqesha abafundi ukuba balandele izimpawu uma kufanele bathule futhi balalele uma ufunda ekhasini phakathi kokulingisa.

UKUZIKHUMBUZA NGOKUKHULUMA NOMA NGOKUBHALA OKUSUKA EMBHALWENI

- 1 Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunaka futhi bakulalele.
- 2 Landela izinyathelo emiyalelweni yesifundo ukuzikhumbuza izingxenye zendaba nabafundi.
- 3 Okokuqala, uzolingenisa ukukhumbula okuthile okusuka endaben.
- 4 Okulandelayo, uzotshela abafundi ukuthi bacabange ngokuthile okusuka endaben – bangathathi lokho okukhumbulwe nguwe.
- 5 Ngemva kwalokho, abafundi BAZOJIIKA BESE BAYAKHULUMA futhi babelane ngalokho abakukhumbulayo nabalingani babo.
- 6 Okokugcina, uzobiza abafundi abambalwa bazokwabelana ngalokho abakukhumbulayo kwabo kanye nekilasi.
- 7 Uma kungukukhumbula okubhalwayo, abafundi bazodweba/bazobhala ukukhumbula kwabo ezincwadini zabo zokubhala.

UKUQONDISISA OKUBHALWAYO

- 1 Ngaphambi kwasifundo, bhala isihloko sombhalo njengesihloko ebhodini.
- 2 Okulandelayo, bhala imibuzo yokuqondisisa ebhodini, kanye neziqalo zemisho yezipendulo. (Lapho kudingeka khona)
- 3 Yalela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhala bese bebhala isihloko.
- 4 Tshela abafundi ukuthi namuhla, bazocabanga futhi babbale izipendulo zale mibuzo.
- 5 Funda yonke imibuzo kanye nabafundi, bese uyachaza uma kudingeka.
- 6 Tshela abafundi akudingeki ukuthi babbale imibuzo, kuphela izipendulo.
- 7 Hamba hamba usize abafundi abahlulekayo.
- 8 Imizuzu emibili yokugcina, funda zonke izipendulo kanye nabafundi, bavumele balungise umsebenzi wabo.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo

Inhloso: *Ukulalela umfundi ngamunye efunda yedwa ngokuzwakalayo, nokwakha amakhono obuchwepheshe bokufunda ngokucacile kanye namakhono okuqondisisa kumfundu ngamunye. Ukunika bonke abafundi ithuba lokuzilolongela amagama omsindo ofundwayo, amagama abonwa njalo kanye nemisho emifishane eguqukayo, ngaphambi kokuba benze imisebenzi yokubhala ngokuqondisisa okufushane ngokuzimela.*

Kubalulekile ukuthi ulalele bonke abafundi befunda ngamunye, okungenani kanye ngesonto.

OKUFANELE UKWENZE NEKILASI LONKE:

- 1 Ngaphambi kokuthi uqale ukufunda ngamaqembu okulawulwayo neqembu, kufanele uqale ngokuhlalisa ikilasi lonke libe nezincwadi zokubhalela kanye neZincwadi Zokufunda.
- 2 Qiniseka ukuthi izincwadi zokufunda zivikelekile, ngokusebenzia amafayela noma izikhwama zepulasitiki.
- 3 Qeqesha abafundi ngesimiso Sokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Kolimi Lwasekhaya ngendlela elandelayo:
 - a Hlalisa kahle abafundi babe nezincwadi zabo zokufunda
 - b Bachazele ngomsebenzi wokufunda wokuqala okufanele bawenze
 - c Biza iqembu ukuba lizokufundela
 - d Uma usulalele umfundi ngamunye egenjini, phindisela iqembu ezhhlalweni zabo
 - e Yalela abafundi ukuthi benze umsebenzi woshintsho, njengokuthi: Uthisha Uthi Umcimbi wokudansa; Yaluza, yaluza, yaluza, yima uthule du; noma Isihlalo sami nami.
 - *Qaphela: Imizuzu engama-30 isikhathi eside kubafundi abasesabancane ukuthi bangahlala behlezi ngokuthula bebedwa. Ngenxa yalesi sizathu, kubalulekile ukwenza umsebenzi woshintsho ukunika abafundi ithuba lokuba bathathe ikhefu benze okuzobajabulisa futhi kushukumise umzimba.*
 - f Phinda uhlalise abafundi nezincwadi zabo zokufunda
 - g Chaza ukuthi umsebenzi wokufunda olandelayo kufanele uqedwe
 - h Biza elinye iqembu ukuthi lizokufundela
- 4 Kuwumbo omuhle ukuhlalisa umfundi obuthakathaka eduze komfundi oqinile, ukuze kuthi uma abafundi befunda izincwadi zokufunda, bakwazi ukusizana.

UHLAKA LWEZINCWADI ZOKUFUNDA:

- 1 Isonto ngalinye linemisebenzi eyi-10 yokufunda. Kunamaseshini ayi-10 okufunda ngamaqembu okulawulwayo isonto ngalinye. Kodwa, iqembu ngalinye lithola ithuba lokusebenza nothisha kanye ngesonto. Lokhu kusho ukuthi bonke abafundi bazoqeda umsebenzi Wokufunda phakathi neseshini ye-9.
- 2 **Izithombe zikhumbuza abafundi ngokufanele bakwenze osukwini ngalunye:**
 - a Umlomo ukhumbuza abafundi ukuthi baphimise imisindo.

- b** Iso likhumbuza abafundi ukuthi bafunde lawa magama ngokuwabuka.
- c** Ingane eyodwa ikhumbuza abafundi ukuthi bazifundele ngayedwana.
- d** Izingane ezimbili zikhumbuza abafundi ukuthi bafunda nomlingani.
- e** Isandla esibambe ipeni sikhumbuza abafundi ukuthi badwebe noma babhale.
- 3** Uhla oluyinhloko lwamagama emisindo yonke kanye nolwamagama esiwabona njalo afundisiwe ayalondolozwa. Izindaba ezintsha zihlelwe ngendlela ngokusetshenziswa imisindo namagama esiwabona njalo esonto, kanye nokufaka imisindo namagama esiwabona njalo afundisiwe ngenkathi edlule. Lokhu kusho ukuthi abafundi ngeke bahlangabezane namagama amasha abangakaze bawabone ezincwadini zokufunda.

UKWABELA AMAQEMBU NOKUKHETHWA KOMBHALO WOKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO:

- 1** Emasontweni amabili okuqala esikole, lalela umfundu ngamunye efunda ngayedwa.
- 2** Sebenzisa irubhrikhi engezansi ukuhlukanisa abafundi ngamakhono abo.
- 3** Yabela abafundi emaqenjini ekhono elifanayo.
- 4** Kulolu hlelo, kunamathuba ayi – 10 ngesonto okulalela ukufunda. Lokhu kusho ukuthi kuzokwakhiwa amaqembu ayi-10 Uma uzokwakha amaqembu angaphansi kwayi – 10, ungasebenzisa isikhathi samathuba asele ngokusiza abafundi abadinga usizo.
- 5** Kusithungathi sakho uzothola ifomu lokugwalisa amagama abafundi eqenjini ngalinye, kanye nethebula elizokuvumela ukuthi ukwazi ukulandela okufundwe iqembu ngalinye.
- 6** **Siza uqaphele:** le rubhrikhi ihlukanisa abafundi ngokusekelwe kubuchwepheshe bamakhono abo okufunda.
- 7** Uma kukhona abafundi abanangi ezingeni elifanayo, kungafaneleka ukuba usebenzise ukufundwa ngokuqondisisa njengendlela eyengeziwe yokwehlukanisa iqembu ukuya phambili.
- 8** **Ekilasini elinabafundi abangama – 40, kungenzeka ukuthi:**
 - Kungabikho iqembu eligible elisezingeni 1, kube nabafundi abambalwa
 - Iqembu 1 elisezingeni 2
 - Amaqembu 2 noma 3 asezingeni 3
 - Amaqembu 2 noma 3 asezingeni 4
 - Iqembu 1 noma 2 elisezingeni 5

Ngicabanga ukuthi lo mfundi ufunda: Ezingeni 1	Ngicabanga ukuthi lo mfundi ufunda: Ezingeni 2	Ngicabanga ukuthi lo mfundi ufunda: Ezingeni 3	Ngicabanga ukuthi lo mfundi ufunda: Ezingeni 4	Ngicabanga ukuthi lo mfundi ufunda: Ezingeni 5
<ul style="list-style-type: none"> Lo mfundi akawazi amagama noma wazi amagama ambalwa. Lo mfundi kubonakala sengathi akakwazi ukubona ubudlelwano bezinhlamvu nemisindo. 	<ul style="list-style-type: none"> Lo mfundi wazi nje amagama ambalwa ajwayelekile. Lo mfundi kubonakala sengathi akakwazi ukubona ubudlelwano bezinhlamvu nemisindo. NOMA lo mfundi udinga usizo oluningi ukufunda amagama angakaze awabone ngaphambili. 	<ul style="list-style-type: none"> Lo mfundi wazi amagama amanangi ajwayelekile. Lo mfundi udinga usizo lokuqonda amagama angakaze awabone ngaphambili. 	<ul style="list-style-type: none"> Lo mfundi wazi amagama amanangi ajwayelekile. futhi ungakwazi ukuqonda amagama amanangi angakaze awabone ngaphambili. Lo mfundi udinga usizo kancane lokuqonda amagama amanangi alukhuni. Lo mfundi ufunda ngokugeleza okuthile. 	<ul style="list-style-type: none"> Lo mfundi wazi amagama amanangi ajwayelekile. Lo mfundi angaqonda amagama amanangi angakaze awabone ngaphambili. Lo mfundi ufunda ngokugeleza nangokubonisa imizwa. Lo mfundi ungomunye wabafundi abafunda kahle kakhulu ekilasini.

OKUMELWE KWENZIWE IQEMBU NGALINYE NGESIKHATHI SOKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO:

- 1 Biza iqembu ukuba lizokufundela.
 - a Qiniseka ukuthi banombhalo ofanele bonke.
 - b Hlalisa iqembu lenze indilinga.
 - c Khumbuza abafundi ngamagama esiwabona njalo abawafundile angesonto. Khombisa iqembu amafleshi-khadi alawa magama futhi bazilolonge ukuwafunda.
 - d Okulandelayo, nika abafundi imizuzu embalwa yokuthi bafunde ingxenye yombhalo ngokuzimela nangokuthula.
 - e Ngemva kwalokho, tshela umfundi ngamunye ukuthi azifundele ngokuphimisela ingxenye yombhalo ngokuzimela.
- 2 Ngesikhathi sokufunda ngamaqembu okulawulwayo, kubalulekile ukukhumbula lokhu:
 - a **Khomba amagama esiwabona njalo.** Khumbuza abafundi ukuthi kunamanye amagama avela njalo, nokuthi kufanele sikhathi. Okungenani, gqugquzela umfundi ukuthi aphimise imisindo yegama, bese ehlanganisa imisindo ukuze akhe igama.
 - b **Yakha amakhono okuqonda.** uma umfundi engakwazi ukufunda igama, ungamane usize umfundi ngaso leso sikhathi. Okungenani, gqugquzela umfundi ukuthi aphimise imisindo yegama, bese ehlanganisa imisindo ukuze akhe igama.

- c Ncoma bese ugqugquzele abafundi.** Yenza ukuthi ukufunda ngamaqembu okulawulwayo kube okuhlangenwe nakho okwakhayo kubafundi futhi usebenzise lesi sikhathi ukuzama ukwakha ukuzethemba kubafundi.
- d Yakha ukufunda ngokugeleza.** Siza abafundi ukuthi bathuthukise ukufunda ngokugeleza. Tshela abafundi ukuthi ukufunda kwabo kufanele kuzwakale sengathi bayakhulum. Lingisela abafundi ngokufunda ngokugeleza bese ubavumela ukuthi baphinde emuva kwakho.
- e Yakha ukufunda ngokuqondisa.** Tshela abafundi ukuthi kufanele bacabange ngalokhu abakufundayo ngaso sonke isikhathi. Fundisa abafundi ukuthi bathathe ikhefu, babuyele emuva baphinde bafunde lokhu abakufundile uma kwenzeka belahlekelwa incazelo. Fundisa abafundi ukuthi bakhe isithombe ngenkathi befunda – ukuthi benze ibhayisikobho yalokhu abakufundayo emakhanda abo. Fundisa abafundi ukuthi bazame ukukhumbula abakufundile. Phinda ugqugquzele abafundi ukuthi babuze uma kukhona abangakuqondi.

UKUNAKEKELA IZINCWADI ZOKUFUNDA:

- 1 Kungumbo omuhle ukubeka izincwadi zokufunda phakathi kwamafayela noma izikhwama zamapulasitiki uma abafundi bezisebenzisa.
- 2 Nakekela lezi zincwadi zokufunda ngokucophelela futhi uzigcine kahle uma sezisetshenzisiwe.
- 3 Kufanele uphinde ukwazi ukusebenzisa izincwadi zokufunda iminyaka eminingi, ngoba abafundi ababhaleli kuzo. Kunalokho, babhalela ezincwadini zabo zokubhalela.

OKUNYE OKUNGENZIWA EKUFUNDENI NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO

Khumbula ukuthi isizathu Sokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo ukulalela umfundi ngamunye efunda ngayedwa, ukuze kwazeke ukusiza izingane zakhe ubuchwepheshe bamakhono okufunda. Uma ungenayo indawo eyanele ekilasini lakho yokwenza lokhu, noma uthola kunzima ukulawula ukuziphatha kwekilasi ngenkathi ulalele iqembu lifunda, kukhona enye indlela.

Ngesikhathi Sokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo, hlalisa bonke abafundi emadeskini abo nezincwadi zokufunda. Ngemva kwalokho, yenza okulandelayo:

- 1 Chaza umsebenzi wokufunda kokuqala okufanele bakwenze.
- 2 Ngemva kwalokho, bizela etafuleni lakho umfundi ngamunye ukuthi azokufundela ngokuzwakalayo.
- 3 Lalela umfundi ngamunye efunda ezingeni lombhalo ofanele.
- 4 Yakha ikhono lobuchwepheshe lokufunda.
- 5 Emuva kwemizuzu eyi-15, yalela abafundi ukuthi benze umsebenzi woshintsho.
- 6 Ngemva kwalokho, phinda uhlalise kahle abafundi ezihlalweni zabo nezincwadi zabo zokufunda.
- 7 Chaza umsebenzi olandelayo okufanele bawenze.

- 8** Qhubeka nokubizela etafuleni lakho umfundi ngamunye ukuthi azokufundela ngokuzwakalayo.

Uma unquma ukusebenzisa lena indlela yokulalela ukufunda, kufanele uqiniseke ukuthi ulalela wonke umfundi okungenani kanye ngesonto.



Inqubo Yokubhala

Inhlosi: *Ukufundisa abafundi inqubo yokubhala ukuveza imicabango ephuma kubo ngokuyibhala ngokuhlelekile bethola ukusekelwa. Ukubonisa abafundi ukuthi ukusebenza ngokulandela inqubo yokubhala okuhlelekile kubanika ithuba lokushintsha, babhale kangcono nokuthuthukisa imicabango yabo, kunokuthi bavele ‘bafike esiphethweni salokhu abakubhalayo ngomzamo wokuqala’.*

Uhlelo lokulgiselela ukubhala lubandakanya ukuhlela, ukwenza umbhalo osalungiswa, ukulungisa umbhalo, ukushicilelwu nokwethulwa kombhalo. Lezi zingxenye ezine zenqubo yokubhala ziqala ukufundiswa kumabanga aphansi omathathu, njengoba abafundi baya ngokuya beqhubeka bephumelela ukukhuphuleni izinga lokubhala.

HLELA UKUBHALA

- 1** Kulolu hlelo, ukuhlela kugxile kakhulu ekufundiseni abafundi indlela yokuhlela besebenzisa:
 - a** Uhla lwamagama
 - b** Ibalazwe lomqondo
- 2** Ngaphambi kokuthi abafundi baqale ukuhlela kwabo, kufanele ubatshengise kuqala, ukuze bazi kahle ukuthi kulindeleke ukuthi benzeni. Uhlelo lwasifundo luyakuqondisa ekwenzeni lokhu.
- 3** Chazela abafundi ukuthi uhlala njalo UCABANGA ngalokhu ozokubhala. Kufanele ubachazele imicabango yakho ngokuzwakalayo, ukuze abafundi bezwe.
- 4** Sebenzisa isibonelo sokuhlela ukuze wakhe olwakho uhlelo lokubhala.
- 5** Okulandelayo, nikeza abafundi imizuzu embalwa yokucabanga ngalokho abazokubhala.
- 6** Nikeza abafundi ithuba lokujika bese bayakhulum, futhi bacobelelane imibono nozakwabo.
- 7** Okokugcina, qondisa futhi usekele abafundi njengoba besebenzisa isibonelo sokuhlela ukuba benze okwabo ukuhlela.

UKWENZA UMBHALO OSALUNGISWA

- 1** Ngaphambi kokuthi isifundo siqale, phinda ubhale ebhodini uhlaka lokuhlela ukubhala olwensiwe esifundweni sangoMsombuluko. Bhala isibonelo sohlaka lokubhala ebhodini.

- 2 Okulandelayo, chaza kafushane bese utshengisa abafundi ukuthi bazolusebenzisa kanjani uhlelo lwabo ukuze bakhe umbhalo wabo osalungiswa.
- 3 Bonisa abafundi isibonelo sokubhala uhlaka oluzobasiza ukwenza lokhu.
- 4 Ngesikhathi abafundi beqedela umbhalo osalungiswa, yibe ulokhu uhambahamba ekilasini futhi usekele abafundi abadinga usizo

UKULUNGISA UMBHALO

- 1 Bhala ebhodini uhla lwezinto ezibhekwayo ezithathelwe ohlelweni lwasifundo.
- 2 Funda konke futhi uchazele abafundi uhla lwalokhu okuhlolwayo.
- 3 Ungase ufise ukukhombisa abafundi ukuthi alungiswa kanjani amaphutha ajwayelekile.
- 4 Nikeza abafundi ithuba lokwenza ushintsho nokulungisa imibhalo yabo besebenzisa uhla lwezinto ezibhekwayo.

UKUSHICILELA NOKWETHULA UMBHALO

- 1 Nika abafundi umyalelo wokuphinda babbale ngobunono imibhalo yabo yokugcina.
- 2 Nikeza abafundi ithuba lokushintshanisa ngezincwadi bafundelane omunye nomunye imibhalo yabo.
- 3 Nikeza abafundi abahlukene ithuba lokwabelana ngombhalo wabo ngokuwufundela ikilasi lonke.
- 4 Cela abanye abafundi ukuthi baphinde babbale imisebenzi yabo ephepheni elisha bese bedweba imifanekiso, baphinde bayisayine. Beka lona mbhalo odongeni lwekilasi
- 5 Qoqa izincwadi zabafundi. Ulindeleke ukuba umake imisebenzi yemibhalo emi-2 ngaphansi kohlelo lokuhlolola oluhrulekile ngethemu usebenzise irubrikhi oyinikeziwe. Kepha ke, uyanxuswa ukuba ufunde bese uphawula ngombhalo wokugcina womfundu ngawo wonke umjikelezo.
- 6 Siyaphinda, ukuzethemba kuyingxenye ebalulekile kakhulu ekukhuliseni amazinga olwazi lokubhala.



Amasu Okubhala

Inhloso: Ukuhlomisa abafundi ngamacebo ambalwa okubhala besebenza ngohlaka olubalekelela ukuguqula imicabango yabo ibe umbhalo ongokoqobo.

- 1 Landela izihlelo zesifundo ukwenza umsebenzi wesonto ngalinye.
- 2 Ezinhlelweni zesifundo, uzoqaphela ukuthi kulandelwa ngaso sonke isikhathi isimiso esifanayo. Lokhu kusiza abafundi, ukuze bazi okulindelekile ezifundweni zokubhala.
- 3 Uzoqaphela futhi ukuthi amacebo ahlukile afundiswa kancane kancane ukuze abafundi bakwazi ukufinyelela ezingeni eliyimpumelelo lokubhala uhlaka lwemisho.
- 4 Inhloso ukuthi abafundi ekugcineni basebenzise lawa masu ngokuzenzakalelayo.
- 5 Lawa masu asiza abafundi ukuthi bazethembe ngemibhalo yabo ngokubabonisa uchungechunge lwezinyathelo zokulandelwa ngesikhathi bebhala.

ISU 1: UTHISHA UTSHENGISA INDELELA YOKUBHALA KUQALA

- a Uthisha uqala ngokubonisa umsebenzi ekilasini (ubonisa okulindelekile ukuthi abafundi kufanele bakwenze kanjani)
- b Ngokubukela uthisha, abafundi baba nombono ocacile ngokulindeleke kubo ngesikhathi benza umsebenzi.

ISU 2: ABABHALI BAYACABANGA NGAPHAMBI KOKUTHI BABHALE

- a Ukubhala kuyisenzo sokuveza imicabango ephepheni.
- b Lokhu kusho ukuthi ababhali kufanele baqale ngokucabanga bese benquma ukuthi yini abazobhala ngayo ngaphambi kokuthi babhale.
- c Lokhu futhi kusho ukuthi azikho ‘izimpendulo’ eziyiphutha nezingelona iphutha uma bebhala – bonke ababhali banemicabango yabo ababhala ngayo.
- d Njalo yakha isikhathi sokuba abafundi bacabange ngalokho abafuna ukukubhala.

ISU 3: ABABHALI BADWEBELA UMUGQA WEGAMA NGALINYE

- a Abafundi bayacabanga ngomusho abafuna ukuwubhala, futhi bawusho ngokuzwakalayo.
- b Bayabala ukuthi mangaki amagama emshweni, bese bedweba umugqa omele igama ngalinye.
- c Imigqa kufanele idwetshwe kusukela ngakwesobunxele kuye kwesokudla nokusuka phezulu ekhasini kuye phansi.
- d Imigqa kufanele icishe ilingane nobude bamagama.
- e Izikhala kufanele zishiywe phakathi kwamagama.
- f Ekugcineni komusho, umfundi afake ungqi.
- g Uma sekunemigqa, abafundi bagcwalisa amagama abawaziyo, noma kufanele bazame ukuqala ukubhala uhlamu lokuqala lwegama ngaphambi kokucela usizo.
- h Lokhu kunikeza abafundi indlela yokubhala, eyakha ukuzethemba. Ngisho nabafundi abanobunzima bangaqala inqubo yokubhala ngale ndlela.

ISU 4: ABAFUNDI BASEBENZISA IZINSIZA-KUFUNDA UKUBHALA AMAGAMA

- a Fundisa abafundi ukuthi bangaqali ngokucela usizo lwamagama abangawazi. Kufanele baqale ngokusebenzisa ezinye izinsiza-kufunda ukuthola ukuthi libhalwa kanjani igama elingaziwa. Ngokwesibonelo:
- b Amagama asodongeni lwamagama
- c Ezinye izincwadi
- d Uhla lwesipelingi
- e Bangabuza ngisho nozakwabo ekilasini.

ISU 5: ABABHALI BASEBENZISA ABAKUKHUMBULAYO UKUBHALA AMAGAMA

- a** Abafundi kufanele bazame ukukhumbula amagama abawafundile, futhi babbale lawa magama ngokuzikhumbulela bona.

ISU 6: ABABHALI BASHO AMAGAMA NGOKUNENSA NJENGOFUDU

- a** Fundisa abafundi ukusho amagama abangawazi ngokunensa okukhulu ukuze bakwazi ukuzwa imisindo yayo ehlukile. (ukuhlukanisa uhlamvu nohlamvu)
- b** Okulandelayo, fundisa abafundi ukubhala umsindo ngamunye abakwazi ukuwuzwa. (Bangase bangakwazi ukupela igama ngendlelala efanele, kodwa lokhu kungaba isinyathelo sokuqala ukubhala amagama abangawazi. Ngokwesibonelo, **zi** lingabhalwa kanje noma **z**. Uthisha angakhela kulokhu bese ebonisa umbhali isipelingi esifanele.
- c** Zama ukufunda imibhalo yemisindo yabafundi, bese ubancoma ngokusebenzisa ulwazi lwabo lwemisindo.

ISU 7: ABABHALI BAFUNDA LOKHU ABAKUBHALAYO

- a** Abafundi bazifundela imisho yabo kuzwakale noma bafundele ozakwabo. Ukufunda umbhalo womunye ekilasini kwenza inqubo yokubhala ibe nomqondo kakhulu.
- b** Njengoba benza lokhu, bahlola ukuthi awekho yini amagama abawashiye ngephutha.
- c** Baphinde bahlole ukuthi ukusetshenziswa kolimi kubhalwe ngendlela elunglele yini.
- d** Okubaluleke kunako konke, kwenze konke lokhu ukuze abafundi bayijabulele indlela ehlelekile yokubhala, baphinde baziqhenye ngalokho abakubhalile.

ISU 8: ABABHALI BAYAJIKA BESE BAYAKHULUMA

- a** Ezikhathini ezahlukene zesifundo, abafundi bangashintshana nozakwabo, futhi banikezane ithuba lokuthi nomunye akhulume.
- b** Lokhu kungenziwa ukuze babonisane ukuthi ingabe bazobhala ngani, bafundelane abakubhalile, baxoxele abanye ngezithombe zabo, noma bahlole ukuthi ingabe bayakuqonda yini okulindele ukuthi bakwenze.
- c** Fundisa abafundi ukubhekana bakhulume behlise amaphimbo abo uma bekhuluma bebhekene.

ISU 9: UKUBAMBA IZINGXOXO EZINCANE

- a** Leli cebo liwusizo kakhulu kubafundi uma bebhala.
- b** Hambahamba egumbini, futhi uthi ukuma uma ubona umfundi exakekile noma edinga usizo.
- c** Bamba izingxoxo ezincane nalowo mfundu.
- d** Khuluma ngomsebenzi womfundu, lalela umfundi, bese usiza umfundi uma kunesidingo.
- e** Khumbula ukuzama nokunika bonke abafundi ukunakwa ngokomuntu ngamunye, futhi uncome imizamo kanye nentuthuko yabo.

Ibanga 1 ITHEMU 4 Isonto

1

ISHLOKO:
Ukuxazulula
izinkinga



Ulwesihlanu Ukulungiselela Ikilasi

- 1 Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
- 2 Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
- 3 Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
- 4 Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: woza nebhulashi lokupenda, izibonelo zezinhlobo ezahlukene zezinkinga, izithombe zabantu abaxazulula inkinga, njl.
- 5 Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: cwaninga ngamaqhinga ongawasebenzisa ukuze uxazulule izinkinga.
- 6 Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zipakishwe ngobunono lapho zibekwa khona.
- 7 Qiniseka ukuthi zonke izincwadi ezinkulu zakho, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.



Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebobwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 50 – 51, Masibhale

Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 52, Masifunde

Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2 Ikhasi 53 – 54, Masibhale

Umsebenzi 4: Dweba isithombe senkinga ongafisa ukuyixazulula.

Umsombuluko



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

YETHULA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)

- 1 Khombisa abafundi ikhava engaphambili yendaba eseNcwadini Enkulu:
Ibhulashi lokupenda
- 2 Tshela abafundi ukuthi siqala isihloko esisha esithi: Ukuxazulula izinkinga
- 3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
- 4 Buza abafundi: *Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
- 5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
- 6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
 - a Yini inkinga?
 - b Yiziphi ezinye zezinkinga oye wabhekana nazo?
 - c Yiziphi ezinye zezindlela zokuxazulula izinkinga?
 - d Yiziphi izinto ezingenza inkinga ibe yimbi kakhulu (esikhundleni sokuyixazulula)?

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihlоко.
 - inkinga
 - xazulula
 - isixazululo
 - ikhono lokusungula izinto

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Yonke inkinga inesixazululo	<i>Khomba ngomunwe wakho emoyeni</i>
Incane noma inkulu kodwa inesixazululo	<i>Khombisa ubuncane nobukhulu ngezandla</i>
Sixazulula izinkinga ngezindlela ezahlukene	<i>Bala ngeminwe yakho</i>
Ngabe unayo inkinga?	--
Iyiphi inkinga oyixazululile namhlanje?	<i>Chaya izandla zakho.</i>



Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela
- 2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babhale:
 - a thula
 - b xapha
 - c chitha
 - d iqhuzu
 - e iholo
 - f ukudla
 - g klela
 - h ihleza
 - i ncela
 - j indima
- 3 Ngemva kwalokho, tshela abafundi ukuba bathathe ipensela yombala bese belungisa umsebenzi wabo.
- 4 Bhala ngokucacile imisindo kanye namagama ebhodini.
- 5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngaphambi Kokufunda

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: QAGELA

- 1 Hlalisa abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
- 2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba: Ibhulashi lokupenda
- 3 Phenya izithombe ekhansi ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
- 4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
- 5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
- 6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala ngesikhathi owaxazulula ngaso inkinga.

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ufaka imisho. Qala ukusebenzisa kahle inkathi yamanje kanye neyedlule lapho ubhala.

UHLAKA LOKUBHALA:

Ngesinye isikhathi...

Ngazizwa...

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazocabanga ngenkinga abake baba nayo.
- 2 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubonise abafundi ukuthi **uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale**.
- 3 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Ngaba nenkinga. Angizange ngithole ipensela yami lapho ngifika esikoleni. Ngaphatheka kabi kakhulu, ngoba ngangingazi ukuthi ishoneph! Ngangingazi ukuthi ngizowenza kanjani umsebenzi wami wesikole wasekhaya ngaphandle kwepensela.
- 4 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze udwebe isithombe sakho ufunu ipensela esikhwameni sakho.
- 5 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye**, njengokuthi: Ngesinye isikhathi angizange ngithole ipensela yami. Ngazizwa ngiphatheke kabi.
- 6 Cima isibonelo sakho ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babbale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNYWAYO


- 1 Cabangani ngezinkinga ezivamile kanye nabafundi.
- 2 Bhala amagama ebhodini, anjengokuthi: ukulahleka, intukuthelo, ukushaya, ukulwa, njl.
- 3 Buza abafundi: Iyiphi inkinga oke waba nayo?
- 4 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babbale**.
- 5 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behulum** nozakwabo ngombono wabo.
- 6 Biza abafundi 2–3 ukuba bazokutshela ngenkinga yabo kanye nendlela abazizwa ngayo.
- 7 Kufanele bathi: Ngesinye isikhathi... / ngazizwa...
- 8 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!

UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi izincwadi.
- 2 Njengoba abafundi besabhalo, hambahamba egumbini futhi ubambe **izingxoxo ezincane**.
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bangeze ilebula.
- 5 Gqugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi ukuthi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.
- 3 Chaza ukuthi nizokwengeza imininingwane emibhalweni yenu ngoLwesithathu.



Ngelinye ildngd ngakhohlwd ipenseld ldmi ekhadyd.

Ngdzizwd nginokwesdbd.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

ISONTOLI
1

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 1**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesibili



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /nx/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /nx/ ?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **nxapha, inxiwa**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **inxeba, inxiwa, uNxamalala, nxapha**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

Bhala u/ izinhlamvu/ amagama / imisho emisha

- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **nx**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babbale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.

- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/imisho ebhaliwe.

inx nw inx nw

inxeba inxeba

inxiwa inxiwa

uNxamalala uNxamalala

nxapha nxapha


Ubaba uNxamalala unenxeba

elikhulu ekhanda.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kokuqala

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUQONDISA: NGIYAZIBUZA / YENZA IZIPHETHO

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>Ibhulashi lokupenda</p> <p>UBohlale wangena ekilasini lakhe. Kwakukhona iphosta elisha odongeni. Lalikhombisa umdwebo ogqamile. UBohlale wagqolozela umdwebo. Wayemangele.</p> <p>Kanنجi uBohlale wayethanda ukulalela ngenkathi yokufunda ngokuhlanganyela. Kodwa namhlanje, kunalokho wamanne wabuka umdwebo.</p> <p>UBohlale uvame ukuthanda ukubala. Kodwa ngenkathi yesifundo sezibalo akazange abale nabanye.</p> <p>Into eyodwa ayecabanga ngayo uBohlale kwakungumdwebo owawusodongeni.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uBohlale wayewuthanda ngempela lomdwesbo ngoba wayengayeki ukucabanga ngawo! Ngiyazibuza ukuthi ingabe kwakungokokuqala yini ukuthi uBohlale abone umdwebo ofana nawo?</p>
<p>Ngenkathi insimbi ikhala, UNks. Mahao wakhipha abafundi ukuthi baye ekhefini.</p> <p>'Bohlale ngicela uzongibona!' esho.</p> <p>'Ngiyabona ukuthi uyathanda ukupenda,' esho.</p> <p>"Mhlawumbe ungakuthanda lokhu!"</p> <p>UNks. Mahao wanikeza uBohlale incwadi.</p>	<p>Ngiyazibuza ukuthi ingabe le ncwadi imayelana nani?</p>
<p>USiya wayelinde uBohlale ngaphandle.</p> <p>'Bheka!' kwasho uBohlale.</p> <p>Bohlale wavula incwadi. Ikhasi ngalinye lalikhombisa umdwebo omusha, neminye imidwebo emihle. UBohlale wayemangele.</p> <p>UKoki wabiza uBohlale ukuthi bazodlala ingqathu.</p> <p>'Angizukwazi namhlanje' ephendula.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uNks. Mahao wabona uBohlale egqolozele umdwebo, ngoba uNks. Mahao wamnikeza incwadi yemidwebo ekhetekile ukuthi ayibuke!</p>
<p>Ngenkathi uBohlale efika ekhaya, wathola ibhokisi lakhe likapende elidala. Kodwa ngenkathi elivula, lalingekho ibhulashi lakhe lokupenda! Wabheka edeskini lakhe. Wabheka nakubhasikidi wakhe wamatoyizi. Akazange alithole ndawo iphulashi lokupenda.</p>	<p>UBohlale wayethanda iphosta entsha esodongweni. Wayethanda imidwebo eyayisencwadini kaNks. Mahao. Manje uBohlale ufuno ukudweba. Ngingaphetha ngokuthi ufuno ukupenda izithombe njengalezi azibone kwiphosta nasencwadini.</p>

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>UBohlale waya ukuyodlala ngaphandle. Wathola icembe elibomvu. Wathola isivalo sebhodela esicwebezelayo.</p> <p>Ubaba kaBohlale waphumela ngaphandle.</p> <p>'Bheka ngitholeni!' esho.</p> <p>'Wow!' kwasho ubaba. 'Buya uzodla isidlo sakusihlwa.'</p>	<p>UBohlale wayengasalitholi ibhulashi lokupenda, kwaze kwafanele ukuthi athole okunye angakwenza. Ngiyazibuza ukuthi uBohlale wayesekhohliwe yini ngokupenda?</p>
<p>Emuva kwestidlo sakusihlwa, uBohlale wagqolozela umdwebo. Wagqolozela iphepha. Kusenjalo uBohlale waba necebo. Wafaka umunwe wakhe kupenda. Waqala ukupenda ngomunwe wakhe. Wayesependa ngecembe elibomvu.</p> <p>Yonke into yaba ibhulashi lokupenda!</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi kungokokuqala uBohlale ukuthi asebenzise okunye ngaphandle kwebhulashi lokupenda.</p>
<p>UBohlale wapenda isikhathi eside, kwaze kwafika ubaba wakhe ekamelweni lakhe.</p> <p>'Sekuyisikhathi sokulala,' esho.</p> <p>'Buka!' esho.</p> <p>'Wow! Ungumdwebi ngempela,' esho, ebheke imidwebo yakhe.</p>	<p>--</p>
<p>Ngokusa okulandelayo, uBohlale wakhetha umdwebo wakhe ayewuthanda kakhulu wawufaka esikhwameni sakhe sezincwadi.</p> <p>'Ngizohamba kusenesikhathi,' etshela umama wakhe.</p> <p>UBohlale wavula umnyango wasekilasini. UNks. Mahao wayezilungiselela umsebenzi wosuku.</p> <p>UBohlale wakhipha umdwebo esikhwameni sakhe sesikole.</p> <p>'Lokhu okwakho,' esho.</p> <p>'Wow!' kwasho uNks. Mahao. 'Mhlawumbe ngolunye usuku imidwebo yakho iyofakwa encwadini.</p>	<p>Ngiyazibuza ukuthi kungani uBohlale efuna ukunika uNks. Mahao umdwebo?</p> <p>Ngingaphetha ngokuthi yingoba uNks. Mahao wasiza uBohlale ukuthi afunde ngokudweba ngokuthi aphanyeke iphosta nokuthi amnikeze incwadi emayelana nemidwebo! Ngingaphetha ngokuthi uBohlale wayefuna ukukhombisa uNks. Mahao ukuthi naye ungumdwebi.</p>
<p>Ngenkathi insimbi ikhala, uBohlale wangena ekilasini. Ezinye izingane zazigqolozele okuthile okusodongeni. uBohlale wabhekisia eduze – kwakungumdwebo wakhe!</p> <p>'Ngifuna ukupenda kanjena! Wezwa kusho enye ingane.</p> <p>UBohlale wayengasakwazi ukulinda ukuphumela ngaphandle ukuze athole izinto ezintsha azozipenda.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uNks. Mahao wayethanda imidwebo kaBohlale, ngoba wayiphanyeka odongeni ukuze wonke umuntu ayibone.</p>

Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo ezilindelekile
Yini eyayisodongeni lwekilasi likaBohlale?	Kwakunephosta entsha odongeni, ebonisa umdwebo ogqamile.
Yini uthisha kaBohlale amnika yona?	Uthisha wakhe wamnika incwadi yemidwebo.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Kungani uBohlale anikeza uNks. Mahau umdwebo?	<ul style="list-style-type: none">• Ngoba wayefuna ukubonga uNks. Mahao ngokumnikeza incwadi.• UNks. Mahau waba nomusa kuBohlale ngakho wayefuna ukunika isipho.• UBohlale wayefuna ukukhombisa uNks. Mahao ukuthi naye angakwazi ukupenda isithombe.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke iklasi neNcwadi **Yokufunda 1**.
- 2 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesithathu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - ukugqolozela
 - ubuciko
 - iciko

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Yonke inkinga inesixazululo	<i>Khomba ngomunwe wakho emoyeni</i>
Incane noma inkulu kodwa inesixazululo	<i>Khombisa ubuncane nobukhulu ngezandla</i>
Sixazulula izinkinga ngezindlela ezahlukene	<i>Bala ngeminwe yakho</i>
Ngabe unayo inkinga?	--
Iyiphi inkinga oyixazululile namhlanje?	<i>Chaya izandla zakho.</i>

UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)

- 1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
- 2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
- 3 Tshela abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
- 4 Nikeza abafundi umzuzu owodwa noma emibili ukuthi bacabange ngemibono yabo.
- 5 Okulandelayo bonke abafundi egenjini kufanele bathole ithuba lokuxoxa indaba abaziqambele yona.
- 6 Khumbuza abafundi ukuthi izindaba zabo kufanele kube ngabazisungulele bona, kodwa zihambisane nezithombe!
- 7 Khumbuza abafundi ukuba balalele ngokucophelela izindaba zozakwabo.
- 8 Bonga abafundi ngokwabelana ngezindaba zabo.





Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /cw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi bawuphinde ka x 3.
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /cw/?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **cwasa, cwecwa, cwayiza**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **cwayiza, cwela, cwecwa, cwala, cwasa**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama eBhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____




Ukubhala Kahle Ngesandla:


Imizuzu eyi-15

Bhala u/ izinhlamvu/ amagama/ nemisho emisha


- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **cw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/ amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.




CW CW CW CW




cwayiza cwayiza




cwela cwela




cwecwa cwecwa




cwala cwala



cwasa cwasa



Umama ucwecwa amazambane



esidlo sakusihwa.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala ngesikhathi owaxazulula ngaso inkinga.

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ufaka imisho. Qala ukusebenzisa kahle inkathi yamanje kanye neyedlule lapho ubhala.

UHLAKA LOKUBHALA:

Ngesinye isikhathi...

Ngazizwa...

Ngaxazulula inkinga ngokuthi...

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazokwengeza umusho embhalweni wabo wangoMsombuluko.
- 2 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazobhala ngendlela abaxazulula ngayo inkinga.
- 3 Fundela abafundi uhlaka lokubhala olusha.
- 4 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubonise abafundi ukuthi uyacabanga **ngaphambi kokuthi ubhale**.
- 5 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Ngaxazulula inkinga ngokuthi ngicelle umngane ukuba angiboleke enye ipensela.
- 6 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze udwebe isithombe ucela ipensela komunye uthisha.
- 7 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye**, njengokuthi: Ngaxazulula inkinga ngokuthi ngicelle umngane.
- 8 Cima isibonelo ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babbale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNWAYO

- 1 Cabangani ngamagama amayelana nokuxazulula inkinga nabafundi.
- 2 Bhala amagama ebhodini, njengokuthi: ukucela, ukuthola, ukufuna, ukusiza, ukukhuluma, njl.
- 3 Buza abafundi: Wayixazulula kanjani inkinga yakho?
- 4 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babbale**.
- 5 Biza abafundi 2–3 bazokutshela indlela abaxazulula ngayo inkinga.
- 6 Kufanele bathi: Ngaxazulula inkinga ngokuthi...
- 7 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!


UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi izincwadi. Yalela abafundi ukuba bathole imibhalo yabo yangoMsombuluko. **Bazokwengeza** lokhu!
- 2 Njengoba abafundi besabhalala, hambahamba phakathi kwegumbi futhi ubambe **izingxoxo ezincane**.
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bangeze ilebula.
- 5 Ggugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA


- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.

Choma umbhalo wabafundi egunjini lapho amehlo omfundu efinyelela khona. Lokhu kuyosiza abafundi ukuthi bakwazi ukuqhuba izingxoxo ngesihloko.



Ngelinye ildngd ngakholwd ipenseld ldmi ekhdyd.

Ngdzizwd ngenokwesdbd.



Ngidzulule inkigd ngokutsheld uthishd wdmi. Wdngiphd elilodwd ukuze ngilisebenzise ngdlelodngd



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

ISONTOLI
1

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi Yekufunda 1.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesine



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

NGIYENZA

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **inxeba**
- 3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: /i/-/nx/-/e/-/b/-/a/
- 4 Yisho umsindo wokuqala wegama: /i/
- 5 Yisho umsindo wesibili wegama: /nx/
- 6 Yisho umsindo wesithathu wegama: /e/
- 7 Yisho umsindo wesine wegama: /b/
- 8 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: /a/
- 9 Bhala igama ebhodini: **inxeba**
- 10 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: /i/-/nxe/-/ba/ = **inxeba**
- 11 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **cwela**

SIYENZA ...

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **inxiwa**
- 3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? /i/
- 4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo owesibili egameni? /nx/
- 5 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /i/
- 6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /w/
- 7 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? /a/
- 8 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: /i/-/nx/-/i/-/w/-/a/
- 9 Bhala igama: **inxiwa**
- 10 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: /i/-/nxi/-/wa/ = **inxiwa**
- 11 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **cwasa**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kwesibili

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUFUNDA: NGIYAZIBUZA / UKWENZA IZIPHETHO

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p>Ibhulashi lokupenda</p> <p>UBohlale wangena ekilasini lakhe. Kwakukhona iphosta elisha odongeni. Lalikhombisa umdwebo ogqamile. UBohlale wagqolozela umdwebo. Wayemangele.</p> <p>Kanigi uBohlale wayethanda ukulalela ngenkathi yokufunda ngokuhlanganyela. Kodwa namhlanje, kunalokho wamane wabuka umdwebo.</p> <p>UBohlale uvame ukuthanda ukubala. Kodwa ngenkathi yesifundo sezibalo akazange abale nabanye.</p> <p>Into eyodwa ayecabanga ngayo uBohlale kwakungumdwebo owawusodongeni.</p>	<p>Ngiyakhumbula ukuthi uBohlale unesethi lakhe lezinto lokupenda. Ngingaphetha ngokuthi uBohlale kungenzeka ukuthi ucabanga ngento angayipenda uma kuphuma isikole</p>
<p>Ngenkathi insimbi ikhala, UNks. Mahao wakhipha abafundi ukuthi baye ekhefini.</p> <p>'Bohlale ngicela uzongibona!' esho.</p> <p>'Ngiyabona ukuthi uyathanda ukupenda,' esho.</p> <p>"Mhlawumbe ungakuthanda lokhu!"</p> <p>UNks. Mahao wanikeza uBohlale incwadi.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uNks. Mahao unguthisha onomusa, ngoba ngenkathi ebona ukuthi uBohlale uthanda lo mdwebo osodongeni, umniyeza incwadi egcwele imidwebo ependiwe.</p>
<p>USiya wayelinde uBohlale ngaphandle.</p> <p>'Bheka!' kwasho uBohlale.</p> <p>Bohlale wavula incwadi. Ikhasi ngalinye lalikhombisa umdwebo omusha, neminye imidwebo emihle. UBohlale wayemangele.</p> <p>UKoki wabiza uBohlale ukuthi bazodlala ingqathu.</p> <p>Angizukwazi namhlanje' ephendula.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uBohlale wayenentshisekelo kwizinhlobo ezahlukene zemidwebo azibona encwadini!</p>
<p>Ngenkathi uBohlale efika ekhaya, wathola ibhokisi lakhe likapende elidala. Kodwa ngenkathi elivula, lalingekho ibhulashi lakhe lokupenda! Wabheka edeskini lakhe. Wabheka nakubhasikidi wakhe wamathoyizi. Akazange alithole ndawo iphulashi lokupenda.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uBohlale wagcina kudala ukusebenzisa ibhokisi lakhe lokupenda, ngoba akasazi ukuthi amabhlashi okupenda ayekuphi! Ngingaphetha ngokuthi wayefuna ukupenda ngenxa yomdwebo ayewubone ekilasini lakhe nasencwadini.</p>

Isonto 1 • Isihloko: Ukuxazulula izinkinga

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p>UBohlale waya ukuyodlala ngaphandle. Wathola icembe elibomvu. Wathola isivalo sebhodlela esicwebezelayo.</p> <p>Ubaba kaBohlale waphumela ngaphandle.</p> <p>'Bheka ngitholeni!' esho.</p> <p>'Wow!' kwasho ubaba. 'Buya uzodla isidlo sakusihlwa.'</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uBohlale wayecabanga ukuthi angeke akwazi ukupenda uma engenalo ibhulashi lokupenda..</p>
<p>Emuva kwestido sakusihlwa, uBohlale wagqolozela umdwebo. Wagqolozela iphepha. Kusenjalo uBohlale waba necebo. Wafaka umunwe wakhe kupenda. Waqala ukupenda ngomunwe wakhe. Wayesependa ngecembe elibomvu.</p> <p>Yonke into yaba ibhulashi lokupenda!</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uBohlale wayenekhono lokusungula, ngoba wabona ukuthi angasebenzisa ezinye izinto eziningi zokupenda – akadingi nokuze abe nebhulashi!</p>
<p>UBohlale wapenda isikhathi eside, kwaze kwafika ubaba wakhe ekamelweni lakhe.</p> <p>'Sekuyisikhathi sokulala,' esho.</p> <p>'Buka!' esho.</p> <p>'Wow! Ungumdwebi ngempela,' esho, ebheke imidwebo yakhe</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uBohlale kungenzeka ukuthi wayezizwa eziqhanya ngalo lonke ikhono lokupenda, ikakhulukazi emuva kokuthi ubaba wakhe athi ungumdwebi ngempela!</p>
<p>Ngokusa okulandelayo, uBohlale wakhetha umdwebo wakhe ayewuthanda kakhulu wawufaka esikhwameni sakhe sezincwadi.</p> <p>'Ngizohamba kusenesikhathi,' etshela umama wakhe.</p> <p>UBohlale wavula umnyango wasekilasini. UNks. Mahao wayezilungiselela umsebenzi wosuku.</p> <p>UBohlale wakhipha umdwebo esikhwameni sakhe sesikole.</p> <p>'Lokhu okwakho,' esho.</p> <p>'Wow!' kwasho uNks. Mahao. 'Mhlawumbe ngolunye usuku imidwebo yakho iyofakwa encwadini.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi wayejabulele ukukhombisa uNks. Mahao imidwebo yakhe ngoba waya esikoleni kusenesikhathi! Uma ngijabulele ukuya endaweni ethile, ngivame ukusheshe ngifike lapho, njengoBohlale!</p>
<p>Ngenkathi insimbi ikhala, uBohlale wangena ekilasini. Ezinye izingane zazigqolozele okuthile okusodongeni. uBohlale wabhekisisa eduze – kwakungumdwebo wakhe!</p> <p>'Ngifuna ukupenda kanjena! Wezwa kusho enye ingane.</p> <p>UBohlale wayengasakwazi ukulinda ukuphumela ngaphandle ukuze athole izinto ezintsha azozipenda.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uBohlale wayezizwa eziqhanya ngemidwebo yakhe. Ngingaphetha ngokuthi uBohlale uzoghube ka nokupenda izinto ezintsha ezithakazelisayo</p>

Imibuzo yokulandelela	Izimpendulo
Yiziphi izinto uBohlale azisebenzisa ukuze apende ngazo?	Wasebenzisa umunwe wakhe, icembe, kanye nesivalo sebhodlela
Kungani uBohlale angazange apende ngebhulishi likapende?	Ngoba akazange athole ibhulashi likapende angapenda ngalo.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Kungani uBohlale ejabulele ukuya ngaphandle ukuze athole izinto ezintsha azopenda ngazo?	<ul style="list-style-type: none"> Ngoba ofuna ukuthola izinto ezintsha azopenda ngazo. Ngoba uzizwa eziqhenya ngemidwebo yakhe. Uzizwa ejabulele ukwenza eminye imidwebo. Ngoba kumnandi ukupenda ngezinto ezahlukene. Ngoba ofuna ukuzama ukupenda ngezinto ezahlukahlukene ezintsha. Ngoba kwakumnandi kakhulu ngenkathi ependa. Ofuna ukupende okuningi. Uyathanda ukusungula izinto nokupenda ngezinto ezahlukahlukene ezintsha. Mhlawumbe ofuna ukwenzela uNks. Mahao umdwebo omusha azowuphanyeka odongeni.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 1**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 1 wangoLwesine**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 2 wangoLwesine**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owallalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesihlanu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Eshloko.
 - gqugquzelala
 - penda
 - yenza

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Yonke inkinga inesixazululo	<i>Khomba ngomunwe wakho emoyeni</i>
Incane noma inkulu kodwa inesixazululo	<i>Khombisa ubuncane nobukhulu ngezandla</i>
Sixazulula izinkinga ngezindlela ezahlukene	<i>Bala ngeminwe yakho</i>
Ngabe unayo inkinga?	--
Iyiphi inkinga oyixazululile namhlanje?	<i>Chaya izandla zakho.</i>

INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

- 1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Bohlale wagqugquzeleka ukuba apende ngoba ...
Engikuthandile kube yilapho...
Le ndaba inokuxhumana nesihloko sethu esithi '*Ukuxazulula izinkinga*' ngoba...
- 2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
- 3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane**.
- 4 Tshela abafundi ukuthi umfundsi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
- 5 Cela abafundi bonke ukuthi bakunake futhi bakulalele.
- 6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
- 7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
- 8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Thola Igama

Bhala ithebulu ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

nx	cw	i
e	a	b
w	p	h
l	s	m
u	y	z

TSHENGISA

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: /nx/ kanye /cw/
- 2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amanangi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
- 4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe:
njengokuthi:
/cw/-/a/-/s/-/a/ = cwasa
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma iyiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa **/l/-/a/-/m/-/a/ = lama**

OKWENZIWA ABAFUNDI

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babbale isihloko: **nx, cw**
- 2 Yalela abafundi ukuthi baqale babbale.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amanangi abangakwazi ukuwakha.
- 4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **inxeba, inxiwa, uNxamalala, nxapha, cwayiza, cwela, cwecwa, cwala, cwasa, lama, lalela, sula, phila**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngemva Kokufunda

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: FINGQA / YENZA IZIPHETHO

YAKHA ISITHOMBE SOMBHALO

- 1 Hlalisa kahle abafundi emadeskini abo, namabhuku abo noma amaphepha angabhalwanga, amapensela kanye namakhrayoni.
- 2 Chaza ukuthi namuhla abafundi **bazokwenza isiphetho bese bedweba** ngalokho okungase kwenzeke ngokulandelayo uma indaba iqhubeka.
- 3 **Tshengisa** indlela **yokubona ngeso lengqondo into ebalulekile esendabeni**, njengokuthi: Ngicabanga ukuthi ngesikhathi sekhefu, uBohlale uzothola into azopenda ngayo, ekanye nabanye abafundi abasekilasini lakhe.
- 4 Dweba isithombe sakho ebhodini sikaBohlale kanye nabanye abafundi ngaphandle benamacembe, izivalo zamabhodlela, amatshe, njl.
- 5 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bazokwenza isiphetho ngalokho okungase kwenzeke ngokulandelayo.
- 6 Tshela abafundi ukuthi bavale amehlo bese banethezeka. Phinda ubafundele umbhalo.
- 7 Tshela abafundi ukuthi bavule amehlo bese bedweba imibono yabo ngaloko okungase kwenzeke ngokulandelayo.
- 8 Ekugcineni, cela abafundi ukuthi **bajike bese beyakhulumu**, nokuthi babelana ngemidwebo yabo nabalingani.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke iklasi **neNcwadi Yokufunda1**.
- 2 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto

Imizuzu eyi-15

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
- 2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezelo kolokuqala.
- 3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi 'Bajike bese Beyakhulum'a futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
- 4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenjeni yengxoxo yolimi:
 - a Sithini isihloko sethu solimi sonto?
 - b Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?
 - c Imaphi amagama amasha owathandile esonto?
 - d Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?
 - e Sibhale ngani kuleli sonto?
 - f Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - g Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - h Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?
- 5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeniyabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikolenikuleli sonto.

Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.

Ibanga 1 ITHEMU 4 Isonto

2

ISHLOKO:
Ukuxazulula
izinkinga



Ulwesihlanu Ukulungiselela Ikilasi

- 1 Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
- 2 Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
- 3 Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
- 4 Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: woza nesitsha sommbila noma izithombe zommbila
- 5 Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: cwaninga ngezindlela zamakhono okuxazulula izinkinga.
- 6 Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zipakishwe ngobunono lapho zibekwa khona.
- 7 Qiniseka ukuthi zonke izincwadi ezinkulu zakho, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.



Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebobwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 55, Masenze

Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 56, Masifunde

Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 57 – 58, Masibhale

Umsebenzi 4: Dweba isithombe sangesikhathi wenza ikhono lokusungula izinto.

Umsombuluko



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ISONTO 2

BUYEKEZA ISIHLOKO: HLOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

- 1 Khombisa abafundi isithombe sabapristi bama-Aztec abaphezulu ethempelini endabeni eseNcwadini Enkulu ethi: Inganekwane yommbila
- 2 Tshela abafundi ukuthi siyaqhube ka nesihloko esithi: Ukuxazulula izinkinga
- 3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
- 4 Buza abafundi: *Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
- 5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
- 6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
 - a Yiziphi ezinye zezindlela ezikahle zokuxazulula izinkinga?
 - b Yiziphi ezinye zezinselele ezenza ukuxazulula inkinga kube nzima?
 - c Kwenza uzipwe kanjani ukuba nenkinga?
 - d Kwenza uzipwe kanjani ukuxazulula inkinga?

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - ummbila
 - endulo
 - inganekwane

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Yonke inkinga inesixazululo	<i>Khomba ngomunwe wakho emoyeni</i>
Incane noma inkulu kodwa inesixazululo	<i>Khombisa ubuncane nobukhulu ngezandla</i>
Sixazulula izinkinga ngezindlela ezahlukene	<i>Bala ngeminwe yakho</i>
Ngabe unayo inkinga?	--
Iyiphi inkinga oyixazululile namhlanje?	<i>Chaya izandla zakho.</i>



Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela
- 2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babbale: (inani alifani kuye ngolimi)
 - a inxeba
 - b inxiwa
 - c unxamalala
 - d nxapha
 - e cwayiza
 - f cwela
 - g cwecwa
 - h cwala
 - i cwasa
- 3 Ngemva kwalokho, tshela abafundi ukuba bathathe ipensela yombala bese belungisa umsebenzi wabo.
- 4 Bhala ngokucacile imisindo kanye namagama ebhodini.
- 5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngaphambi Kokufunda

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: QAGELA

- 1 Hlalisa abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
- 2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba: Inganekwane yommbila.
- 3 Phenza izithombe ekhansi ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
- 4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
- 5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
- 6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala eyakho inganekwane emayelana nendlela yokuthola ummbila.

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ufaka umusho. Lokhu kuzoba yingxenyen yencwadi yekilasi yasekhoneni lokufunda.

UHLAKA LOKUBHALA:

Ukube ngangiwunkulunkulu / unkulunkulukazi wasendulo wama-Aztec, ngangizo...

Ngemva kwalokho ngangizo...

ISONTO 2

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazobhala ngene indlela yokuthola ummbila owawungemva kwezintaba.
- 2 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubonise abafundi ukuthi **uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale.**
- 3 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Ngicabanga ukuthi ukube ngangiwunkulunkukazi wasendulo wama-Aztec, ngangizondiza ngaphezu kwezintaba ukuze ngiyothola ummbila. Ngicabanga ukuthi lokhu kwakuzosebenza, ngoba abanye onkulunkulu nonkulunkulukazi basendulo kubonakala sengathi babekwazi ukundiza.
- 4 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze udwebe isithombe sakho unjengonkulunkulu / nkulunkulukazi wasendulo wama-Aztec, undiza ngaphezu kwezintaba.
- 5 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. Dweba **umugqa egameni ngalinye**, njengokuthi: **Ukube ngangiwunkulunkulu / unkulunkulukazi wasendulo wama-Aztec, ngangizondiza. Khona-ke ngangizondiza ngaphezu kwezintaba.**
- 6 Cima isibonelo sakho ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babbale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNWAYO


- 1 Cabangani ngamaqhinga ehlukene nabafundi.
- 2 Bhala amagama ebhodini, njengokuthi: ukuhamba, ukugijima, ukundiza, ukuziguqula, njl.
- 3 Buza abafundi: Yini ongathanda ukuyithuthukisa emphakathini wakini?
- 4 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babbale.**
- 5 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behulum** nozakwabo ngombono wabo.
- 6 Biza abafundi 2–3 ukuba bazokutshela ngendlela abangathola ngayo ummbila.
- 7 Kufanele bathi: **Ukube ngangiwunkulunkulu / unkulunkulukazi wasendulo wama-Aztec, ngangizo...**
- 8 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!

UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi izincwadi.
- 2 Njengoba abafundi besabhalo, hambahamba egumbini futhi ubambe **izingxoxo ezincane**.
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bafake ilebula.
- 5 Gqugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi ukuthi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.
- 3 Chaza ukuthi nizokwengeza imininingwane emibhalweni yenu ngoLwesithathu.



Umd bengixisithixo seAztec sakuddid,
bengizoqind.

Khond ngizokwdzi ukunqumd phakdthi
kwezintdbd.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 2**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesibili



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /dw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /dw/ ?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **dweba, idwala, dwebela**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **idwala, isidwedwe, dweba, isidwaba, dwebela**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

Bhala u/ izinhlamvu / amagama / imisho emisha

- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **dw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babbale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.


- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/imisho ebhaliwe.

ISONTO 2

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kokuqala

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUQONDISA: NGIYAZIBUZA / YENZA IZIPHETHO

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p><u>Inganekwane yommbila</u></p> <p><i>Ingabe bewazi yini ukuthi ummbila awumane umile noma yikuphi endle? Ummfila kufanele utshalwe futhi uvikelwe ngabantu. Ummfila watshalwa okokuqala eMexico phakathi kweminyaka yezi – 7,000 kanye 10,000 edlule kanti namanje useyingxene ebalelekile ekudleni okulinyayo kwaseMexico. Ama-Aztec ngabantu bomdabu baseMexico. le ndaba</i></p> <p><i>isekelwe endaben'i yakudala kakhulu yama-Aztec emayelana nemvelaphi yommbila.</i></p> <p>Kule ndaba sizohlangabezana nonkulunkulu bama-Aztec abalandelayo:</p> <p>Tlaloc unkulunkulu wemvula (ubizwa ngokuthi Tla'h –lock)</p> <p>Tonatiuh unkulunkulu welanga (ubizwa ngokuthi Toh-nah-tee-uh)</p> <p>Tlaltechutli unkulunkulukazi womhlaba (ubizwa ngokuthi Tlal-teh-koo-tlee)</p> <p>Quetzalcoatl unkulunkulu wolwazi (ubizwa ngokuthi Keh-tzal-coh-atl)</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi namuhla sizofunda indaba emayelana nonkulunkulu nonkulunkulukazi bama-Aztec ngenxa yowlazi esiluthola lapha!</p>
<p>Esikhathini sasendulo endaweni ekude kakhulu abantu bama-Aztec eMexico babehlala endaweni ezungezwe yizintaba ezinkulu. Babedla imifino eyizimpande kanye nezinyamazane ababezizingela ukuze bazidle. Babesutha, kodwa babenganelisekile. Babelangazelela ukuthola ummbila – kodwa wawufihleke ngemuva kwezintaba, endaweni ekude lapho kungafinyelela khona noma yimuphi umuntu.</p>	<p>Ama-Aztec kwakungabantu bokuqala emhlabeni ukuthi batshale ummbila. Ngingaphetha ngokuthi lena yinganekwane emayelana nendlela ukutshalwa kommbila okwaqala ngayo.</p>
<p>Abapristi bama-Aztec bezwa izikhalo zabantu babo, ababefuna ummbila omnandi. Ngakho, ngolunye usuku ekuseni abapristi abathathu ababenamandla kakhulu bakhuphukela ethempeleni elikhulukazi futhi elihle kakhulu. Belapho, banxusa onkulunkulu ukuthi babasize.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi ama-Aztec asendulo ayekholelw' konkulunkulu abangaphezu koyedwa, ngoba kuthiwa abapristi banxusa onkulunkulu ukuthi babasize.</p>
<p>Okokuqala, abapristi bacela uTlaloc, unkulunkulu wemvula.</p> <p>'Tlaloc onamandla siyacela, abantu bethu balangazelela ummbila. Siyasutha kodwa asenelisekile! Sicela usisize! kunxusa abapristi.</p>	--

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>'Ngizonisiza!' kuperhendula uTlaloc ngezwi elindondayo. 'Ngizohlukanisa lezi zintaba. Ngemva kwalokho, nizothola ummbila!'</p> <p>UTlaloc wazama ukuhlukanisa izintaba ezinkulu, kodwa wayengenawo amandla anele.</p>	
<p>Ngokulandelayo, abapristi bacela uTonatiuh, unkulunkulu welanga.</p> <p>Tonatiuh onamandla siyacela, abantu bethu balangazeleta ummbila. Siyasutha kodwa asanelisekile! Sicela usisize! kunxusa abapristi.</p> <p>'Ngizonisiza nitnole ummbila eniwulangazelelalo!' kuperhendula uTlaloc eveza imisebe ecwebezelayo. 'Yimina kuperhela onamandla anele ukuze ngenze lo msebenzi,' esho.</p> <p>UTonatiuh wazama ukusebenzisa amandla akhe ukuze ahlukanise izintaba ezinkulu, kodwa wayengenawo amandla anele.</p>	<p>Ngibona lo mlingiswa ebuka abanye onkulunkulu. Ngingaphetha ngokuthi lo mlingiswa ungomunye unkulunkulu noma unkulunkulukazi.</p>
<p>Ngemva kwalokho, abapristi baphendukela kuTlaltechutli, unkulunkulukazi womhlaba.</p> <p>Tlaltechutli omkhulu siyacela, abantu bethu balangazeleta ummbila. Siyasutha kodwa asanelisekile! Sicela usisize! kunxusa abapristi.</p> <p>'Ngizonisiza nitnole ummbila eniwulangazelelalo!' kusho uTlaltechutli, ngezwi lakhe elibhongayo. 'Nginamandla kakhuu ukwedlula uTlaloc noma uTonatiuh. Ngiphuza amanzi futhi ngethamela ilanga nsuku zonke. Kumele kube yimina ozohlukanisa lezi zintaba nginisize ukuthi nitnole ummbila wenu!' esho.</p> <p>UTlaltechutli wazama kaningi ukuhlukanisa izintaba ezinkulu, kodwa akazange abe nawo amandla anele.</p>	<p>Ngiyazibuza ukuthi kungani lo mlingiswa ebuka abanye onkulunkulu nonkulunkulukazi?</p> <p>Ngiyazibuza ukuthi lo mlingiswa olandelayo uzosiza yini?</p>
<p>Abapristi babeqala ukusuka ethempeleni lapho bezwa ukubhakuza kwezimpaphe. Babheka phezulu babona uQuetzalcoatl, unkulunkulu wolwazi.</p> <p>'Kungani ninganxusi mina?' kubuza uQuetzalcoatl, ngephimbo eliphophile.</p> <p>'Uzozihlukanisa kanjani izintaba uma zihlule onkulunkulu nonkulunkulukazi bethu abanamandla?' kubuza abapristi, benikina amakhanda abo. 'Ngeke siwuthole ummbila!'</p> <p>'Kungenzeka ukuthi anginawo amandla kanye nezikhwepha, kodwa nginokunye okunamandla angeziwe. Nginekhono lokwenza izinto kanye nokuhlakanipha,' kusho uQuetzalcoatl.</p>	<p>Oh! Ngibone uQuetzalcoatl ngaphambili endaben! Wayebuka abanye bezama ukwehlukanisa izintaba. Ngingaphetha ngokuthi wafunda kulokhu abanye abakwenzile. Ngicabanga ukuthi unecebo elehlukile lokufinyelela kulowo mmbila!</p>

Isonto 2 • Isihloko: Ukuxazulula izinkinga

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
Abapristi babukela njengoba uQuetzalcoatl ezishintsha eba intuthwane encane emnyama, wayeseqonda ezintabeni ezinkulu.	Oh, ngingaphetha ngokuthi uQuetzalcoatl wafunda kulokho okwazanywa abanye onkulunkulu nonkulunkulukazi. Ngiyabona ukuthi wanquma ukuzama into ehlukile!
Indlela ayithatha yayinobunzima obuningi, kodwa uQuetzalcoatl wayezimisele ukusiza abantu bama-Aztec ukuthi bathole umrbila wabo oyigugu. Emuva kwezinsuku eziningi, wagcina efikile ngale kwezintaba – ezazisithe insimu yommbila omuhle, osagolide. Wathatha uhlamvu olulodwa ngamazinyo akhe amancane ezintuthwane wase eqala uhambo lwakhe oluphindela kuma-Aztec.	Ngingaphetha ngokuthi kwakunezingozi eziningi ukunqamula izintaba. Mhlawumbe, ngenxa yokuthi izintuthwane zincane kakhulu, zingahamba zinganakeki. Ngiphinde futhi ngabona ukuthi izintuthwane zingagibela phezu kwanoma yini!
Lapho uQuetzlacoatl ebuya, wabeka uhlamvu oluncane lommbila ezandleni zoyedwa wabapristi. 'Manje uyabona – akuzona zonke izinkinga ongazixazulula ngamandla nangezikhwepha. Ikhono lokwenza izinto nokuhlakanipha kungaba namandla kakhulu!' esho.	Ngiyakhumbula ukuthi abapristi babecabanga ukuthi uQuetzlacoatl ngeke akwazi ukusiza ngoba wayengenawo amandla njengalaba abanye onkulunkulu nonkulunkukazi. Kodwa wabakhombisa ukuthi amandla akayona yodwa indlela yokuxazulula inkinga!
Kusukela ngalolo suku ama-Aztec azimisela ngokulima nangokuvuna umrbila – enza zonke izidlo ezimnandi ngenhlamvu zavo.	--

Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo ezilindelekile
Yini eyayifunwa abantu bama-Aztec?	Babefuna umrbila owawungale ngemva kwezintaba.
Yini eyayibukwa uQuetzalcoatl eyayenziwa abanye onkulunkulu nonkulunkulukazi ukuze bezame ukuthola umrbila?	Wababuka bonke bezama ukusebenzia amandla abo ukuhlukanisa izintaba.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Kungani uQuetzalcoatl engazange azame ukuhlukanisa izintaba?	<ul style="list-style-type: none"> • Ngoba wabuka abanye onkulunkulu nonkulunkulukazi bezama wayesebona ukuthi akusebenzi. • Ngoba wayenecebo elingcono. • Ngoba wafunda emaphutheni onkulunkulu nonkulunkulukazi abangaphambili wayesenquma ukuzama into eyahlukile. • Ngoba wasebenzia ikhono lakhe lokwenza izinto kanye nokuhlakanipha ukuza necebo elingcono.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 2**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 1 wangoLwesibili**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 2 wangoLwesibili**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesithathu

Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Eshloko.
 - ukuhlakanipha
 - amandla
 - ikhono lokwenza izinto

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Yonke inkinga inesixazululo	<i>Khomba ngomunwe wakho emoyeni</i>
Incane noma inkulu kodwa inesixazululo	<i>Khombisa ubuncane nobukhulu ngezandla</i>
Sixazulula izinkinga ngezindlela ezahlukene	<i>Bala ngeminwe yakho</i>
Ngabe unayo inkinga?	--
Iyiphi inkinga oyixazululile namhlanje?	<i>Chaya izandla zakho.</i>

UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

- 1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
- 2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
- 3 Khumbuza abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
- 4 Kuleli sonto, abafundi kufanele basebenze njengeqembu ekunqumeni indaba yeqembu.
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibe nobuciko, iphindie futhi ihambisane nezithombe!
- 6 Cela ikilasi ukuba lilalele futhi linake.
- 7 Cela amaqembu 1–2 ehlukene ukuba azoxoxa izindaba zeqembu lazo.
- 8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.





Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /gw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi bawuphinde ka x 3.
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /gw/?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **igwala, isigwili, gweba**

ISONTO 2

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **igwala, igwababa, ugxadule, isigwili, gweba**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama eBhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____




Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

Bhala u/ imisindo/ amagama/ nemisho emisha


- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **gw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babbale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/ amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.




gw gw gw gw




igwala igwala



igwababa igwababa




ugwadule ugwadule



isigwili isigwili



gweba gweba



Isigwili sidayisa amagwababa



ogwadule olomile.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala eyakho inganekwane emayelana nendlela yokuthola ummbila.

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ufaka umusho. Lokhu kuzoba yingxenyen yencwadi yekilasi yasekhoneni lokufunda.

UHLAKA LOKUBHALA:

Ukube ngangiwunkulunkulu / unkulunkulukazi wasendulo wama-Aztec, ngangizo...

Ngemva kwalokho ngangizo...

Ngangizothola...

ISONTO 2

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazokwengeza imisho embhalweni wabo wangoMsombuluko.
- 2 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazobhala ngendlela yokuthola ummbila bese bewulethela abantu bama-Aztec.
- 3 Fundela abafundi uhlaka lokubhala olusha.
- 4 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubonise abafundi ukuthi uyacabanga **ngaphambi kokuthi ubhale**.
- 5 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Ngangizothatha uhlanya oluphelele lommbila ukuze abantu abanangi bezoba nonhlamvu abangalutshala. Khona-ke, onke ama – Aztec ayengaba nommbila wawo.
- 6 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ufake imininingwane kumdwebo wakho, njengokuthi: ukubuya nommbila kuma-Aztec.
- 7 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye**, njengokuthi: Ngingathatha uhlanya lommbila bese ngenikeza umuntu ngamunye uhlamvu olulodwa.
- 8 Cima isibonelo ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babbale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNYWAYO

- 1 Cabangani ngamagama ommbila nabafundi.
- 2 Bhala amagama ebhodini, njengokuthi: uhlanya, insimu, uhlamvu, izimpande, amakhoba, njl.
- 3 Buza abafundi: Wawungathatha ummbila ongakanani? Yini owawuzoyenza ngawo?
- 4 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babbale**.

- 5 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngombono wabo.
- 6 Biza abafundi 2–3 bazokutshela ngalokho ababezokwenza ngommbila wabo.
- 7 Kufanele bathi: Ngangizothatha...
- 8 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese belebula izithombe zabo!


UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi izincwadi.
- 2 Njengoba abafundi besabhalala, hambahamba phakathi kwegumbi futhi ubambe **izingxoxo ezincane**.
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bafake ilebula.
- 5 Ggugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.

Hlanganisa wonke umsebenzi wabafundi wangaleli sonto ube yincwadi. Yibeke ekhoneni lokufunda ukuze abafundi bayifunde ngesikhathi sokufunda ngokuzimela.



Umd bengixisithixo seAztec sakuddid,
bengizoqind.

Khond ngizokwdzi ukunqumd phakdthi
kwezintdbd.



Bengizothold ummbild bese ngabeldnd ngdwo
kuwowonke umuntu.




Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1** Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yekufunda 2**.
- 2** Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
- 3** Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4** Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5** Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6** Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu**.
- 7** Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8** Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9** Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesine



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

NGIYENZA

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **dweba**
- 3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: /dw/-/e/-/b/-/a/
- 4 Yisho umsindo wokuqala wegama: /dw/
- 5 Yisho umsindo wesibili wegama: /e/
- 6 Yisho umsindo wesithathu wegama: /b/
- 7 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: /a/
- 8 Bhala igama ebhodini: **dweba**
- 9 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: /dwe/-/ba/ = **dweba**
- 10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **gweba**


SIYENZA ...

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **idwala**
- 3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? /i/
- 4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo owesibili egameni? /dw/
- 5 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /a/
- 6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /l/
- 7 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? /a/
- 8 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: /i/-/dw/-/a/-/l/-/a/
- 9 Bhala igama: **idwala**
- 10 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: /i/-/dwa/-/la/ = **idwala**
- 11 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **igwala**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(im) sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kwesibili

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUFUNDA: NGIYAZIBUZA / YENZA IZIPHETHO

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p><u>Inganekwane yommbila</u></p> <p><i>Ingabe bewazi yini ukuthi ummbila awumane umile noma yikuphi endle? Ummfila kufanele utshalwe futhi uvikelwe ngabantu. Ummfila watshalwa okokuqala eMexico phakathi kweminyaka yezi – 7,000 kanye 10,000 edlule kanti namanje useyingxene ebalulekile ekudleni okulinyayo kwaseMexico. Ama-Aztec ngabantu bomdabu baseMexico. Le ndaba isekelwe endaben i yakudala kakhulu yama-Aztec emayelana nemvelaphi yommbila.</i></p> <p>Kule ndaba sizohlangabezana nonkulunkulu bama-Aztec abalandelayo:</p> <p>Tlaloc unkulunkulu wemvula (ubizwa ngokuthi Tla'h –lock)</p> <p>Tonatiuh unkulunkulu welanga (ubizwa ngokuthi Toh-nah-tee-uh)</p> <p>Tlaltechutli unkulunkulukazi womhlaba (ubizwa ngokuthi Tlal-teh-koo-tlee)</p> <p>Quetzalcoatl unkulunkulu wolwazi (ubizwa ngokuthi Keh-tzal-coh-atl)</p>	<p>Kwenza umqondo kimina ukuthi uQuetzalcoat unkulunkulu wolwazi, ngoba ngikhumbula ukuthi kule ndaba usebenzisa ukuhlakanipha kanye nekhono lokwenza izinto ukuze asize ngokuxazulula inkinga.</p>
<p>Esikhathini sasendulo endaweni ekude kakhulu abantu bama-Aztec eMexico babehlala endaweni ezungezwe yizintaba ezinkulu. Babedla imifino eyizimpande kanye nezinyamazane ababezizingela ukuze bazidle. Babesutha, kodwa babenganelisekile. Babelangazelela ukuthola ummbila – kodwa wawufihleke ngemuva kwezintaba, endaweni ekude lapho kungafinyelela khona noma yimuphi umuntu.</p>	<p>Ngibona ngeso lengqondo ummbila ofihleke endaweni emuva kwezintaba.</p>
<p>Abapristi bama-Aztec bezwa izikhalo zabantu babo, ababefuna ummbila omnandi. Ngakho, ngolunye usuku ekuseni abapristi abathathu ababenamandla kakhulu bakhuphukela ethempeleni elikhulukazi futhi elihle kakhulu. Belapho, banxusa onkulunkulu ukuthi babasize.</p>	--

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p>Okokuqala, abapristi bacela uTlaloc, unkulunkulu wemvula.</p> <p>Tlaloc onamandla siyacela, abantu bethu balangazelela ummbila. Siyasutha kodwa asenelisekile! Sicela usisize! kunxusa abapristi.</p> <p>'Ngizonisiza!' kuperhendula uTlaloc ngezwi elindondayo. 'Ngizohlukanisa lezi zintaba. Ngemva kwalokho, nizothola ummbila!'</p> <p>UTlaloc wazama ukuhlukanisa izintaba ezinkulu, kodwa wayengenawo amandla anele.</p>	<p>Ngikhumbula ukuthi amandla awasebenzi uma ufunu ukuhlukanisa izintaba. Ngibona ngeso lengqondo uQuetzalcoat ebuka uTlaloc ezama ukuhlukanisa izintaba. Ngimbona ecabanga ngendlela angakwazi ukusiza ngayo ama-Atec ukuthi athole ummbila.</p>
<p>Ngokulandelayo, abapristi bacela uTonatiuh, unkulunkulu welanga.</p> <p>Tonatiuh onamandla siyacela, abantu bethu balangazelela ummbila. Siyasutha kodwa asenelisekile! Sicela usisize! kunxusa abapristi.</p> <p>'Ngizonisiza nthole ummbila eniwulangazelelayo!' kuperhendula uTlaloc eveza imisebe ecwebezelayo. 'Yimina kuperhela onamandla anele ukuze ngenze lo msebenzi,' esho.</p> <p>UTonatiuh wazama ukusebenzisa amandla akhe ukuze ahlukanise izintaba ezinkulu, kodwa wayengenawo amandla anele.</p>	<p>Ngibona ngeso lengqondo uQuetzalcoat enikina ikhanda lakhe, ecabanga ngokuthi kuwubuwula kangakanani ukuthi uTonatiuh azame into efana nciamashi nekaTlaloc.</p>
<p>Ngemva kwalokho, abapristi baphendukela kuTlaltechutli, unkulunkulukazi womhlaba.</p> <p>Tlaltechutli omkhulu siyacela, abantu bethu balangazelela ummbila. Siyasutha kodwa asenelisekile! Sicela usisize! kunxusa abapristi.</p> <p>'Ngizonisiza nthole ummbila eniwulangazelelayo!' kusho uTlaltechutli, ngezwi lakhe elibhongayo. 'Nginamandla kakhuu ukwedlula uTlaloc noma uTonatiuh. Ngiphuza amanzi futhi ngethamela ilanga nsuku zonke. Kumele kube yimina ozohlukanisa lezi zintaba nginisize ukuthi nthole ummbila wenu!' esho.</p> <p>UTlaltechutli wazama kaningi ukuhlukanisa izintaba ezinkulu, kodwa akazange abe nawo amandla anele.</p>	<p>Ngibona ngeso lengqondo uQuetzalcoat ehleka ngenkathi ebuka uTlaltechutli ezama into efana nciamashi nalena ezanywe abanye ababili. Ngingaphetha ngokuthi ucabanga ngendlela ehlukile angayixazulula ngayo le nkinga.</p>

Isonto 2 • Isihloko: Ukuxazulula izinkinga

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p>Abapristi babeqala ukusuka ethempeleni lapho bezwa ukubhakuza kwezimpaphe. Babheka phezulu babona uQuetzalcoatl, unkulunkulu wolwazi.</p> <p>'Kungani ninganxusi mina?' kuba uQuetzalcoatl, ngephimbo elipholile.</p> <p>'Uzozihlukanisa kanjani izintaba uma zihlule onkulunkulu nonkulunkulukazi bethu abanamandla?' kuba abapristi, benikina amakhanda abo. 'Ngeke siwuthole ummbila!'</p> <p>'Kungenzeka ukuthi anginawo amandla kanye nezikhwepha, kodwa nginokunye okunamandla angeziwe. Nginekhono lokwenza izinto kanye nokuhlakanipha,' kusho uQuetzalcoatl.</p>	<p>UQuetzalcoatl ungunkulunkulu wolwazi.</p> <p>Ngingaphetha ngokuthi uzosiza ama-Aztec ngesikhathi futhi ewakhombisa ukubaluleka kolwazi nokuzama izinto ezintsha.</p>
<p>Abapristi babukela njengoba uQuetzalcoatl ezishintsha eba intuthwane encane emnyama, wayeseqonda ezintabeni ezinkulu.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uQuetzalcoatl wanquma ukuthi udinga ukuthi aziguqule abe isidalwa esincane esingagibela phezu kwanoma yini, futhi ihambe amabanga amade.</p>
<p>Indlela ayithatha yayinobunzima obuningi, kodwa uQuetzalcoatl wayezimisele ukusizaabantu bama-Aztec ukuthi bathole ummbila wabo oyigugu. Emuva kwezinsuku eziningi, wagcina efikile ngale kwezintaba – ezazisithe insimu yommbila omuhle, osagolide. Wathatha uhlamu olulodwa ngamazinyo akhe amancane ezintuthwane wase eqala uhambo lwakhe oluphindela kuma-Aztec.</p>	<p>Ngiyazibusa ukuthi ama-Aztec azocabangani ngoQuetzalcoatl lapho ebuya kuwo nommbila? Ngicabanga ukuthi bazobona ukubaluleka kokusebenzisa ukuhlakanipha kanye nekhono lokwenza izinto ukuxazulula izinkinga!</p>
<p>Lapho uQuetzacoatl ebuya, wabeka uhlamu oluncane lommbila ezandleni zoyedwa wabapristi.</p> <p>'Manje uyabona – akuzona zonke izinkinga ongazixazulula ngamandla nangezikhwepha. Ikhono lokwenza izinto nokuhlakanipha kungaba namandla kakhulu!' esho.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi ama-Aztec afunda into ebalulekile kunkulunkulu wolwazi ngalolo suku! Afunda ukuthi kungadinga ikhono lokwenza izinto kanye nokuhlakanipha ukuxazulula izinkinga!</p>
<p>Kusukela ngalolo suku ama-Aztec azimisela ngokulima nangokuvuna ummbila – enza zonke izidlo ezimnandi ngenhlamvu zavo.</p>	<p>Ngicabanga ukuthi emva kokuba uQuetzalcoatl esize ama-Aztec ukuthi athole ummbila, kufanele ukuthi waba unkulunkulu wabo obaluleke kakhu!</p>

Imibuzo yokulandelela	Izimpendulo
<p>Waziphendula siph i silwane uQuetzalcoatl?</p> <p>Kungani singaphetha ngokuthi uQuetzalcoatl wafunda kwabanye onkulunkulu kanye nonkulunkulukazi?</p>	<p>UQuetzalcoatl waziphendula intuthwane.</p> <ul style="list-style-type: none"> Ngoba wayebabuka bonke njengoba babezama ukuhlukanisa izintaba. Ngoba akazange azame izinto ezazifana nalezi abazenzile. Ngoba waziphendula intuthwane – okuyinto ehluke kakhulu ekuzameni ukuhlukanisa izintaba!
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
<p>Kungani uQuetzalcoatl aziphendula intuthwane?</p>	<ul style="list-style-type: none"> Ngoba wabona ukuthi abanye onkulunkulu nonkulunkulukazi abazange baphumelele ukwehlukanisa izintaba. Ngoba wayenendlala engcono yokuxazulula inkinga. Ngoba wasebenzisa ikhono lokwenza izinto kanye nokuhlakanipha ukuze axazulule inkinga yommbila. Ngoba intuthwane iyakwazi ukuhamba izinsuku eziningi – inamandla ahlukile. Ngoba intuthwane ingahamba inganakeki futhi igweme nezingozi. Ngoba intuthwane ingagibela phezu kwanoma yini.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 2**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesihlanu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Eshloko.
 - ukuziguqula
 - ngempumelelo
 - iphutha

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Yonke inkinga inesixazululo	<i>Khomba ngomunwe wakho emoyeni</i>
Incane noma inkulu kodwa inesixazululo	<i>Khombisa ubuncane nobukhulu ngezandla</i>
Sixazulula izinkinga ngezindlela ezahlukene	<i>Bala ngeminwe yakho</i>
Ngabe unayo inkinga?	--
Iyiphi inkinga oyixazululile namhlanje?	<i>Chaya izandla zakho.</i>

INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

- 1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba...
Into eyodwa engiyifundile kule ndaba ukuthi ...
Le ndaba inokuxhumana nesihloko sethu esithi '*Ukuxazulula izinkinga*' ngoba...
- 2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
- 3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane**.
- 4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
- 5 Cela abafundi bonke ukuthi bakunake futhi bakulalele.
- 6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
- 7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
- 8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Thola Igama

Bhala ithebulu ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

ISONTO 2

dw	gw	i
l	a	s
e	b	u
d	p	h

TSHENGISA

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: /dw/ kanye /gw/
- 2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amanangi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
- 4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe: njengokuthi:
/gw/-/e/-/b/-/a/ = gweba
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma iyiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa /s/-/u/-/l/-/a/ = sula

OKWENZIWA ABAFUNDI

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babbale isihloko: **dw, gw**
- 2 Yalela abafundi ukuthi baqale babbale.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amanangi abangawkazi ukuwakha.
- 4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **idwala, isidwedwe, dweba, isidwaba, dwebela, igwala, igwababa, ugxadule, isigwili, gweba, lalela, sula, phila**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngemva Kokufunda

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: FINGQA INDABA

UKULANDISA NGOKUKHUMBULAYO OKUSENDABENI

- 1 Chaza ukuthi abafundi bazokhuluma ngento abayithandile endabeni ethi: Inganekwane yommbila
- 2 Bazophinde bakhulume ngokuthi kungani beyithandile ingxenye yendaba abayikhethile.
- 3 Sebenzisa **ukulingisa** ubonise abafundi indlela yokulanda indaba ngemisho 1–2 **ngezinto abazithandile**, njengokuthi: Ngithandile ngesikhathi uQuetzacoatl ebuka abanye onkulunkulu nonkulunkulukazi. Ngiyithandile le ngxenye ngoba wayefunda kwabanye onkulunkulu nonkulunkulukazi.
- 4 Phakamisa izithombe Ezisencwadini Enkulu. Yalela abafundi ukuthi babuke izithombe bese becabanga ngokuthi yini eyenzekayo.
- 5 Yalela abafundi ukuba bacabange ngalokho **abakuthandile** endabeni ethi *Inganekwane yommbila*.
- 6 Cela abafundi 2–3 ukuba **babelane** ngemibono nekilasi. **Siza** abafundi bakhe imisho ephelele.
- 7 Chaza futhi ulungise noma yiziphi izinkinga ezivame ukwenziwa abafundi.
- 8 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese beyakhulumu** futhi babelane ngomlando **wabo** nomlingani. (*Akufanele basho lokhu osekushiwo uthisha. Kufanele abafundi beze nemibono yabo!*)



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke iklasi **neNcwadi Yokufunda2**.
- 2 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto

Imizuzu eyi-15

ISONTO 2

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
- 2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezelo kolokuqala.
- 3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi 'Bajike bese Beyakhulumu' futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
- 4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenjeni yengxoxo yolimi:
 - a Sithini isihloko sethu solimi sesonto?
 - b Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?
 - c Imaphi amagama amasha owathandile esonto?
 - d Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?
 - e Sibhale ngani kuleli sonto?
 - f Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - g Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - h Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?
- 5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeniyabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikoleni kuleli sonto.

Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.

Ibanga 1
ITHEMU 4

Isonto

3

ISIHLOKO:
Siyakhula bese
sishintsha



Ulwesihlanu Ukulungiselela Ikilasi

- 1 Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
- 2 Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
- 3 Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
- 4 Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: izinto zokugqoka ezinkulu kakhulu noma ezincane kakhulu.
- 5 Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: cwaninga indlela esikhula ngayo ngokuhamba kwesikhathi.
- 6 Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
- 7 Qiniseka ukuthi zonke izincwadi ezinkulu zakho, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.



Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebobwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 59, Masibhale

Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 60, Masifunde

Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 61 – 62, Masibhale

Umsebenzi 4: Dweba isithombe sendlela oshintshe ngayo ngokuhamba kwesikhathi.

Umsombuluko



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

YETHULA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)

- 1 Khombisa abafundi ikhava engaphambili yendaba eseNcwadini Enkulu: Ijazi lami!
- 2 Tshela abafundi ukuthi siqala isihloko esisha esithi: Siyakhula bese sishintsha
- 3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
- 4 Buza abafundi: *Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
- 5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
- 6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
 - a Yiziphi ezinye izindlela esikhula ngazo?
 - b Yiziphi ezinye izindlela esishintsha ngazo?

ISONTO 3

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzia i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - inkathi yonyaka
 - ubusika
 - intwasahlobo
 - ihlobo
 - ikwindla

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Ngimude ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho.</i>
Ngiyakhula, ngiyashintsha impilo keleyo	--
Izimpahla ebengizigqoka ngisemncane azisangilingani!	<i>Khombisa lokhu ngezandla</i>
Ngiiyakhula ngiyashintsha ngezindlela eziningi,	<i>Phakamisa izandla zakho</i>
Kungabe wena ukhula kanti ushintsha kanjani?	<i>Khombanani ngeminiwe</i>
Ngimude, ngiyashintsha, ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho</i>



Ukubhala Kahle Ngesandla


Imizuzu eyi-15

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela
- 2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babbale: (inani alifani kuye ngolimi)
 - a **idwala**
 - b **isidwedwe**
 - c **dweba**
 - d **isidwaba**
 - e **dwebela**
 - f **igwababa**
 - g **igwala**
 - h **ugwadule**
 - i **isigwili**
 - j **gweba**
- 3 Ngemva kwalokho, tshela abafundi ukuba bathathe ipensela yombala bese belungisa umsebenzi wabo.
- 4 Bhala ngokucacile imisindo kanye namagama ebhodini.
- 5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

Ngaphambi Kokufunda

ISU LOKUQONDISISA: QAGELA

- 1 Hlalisa abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
- 2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba: Ijazi lami!
- 3 Phenya izithombe ekhansi ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
- 4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
- 5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
- 6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala ngesikhathi eyayingasakulingani ngaso impahla yokugqoka.

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ufaka imisho.

UHLAKA LOKUBHALA:

Ngake ngaba...

Ngangilithanda ngoba...

ISONTO 3

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi ukuthi bazocabanga ngempahla yokugqoka eyayingasabalingani.
- 2 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubonise abafundi ukuthi **uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale**.
- 3 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Lapho ngisemncane, nganginejezi elithambile, elinoboya engangilithanda.
- 4 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze udwebe isithombe sakho ugqoke ijezi elithambile, elinoboya.
- 5 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye**, njengokuthi: Ngake ngaba nejezi elithambile, elinoboya. Ngangilithanda ngoba lalithambile futhi lifudumele.
- 6 Cima isibonelo sakho ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babhale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNYWAYO

- 1 Cabangani ngamagama avamile ezimpahla nabafundi.
- 2 Bhala amagama ebhodini, njengokuthi: fudumele, thambile, gqamile, mbalabala, hlala kahle, ijezi, isikipa, njl.
- 3 Buza abafundi: Iyiphi impahla yokugqoka eyayingasakulingani? Yini owawuyithanda ngayo?
- 4 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babhale**.
- 5 **Yalela abafundi ukuba bajike bese behkuluma nozakwabo ngombono wabo**.
- 6 Biza abafundi 2–3 ukuba bazokutshela ngempahla yabo yokugqoka.
- 7 Kufanele bathi: Ngangine... / ngangilithanda ngoba...
- 8 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!

UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi izincwadi.
- 2 Njengoba abafundi besabhalo, hambahamba egumbini futhi ubambe **izingxoxo ezincane**.
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bafake umusho.
- 5 Gqugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi ukuthi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.
- 3 Chaza ukuthi nizokwengeza imininingwane emibhalweni yenu ngoLwesithathu.



Ngdke ngdbd nengubo ephinki
Ngdngirithandd ngobd ydinezimbdli kdnti
ydrixinhle.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 3**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesibili



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /hw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /hw/ ?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **hweba, hwalala**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **hwalala, hweba**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

Bhala u/ izinhlamvu / amagama / imisho emisha

- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **hw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babbale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.

- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/imisho ebhaliwe.




ISONTO 3

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kokuqala

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: BONA NGESO LENQONDO

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>Ijazi lami!</p> <p>UMatshepo wavuka ngoMgqibelo ekuseni eqhaqhazela. 'Eish! Sekusebusika manje!' ecabanga 'Okungenani ngizokwazi ukufaka ijazi lami engilithandayo!' emoyizela uMatshepo ngenkathi ecabanga ngejazi lakhe elihle. Lalinombala ophuzi kanye nezimbali ezibomvana nezibomvu yonke indawo. Lalinezinkinobho ezinkulu ezibukhwebezane. Lalifudumele futhi linoboya ngaphakathi.</p>	<p>Ngibona ngeso lengqondo uMatshepo elele embhedeni, emoyizela njengoba ecabanga ngejazi lakhe elihle!</p>
<p>UMatshepo wavuka embhedeni. Wagqoka ibhulukwe lakhe. Wafaka ihembe nejezi. Wafaka amasokisi kanye nezicathulo. Wafaka nesiggoko esinoboya.</p>	<p>Ngingabona ngeso lengqondo uMatshepo ebuka zonke izinto zakhe ezisekhabeteni, efuna ijazi lakhe.</p>
<p>Wayesesuka manjalo eya ekhabetheni lapho umama wakhe egcina khona amajazi asebusika. Ijazi lakhe alithandayo lalingekho!</p> <p>'Mama!' kumemeza uMatshepo. 'Likuphi ijazi lami?' Kodwa akekho ophendulayo.</p>	
<p>UMatshepo waphumela ngaphandle. Utshani obabunesithwathwa babunamathele ezinyaweni zakhe. 'Mama!' kumemeza uMatshepo. 'Likuphi ijazi lami?' kodwa wangathola mpendulo.</p>	<p>Ngingabona ngeso lengqondo uMatshepo ehambahamba ngaphandle, eqhaqhazela kakhulu, ngoba engenalo ijazi!</p>
<p>UMatshepo wavula umnyango wasekhishini. 'Mama!' uMatshepo ehleba 'likuphi ijazi lami?' kodwa wangathola mpendulo.</p>	
<p>'Mhlawumbe uMama unoMam'uTsiki,' kucabanga uMatshepo. Kodwa ngaphambi kokuthi afike emzini kaMam'uTsiki, wabona udadewabo omncane uFelleng egijimela ngaphandle. UFelleng wayefake ijazi elihle elinombala ophuzi nezimbali ezibomvana nezibomvu, kanye nezinkinobho ezinkulu ezibukhwebezane. 'Heyi! Ijazi lami!' kucabanga uMatshepo.</p>	<p>Ngibona ngeso lengqondo uMatshepo ebonakala emangele, futhi ecasukile uma ebona uFelleng efake ijazi lakhe elihle!</p>
<p>UMatshepo wayegodola kakhulu. Wayengafuni ukulwa nodadewabo ngaphandle kubanda. Wajijimela ekhaya. 'UFelleng uysisla! Ngiyazibuza ukuthi yikuphi okunye angintshontshele khona,' kucabanga uMatshepo ngokucasuka.</p>	

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>Waya ekamelweni wavula ikhabethe likaFelleng eliphezulu.</p> <p>UMatshepo wathola ingubo yakhe endala eluhlaza satshani enemigqa ebomvu. 'Heyi!' kucabanga uMatshepo, 'ingubo yami lena!' wayikhipha ekhabetheni wase eyiggoka. Yezwakala impintsha!</p>	<p>Ngingabona ngeso lengqondo uMatshepo elokhu ekhipha impahla yakhe ngayinye ekhabetheni. Ngimbona ngeso lengqondo ecasuka kakhulu uma elokhu ethola impahla yakhe nganye.</p>
<p>Wavula ikhabethe lesithathu. Wathola ibhulukwe lakhe eligqamile elaliluhlaza okwesibhakabhaka. 'Heyi!' kucabanga uMatshepo, 'ibhulukwe lami leli!' walikhipha ekhabetheni waligqoka. Walizwa limpintsha! Wayengakwazi nokulifasa izinkinobho.</p>	<p>--</p>
<p>UMatshepo wazama ukuvula ikhabethe lokugcina kodwa ubengakwazi ukugoba ngenxa yezimpahla zakhe ezimpintshayo. Ngaleso sikhathi, kwangena umama wakhe ekalweni. Umama wakhe waqala ukumhleka. 'Matshepo wenzani kulezozimpahla ezindala?' kubuza umama wakhe. 'Lezo zimpahla azisakulingani!'</p>	<p>Ngingabona ngeso lengqondo uMatshepo efake izimpahla ezincane, nezimpintshayo ebukeka eyihlaya!</p>
<p>'UFelleng untshontshe zonke izimpahla zami!' kusho uMatshepo 'ngisho nejazi lami engilithandayo imbala!'</p> <p>'Oh Matshepo,' kuphendula umama wakhe, 'ngimuphe zona! Uyakhula!' umama kaMatshepo wavula endaweni yokugcina izimpahla wakhipha isikhwama sepulasitiki. Wasinikeza uMatshepo.</p>	<p>Ngingabona ngeso lengqondo uMatshepo ebuka zonke izimpahla zakhe phansi esebona ukuthi uFelleng akalona isela – kodwa unezimpahla zikaMatshepo ezindala kuphela ngoba azisamlingani!</p>
<p>UMatshepo wavula isikhwama wakhipha ijazi elisha sha. Lalinombala oluhlaza satshani kanye nezinkanyezi eziphuze nezibukhwebezane. Lalinezinkinobho ezinkulu ezibomvu. Lalifudumele futhi linoboya ngaphakathi. Kwakuyijazi elihle kakhulu uMatshepo ake walibona! Walifaka. Lalimhlala kahle.</p>	<p>Ngingambona ngeso lengqondo uMatshepo ebuka ijazi lakhe elisha. Lalimlingana kahle ukudlula zonke izimpahla zakhe ezazincane kakhulu kuyena zimenza abe yihlaya!</p>
<p>Ngokusa okulandelayo, uMatshepo wagqokela ukuya esontweni. Wagqoka ijazi lakhe elisha sha wayesephumela phandle. UFelleng wambuka. 'Ngifuna lelojazi!' kusho uFelleng. 'Yijazi elihle kakhulu engake ngalibona!'</p> <p>UMatshepo wabeka isandla sakhe ehlombe likadadewabo. 'Ungakhathazeki, Felleng. Ngolunye usuku liyoba elakho!'</p>	<p>--</p>

Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo ezilindelekile
Lalibukeka kanjani ijazi elidala likaMatshepo?	<ul style="list-style-type: none">• Laliphuzi linezimbali ezibomvana nezibomvu yonke indawo.• Lalinezinkinobho ezinkulu ezibukhwebezane.
Lalibukeka kanjani ijazi likaMatshepo elisha?	<ul style="list-style-type: none">• Laliluhlaza satshani linezinkanyezi eziphuzi nezibukhwebezane.• Lalinezinkinobho ezinkulu ezibomvu.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Kungani uMatshepo abiza udadewabo ngesela?	<ul style="list-style-type: none">• Ngoba udadewabo wayefake ijazi lakhe elidala.• Ngoba wayengazi ukuthi umama wakhe unikeze uFelleng ijazi.• Ngoba wayecabanga ukuthi uFelleng untshontshe ijazi lakhe alithandayo.• Ngoba wayengaboni ukuthi ijazi lase lilincane kakhulu kuye manje!• Ngoba wayengazi ukuthi umama wakhe wayemthengele ijazi elisha.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 3**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesithathu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO


- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - uboya
 - lingana kahle
 - usayizi
 - mpintsha

ISONTO 3

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Ngimude ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho.</i>
Ngiyakhula, ngiyashintsha impilo keleyo	--
Izimpahlala ebengizigqoka ngisemncane azisangilingani!	<i>Khombisa lokhu ngezandla</i>
Ngiiyakhula ngiyashintsha ngezindlela eziningi,	<i>Phakamisa izandla zakho</i>
Kungabe wena ukhula kanti ushintsha kanjani?	<i>Khombanani ngeminwe</i>
Ngimude, ngiyashintsha, ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho</i>

UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)

- 1 Hlukanisa abafundi babe
amaqembu amancane.
- 2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe
zobuciko bokuxoxa indaba.
- 3 Tshela abafundi ukuthi kufanele bacabange
ngendaba ezohambisana nezithombe.
- 4 Nikeza abafundi umzuzu owodwa noma
emibili ukuthi bacabange ngemibono yabo.
- 5 Okulandelayo bonke abafundi egenjini
kufanele bathole ithuba lokuxoxa indaba
abaziqambele yona.
- 6 Khumbuza abafundi ukuthi izindaba zabo
kufanele kube ngabazisungulele bona, kodwa
zihambisane nezithombe!
- 7 Khumbuza abafundi ukuba balalele
ngokucophelela izindaba zozakwabo.
- 8 Bonga abafundi ngokwabelana ngezindaba zabo.





Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /jw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi bawuphinde ka x 3.
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /jw/?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **jwayela**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **jwayela**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama eBhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____




Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

Bhala u/ imisindo/ amagama/ nemisho emisha


- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **jw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/ amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.




j w

j w


j w



jwayela jwayela



UJabu usejwayela ukuhamba



ebusuku kulamalanga.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala ngesikhathi eyayingasakulingani ngaso impahla yokugqoka.

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ufaka imusho.

UHLAKA LOKUBHALA:

Ngake ngaba...

Ngangilithanda ngoba...

Lapho lingasangilingani...

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazokwengeza umusho embhalweni wabo wangoMsombuluko.
- 2 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazobhala ngalokho okwenzeka ngesikhathi impahla yabo yokugqoka ingasabalingani.

- 3 Fundela abafundi uhlaka lokubhala olusha.
- 4 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubonise abafundi ukuthi uyacabanga **ngaphambi kokuthi ubhale**.
- 5 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Lapho ijezi lami lingasangilingani, umama walinika umzala wami. Ngaphatheka kabi ngokuthi lalingasangilingani.
- 6 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ufake imininingwane kumdwebo wakho, njengokuthi: umama wakho unika umzala wakho ijezi lakh, njl.
- 7 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye**, njengokuthi: Lapho lingasangilingani ngaphatheka kabi.
- 8 Cima isibonelo ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babbale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNWAYO

- 1 Cabangani ngamagama amayelana nokungakulingani nabafundi.
- 2 Bhala amagama ebhodini, njengokuthi: lincane, ukungimpintsha, ukulingana, ukunika, njl.
- 3 Buza abafundi: Yini eyenzeka lapho impahla yakho yokugqoka ingasakulingani?
- 4 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babbale**.
- 5 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngombono wabo.
- 6 Biza abafundi 2–3 bazokutshela ukuthi yini eyenzeka lapho impahla yabo ingasabalingani.
- 7 Kufanele bathi: Lapho ingasangilingani...
- 8 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!

UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi izincwadi.
- 2 Njengoba abafundi besabhalo, hambahamba phakathi kwegumbi futhi ubambe **izingxoxo ezincane**.
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshelo ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bafake umusho.
- 5 Ggugquzelu abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA


- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.

Choma umbhalo wabafundi eginjini lapho amehlo omfundi efinyelela khona. Lokhu kuyosiza abafundi ukuthi bakwazi ukuqhuba izingxoxo ngesihloko.



Ngdke ngdbd nengubo ephinki

Ngdngixithandd ngobd xdyinezimbdli kdnti
xdyixinhle.



Ngenkathi ingubo xdm i bdncdne ngdryinikezd
udddewethu omncdne. Ndye wdrexithandd!




Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yekufunda 3.**
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesine



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

NGIYENZA

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **hweba**
- 3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: /hw/-/e/-/b/-/a/
- 4 Yisho umsindo wokuqala wegama: /hw/
- 5 Yisho umsindo wesibili wegama: /e/
- 6 Yisho umsindo wesithathu wegama: /b/
- 7 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: /a/
- 8 Bhala igama ebhodini: **hweba**
- 9 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: /hwe/-/ba/ = **hweba**
- 10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **jwayela**

ISONTONGA 3

SIYENZA ...

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **hwalala**
- 3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? /hw/
- 4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo owesibili egameni? /a/
- 5 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /l/
- 6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesine egameni? /a/
- 7 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesihlanu egameni? /l/
- 8 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? /a/
- 9 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: /hw/-/a/-/l/-/a/-/l/-/a/
- 10 Bhala igama: **hwalala**
- 11 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: /hwa/-/la/-/la/ = **hwalala**
- 12 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **jwayela**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kwesibili

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: BONA NGESO LENQONDO

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
Ijazi lami! UMatshepo wavuka ngoMgqibelo ekuseni eqhaqhazela. 'Eish! Sekusebusika manje!' ecabanga 'Okungenani ngizokwazi ukufaka ijazi lami engilithandayo!' emoyizela uMatshepo ngenkathi ecabanga ngejazi lakhe elihle. Lalinombala ophuzi kanye nezimbali ezibomvana nezibomvu yonke indawo. Lalinezinkinobho ezinkulu ezibukhwebezane. Lalifudumele futhi linoboya ngaphakathi.	--
UMatshepo wavuka embhedeni. Wagqoka ibhulukwe lakhe. Wafaka ihembe nejezi. Wafaka amasokisi kanye nezicathulo. Wafaka nesiggoko esinoboya.	Ngibona ngeso lengqondo uMatshepo ezizwa ekhathazekile ngenkathi ebheka ekhabetheni engatholi ijazi lakhe alithandayo!
Wayesesuka manjalo eya ekhabetheni lapho umama wakhe egcina khona amajazi asebusika. Ijazi lakhe alithandayo lalingekho! 'Mama!' kumemeza uMatshepo. 'Likuphi ijazi lami?' Kodwa akekho ophendulayo.	
UMatshepo waphumela ngaphandle. Utshani obabunesithwathwa babunamathele ezinyaweni zakhe. 'Mama!' kumemeza uMatshepo. 'Likuphi ijazi lami?' kodwa wangathola mpendulo.	Ngibona ngeso lengqondo uMatshepo ekhathazeka kakhulu ngenkathi ecabanga ngejazi lakhe elalahlekile!
UMatshepo wavula umnyango wasekhishini. 'Mama!' uMatshepo ehleba 'likuphi ijazi lami?' kodwa wangathola mpendulo.	
'Mhlawumbe uMama unoMam'uTsiki,' kucabanga uMatshepo. Kodwa ngaphambi kokuthi afike emzini kaMam'uTsiki, wabona udadewabo omncane uFelleng egijimela ngaphandle. UFelleng wayefake ijazi elihle elinombala ophuzi nezimbali ezibomvana nezibomvu, kanye nezinkinobho ezinkulu ezibukhwebezane. 'Heyi! Ijazi lami!' kucabanga uMatshepo.	UMatshepo kungenzeka ukuthi ucasuke kakhulu ukuze abize udadewabo ngesela! Ngicabanga ukuthi uMatshepo uzibona ngeso lengqondo edonsa ijazi lakhe kudadewabo, kodwa wabubuye wanquma ukungakwenzi.
UMatshepo wayegodola kakhulu. Wayengafuni ukulwa nodadewabo ngaphandle kubanda. Wajijimela ekhaya. 'UFelleng uysela! Ngiyazibuza ukuthi yikuphi okunye angintshontshele khona,' kucabanga uMatshepo ngokucasuka.	

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p>Waya ekamelweni wavula ikhabethe lika Felleng eliphezulu.</p> <p>UMatshepo wathola ingubo yakhe endala eluhlaza satshani enemigqa ebomvu. 'Heyi!' kucabanga uMatshepo, 'ingubo yami lena!' wayikhipha ekhabetheni wase eyigqoka. Yezwakala impintsha!</p>	<p>Ngingabona ngeso lengqondo uMatshepo eggoka impahla yakhe nganye. Kungenzeka ukuthi kunzima ukulokhu ezigqoka, ngoba ziyampintsha kanti futhi zincane!</p>
<p>Wavula ikhabethe lesithathu. Wathola ibhulukwe lakhe eligqamile elaliluhlaza okwesibhakabhaka. 'Heyi!' kucabanga uMatshepo, 'ibhulukwe lami leli!' walikhipha ekhabetheni waligqoka. Walizwa limpintsha! Wayengakwazi nokulifasa izinkinobho.</p>	<p>--</p>
<p>UMatshepo wazama ukuvula ikhabethe lokugcina kodwa ubengakwazi ukugoba ngenxa yezimpahla zakhe ezimpintshayo. Ngaleso sikhathi, kwangena umama wakhe ekalweni. Umama wakhe waqala ukumhleka. 'Matshepo wenzani kulezozimpahla ezindala?' kubuza umama wakhe. 'Lezo zimpahla azisakulingani!'</p>	<p>Ngingabona ngeso lengqondo umama kaMatshepo ehleka kakhulu ngenkathi ebona uMatshepo eggoke zonke izimpahla ezincane! Uhleka ngoba uMatshepo akakwazi nokunyakaza kuzona!</p>
<p>'UFelleng untshontshe zonke izimpahla zami!' kusho uMatshepo 'ngisho nejazi lami engilithandayo imbala!'</p> <p>'Oh Matshepo,' kuphendula umama wakhe, 'ngimuphe zona! Uyakhula!' umama kaMatshepo wavula endaweni yokugcina izimpahla wakhipha isikhwama sepulasitiki. Wasinikeza uMatshepo.</p>	<p>Ngibona ngeso lengqondo uMatshepo ebukeka enamahloni ngenkathi ebona iputha alenzile.</p>
<p>UMatshepo wavula isikhwama wakhipha ijazi elisha sha. Lalinombala oluhlaza satshani kanye nezinkanyezi eziphuze nezibukhwebezane. Lalinezinkinobho ezinkulu ezibomvu. Lalifudumele futhi linoboya ngaphakathi. Kwakuyijazi elihle kakhulu uMatshepo ake walibona! Walifaka. Lalimhlala kahle.</p>	<p>Ngibona ngeso lengqondo uMatshepo ezihleka ngenkathi ekhumula zonke izimpahla ezincane!</p>
<p>Ngokusa okulandelayo, uMatshepo wagqokela ukuya esontweni. Wagqoka ijazi lakhe elisha sha wayesephumela phandle. UFelleng wambuka. 'Ngifuna lelojazi!' kusho uFelleng. 'Yijazi elihle kakhulu engake ngalibona!'</p> <p>UMatshepo wabeka isandla sakhe ehlombe likadadewabo. 'Ungakhathazeki, Felleng. Ngolunye usuku liyoba elakho!'</p>	<p>UMatshepo wayesebona ukuthi zonke izimpahla zakhe zizobancane kakhulu kanti ngelinye ilanga zizoba ngezika Felleng. Ngicabanga ukuthi uzibona ngeso lengqondo ekhula kanti nejazi elisha liba lincane kakhulu! Kungenzeka ukuthi yingakho etshela uFelleng ukuthi ngolunye usuku ijazi kuzoba ngelakhe!</p>

Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo
Watholani uMatshepo ekhabetheni likaFelleng?	Wathola ingubo yakhe eluhlaza satshani enemigqa ebomvu, ijezi lakhe elibomvana, kanye ngebhulukwe lakhe eligqamile eliluhlaza sasibhakabhaka.
Kwenzekani ngenkathi umama kaMatshepo embona egqoke zonke izimpahla zakhe ezindala?	Waqala ukumhleka.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Kungani uMatshepo atshela udadewabo ukuthi ngolunye usuku ijazi lakhe elisha kuzoba ngelakhe?	<ul style="list-style-type: none"> • Ngoba wayebona ukuthi uFelleng unezimpahla zakhe zonke ezincane. • Ngoba wayebona ukuthi umama wakhe unikeza uFelleng izimpahla zakhe ezindala. • Ngoba wayebona ukuthi wayekhula, kanti ngolunye usuku zonke izimpahla zakhe zizoba zincane. • Ngoba uyazi ukuthi ngolunye usuku ijazi lakhe elisha lizoba lincane.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 3**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesihlanu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - ukungangilingani
 - ukuphuca
 - ukudideka

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Ngimude ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho.</i>
Ngiyakhula, ngiyashintsha impilo keleyo	--
Izimpahla ebengizigqoka ngisemncane azisangilingani!	<i>Khombisa lokhu ngezandla</i>
Ngiiyakhula ngiyashintsha ngezindlela eziningi,	<i>Phakamisa izandla zakho</i>
Kungabe wena ukhula kanti ushintsha kanjani?	<i>Khombanani ngeminwe</i>
Ngimude, ngiyashintsha, ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho</i>

INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

- 1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba...
Ngingaphetha ngokuthi uMatshepo wayesekhulile ngoba...
Le ndaba inokuxhumana nesihloko sethu esithi '*Siyakhula bese sishintsha*' ngoba...
- 2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
- 3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane**.
- 4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
- 5 Cela abafundi bonke ukuthi bakunake futhi bakulalele.
- 6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
- 7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
- 8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

hw	jw	I
a	b	e
y	u	s

TSHENGISA

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: /dw/ kanye /gw/
- 2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amanangi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
- 4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe:
njengokuthi:
/gw/-/e/-/b/-/a/ = gweba
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma iyiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa */s/-/u/-/l/-/a/ = sula*

OKWENZIWA ABAFUNDI

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babbale isihloko: **dw, gw**
- 2 Yalela abafundi ukuthi baqale babbale.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amanangi abangakwazi ukuwakha.
- 4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **hwalala, hweba, jwayela, lalela, sula, sala, yala**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(im)isindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngemva Kokufunda

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: BONA NGESO LENQONDO

YAKHA ISITHOMBE SOMBHALO

- 1 Hlalisa kahle abafundi emadeskini abo, namabhuku abo noma amaphepha angabhalwanga, amapensela kanye namakhrayoni.
- 2 **Tshengisa** indlela **yokubona ngeso lengqondo kanye nokwakha isithombe sombhalo** ngomniningwane owukhumbulayo osendabeni, njengokuthi: Ngikhumbula ukuthi uMatshupo wayethukuthele kakhulu. Waze wabiza udadewabo ngokuthi uyisela ngoba wayegqoke ijazi lakhe elidala!
- 3 Dweba isithombe sakho ebhodini sikaMatshepo efuna ijazi lakhe, ebonakala ethukuthele.
- 4 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bazobona ngeso lengqondo into esembhalweni.
- 5 Tshela abafundi ukuthi bavale amehlo bese banethezeka. Phinda ubafundele umbhalo.
- 6 Tshela abafundi ukuthi bavule amehlo bese bedweba imibono yabo ngaloko okungase kwenzeke ngokulandelayo.
- 7 Ekugcineni, cela abafundi ukuthi **bajike bese beyakhulum**, nokuthi babelana ngemidwebo yabo nabalingani.

ISONTO 3



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 3**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu ovalalele, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto

Imizuzu eyi-15

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
- 2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezelo kolokuqala.
- 3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi ‘Bajike bese Beyakhulum’ futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
- 4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenjeni yengxoxo yolimi:
 - a Sithini isihloko sethu solimi sesonto?
 - b Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?
 - c Imaphi amagama amasha owathandile esonto?
 - d Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?
 - e Sibhale ngani kuleli sonto?
 - f Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - g Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - h Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?
- 5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeniyabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikolenikuleli sonto.

Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.

Ibanga 1 ITHEMU 4

Isonto

4

ISIHLOKO: Siyakhula bese sishintsha



Ulwesihlanu Ukulungiselela Ikilasi

- 1 Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
- 2 Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
- 3 Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
- 4 Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: isithombe sakho lapho usemncane, noma ucele abafundi ukuba beze nezithombe zabo lapho beseyizinsana.
- 5 Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: cwaninga indlela esikhula bese sishintsha ngayo ngokuhamba kwasikhathi.
- 6 Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
- 7 Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.



Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebobwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 68, Masifunde nekhasi 69, Masenze

Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 70 – 71, Masibhale

Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 72 – 73, Masibhale

Umsebenzi 4: Dweba isithombe sento ethile eshintshile ngawe.

Umsombuluko



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

BUYEKEZA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

- 1 Khombisa abafundi isithombe sika Wayde esiza umama wakhe endabeni ese Ncwadini Enkulu: UWayde wenza isitshulu
- 2 Tshela abafundi ukuthi siyaqhubeka nesihloko esithi: Siyakhula bese sishintsha
- 3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
- 4 Buza abafundi: *Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
- 5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
- 6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
 - a Wakhula noma washintsha kanjani uMatshepo?
 - b Yiziphi ezinye izinto ezishintshile ngawe?
 - c Yiziphi ezinye izinto ezishintshile ngesikole sakho noma umphakathi wakini?
 - d Uzizwa kanjani ngesikhathi into ethile eshintsha?

ISONTO 4

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - isitshulu
 - izithako
 - isinongo

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Ngimude ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho.</i>
Ngiyakhula, ngiyashintsha impilo keleyo	--
Izimpahla ebengizigqoka ngisemncane azisangilingani!	<i>Khombisa lokhu ngezandla</i>
Ngiyyakhula ngiyashintsha ngezindlela eziningi,	<i>Phakamisa izandla zakho</i>
Kungabe wena ukhula kanti ushintsha kanjani?	<i>Khombanani ngeminwe</i>
Ngimude, ngiyashintsha, ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho</i>



Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

- 1 Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
- 2 Bizela abafundi le misindo namagama alandelayo:
 - a hwalala
 - b hweba
 - c jwayela
- 3 Ngemva kwalokho, tshela abafundi ukuba bathathe ipensela yombala bese belungisa umsebenzi wabo.
- 4 Bhala ngokucacile imisindo kanye namagama ebhodini.
- 5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngaphambi Kokufunda

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: QAGELA

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
- 2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba: UWayde wenza isitshulu
- 3 Phenya izithombe ekhansi ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
- 4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
- 5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
- 6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala ngesikhathi owashintsha ngaso umbono wakho ngento ethile.

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ufaka amazwana omdwebo. Lokhu kuzoba yingxene yencwadi yekilasi yasekhoneni lokufunda.

UHLAKA LOKUBHALA:

Ngangicabanga ukuthi...

Kodwa ngase...

ISONTO 4

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazobhala ngesikhathi abashintsha ngaso umcabango wabo ngento ethile (umbono wabo!)
- 2 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubonise abafundi ukuthi **uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale.**
- 3 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Ngangingakuthandi ukugijima. Kodwa ngase ngiya ukuyogijima nodadewethu futhi ngakuthanda ngempela. Ngashintsha umbono wami ngokugijima.
- 4 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze udwebe isithombe sakho ugijima.
- 5 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye,** njengokuthi: Ngangicabanga ukuthi angikuthandi ukugijima. Kodwa ngase ngikuzama futhi ngashintsha umqondo wami.
- 6 Cima isibonelo sakho ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babbale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNWAYO

- 1 Cabangani ngemibono ehlukene nabafundi.
- 2 Bhala amagama ebhodini, njengokuthi: isipinashi, ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo, ukupheka, ukuxubha amaziyo, njl.
- 3 Buza abafundi: Iyiphi into owashintsha umqondo wakho ngayo?
- 4 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babbale.**
- 5 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngombono wabo.
- 6 Biza abafundi 2–3 ukuba bazokutshela ngalokho abaye bashintsha umbono wabo ngakho.
- 7 Kufanele bathi: Ngangicabanga ukuthi... / Kodwa ngase...
- 8 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!

UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi izincwadi.
- 2 Njengoba abafundi besabhalo, hambahamba egumbini futhi ubambe **izingxoxo ezincane**.
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bafake umusho.
- 5 Gqugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi ukuthi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.
- 3 Chaza ukuthi nizokwengeza imininingwane emibhalweni yenu ngoLwesithathu.



Ngdngicdbdngd ukuthi ukufundd

kuydthukuthezeld.

Kodwd uthishd wdmi usifundeld izincwddi

ezinesdsdsd ekildsini.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 4**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesibili



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula umsindo omusha namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /kw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /kw/ ?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **sikwa, ukweba, ikwaya**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **isikwele, sikwa, isikweletu, ikwaya, ukweba**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

Bhala u/izinhlamvu ezintsha/ amagama/ imisho emisha

- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **kw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babbale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.

- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/imisho ebhaliwe.




The page features seven rows of handwriting practice lines. Each row includes a small cat icon at the beginning. The first row shows four instances of the letters 'k' and 'w' on ruled paper. The subsequent six rows show the words 'isikwele', 'sikwa', 'isikweletu', 'ikwaya', 'ukweba', 'Umfana wakithi ucula ekwayeni', and 'lesikole.' respectively, each with its underlined parts for tracing.

ISONTO 4

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kokuqala

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUQONDISA: NGIYAZIBUZA / YENZA UKUXHUMANISA

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
UWayde wenza isitshulu UWayde wayelokhu ekuzonda ukudla utamatsisi. 'Ngeke ngize ngiwudle utamatsisi!' esho njengoba umama wakhe ethatha ithini likatamatasi eshalofini elifaka enqoleni yokuthenga esitolo.	Ngiyazibusa ukuthi utamatsi uzobaluleka yini kule ndaba?
'Ngicela ungisize ukuze ngipheke isitshulu?' kucela umama kaWayde njengoba ayethulula izinto ayezithengile. 'Oh yebo! Ngiyasithanda isitshulu!' kuphendula uWayde. Wayezobe eqala ukusiza umama wakhe ngokupheka isitshulu.	Ngiyazibusa ukuthi yiziphi izithako ezifakwa esitshulwini? UWayde uzokwazi ukwazi ngazo zonke izithako njengoba esiza umama wakhe!
'Kufanele siqale ngokuthosa zonke izinhlamu zezimbewu ezomile epanini,' kuchaza umama kaWayde. 'Izinongo yizo ezenza isitshulu sibe mnandi kakhulu! Bala izinhlamu ezinhlamu ze-cardamom,' eyalela uWayde. UWayde wathatha izinhlamu ezinhlamu ze-cardamom ngaphakathi kwestiukathi wazibeka phezu kwetafula. Umama wakhe wazigaya wase esezifaka epanini elishisayo, wazifaka ndawonye nezinhlamu ze-coriander kanye ne-cumin. Ikhishi lagcwala iphunga elimandi.	UWayde ubukeka ejabulile! Ngingenza ukuxhumanisa! Lapho ngisemncane, ngangithanda ukusiza ubaba wami uma epheka.
Umama kaWayde wafaka zonke izinhlamu zezimbewu phakathi kwasigqulo wayesethi uWayde asebenzise isigxisho ukugaya izinongo ukuze zibe uphawuda.	--
Ngokulandelayo, umama kaWayde wafaka amafutha epanini lokuthosa. Lapho amafutha eqala ukubila eveza namagwebu, wafaka amaqatha enkukhu phakathi kwamafutha. 'Ngicela uncicwecwele ujinja?' ecela, enika uWayde umshini wokucwecwa kanye nocezu lwejinja esabuya engadini. UWayde wayecwecwa ngenkathi umama wakhe eqoba ugaliki no-ananisi. Masinyane, inkukhu yase ivuthiwe. Isikhumba sayo sasibukeka siklamuzela futhi sinsundu. Isisu sikaWayde saqala ukwenza umsindo. Umama kaWayde wafaka amaqatha enkukhu epuletini. 'Ekugcineni sizophindisela lokhu esitshulwini,' echaza.	Isisu sami senza umsindo uma ngilambile bese ngizwa kunuka into emnandi – njengo Wayde!

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>Ngokulandelayo, umama kaWayde wafaka u-anyanisi nogaliki epanini elishisayo. Wavumela uWayde ukuthi asebenzise ukhezo lokhuni olude ukugoqoza ndawonye u-anyanisi nogaliki. Emva kwemizuzu embalwa, wafaka izinongo, ujinja kanye namanzi amancane phakathi kwepani. Igumbi lanuka kamnandi kakhulu ngokudlulele manje. Umlomo kaWayde waqala waconsa amanzi.</p>	<p>Ngingenza ukuxhumanisa nalokhu! Umlomo wami uyaconsa amanzi uma ngilambile futhi ngazi ukuthi ngizodla maduze – njengo Wayde!</p>
<p>Umama kaWayde wasusa ipani esitofini wayesefaka inhlanganisela yezinongo emshinini wokuxuba. Wayesethi uWayde akacindezele inkinobho yomshini wokuxuba ukuze izinongo zibe yinhlama. Umama kaWayde waphindisela inkukhu epanini. Wayesefaka inhlama evela emshinini wokuxuba.</p> <p>'Sengilambe kakhulu!' kusho uWayde ekhotta izindebe zakhe. 'Angisakwazi nokulinda ukuthi ngidle isitshulu sethu esimnandi kakhulu!'</p>	<p>--</p>
<p>Ngokulandelayo umama kaWayde wavula ithini likatamatisi. 'Okwani-ke lokho?' kubuza uWayde. 'Angiwuthandi utamatisi! Asikwazi ukufaka utamatisi esitshulwini!' kusho uWayde emangele.</p> <p>Umama kaWayde waqala wahleka. 'Wayde ubulokhu usithanda isitshulu – futhi isitshulu besilokhu sifakwa utamatisi,' esho. UWayde wabuka ngokumangala njengoba efaka utamatisi epanini.</p>	<p>Ngiyakhumbula ukuthi indaba iqale ngotamatisi! Bengizibuza ukuthi utamatisi uzobaluleka yini endaben, futhi manje ngiyabona ukuthi ubalulekile!</p>
<p>Ekugcineni, umama kaWayde wavula ithini lobisi liikhukhunathi. 'Ungathanda ukuthela lokhu phakathi kwesitshulu?' ebuza.</p> <p>UWayde wathela ubisi lukakhukhunathi. Wabuka njengoba uketshezi olumhlophe lumboza utamatisi.</p> <p>'Yingakho bengingazi – awubukeki njengotamatisi uma usuphakathi kwesitshulu!' ecabanga.</p> <p>Umama kaWayde wabeka isivalo phezu kwepani wayesehlisa umlilo. 'Kufanele kubile kancane. Ngizokubiza uma sekulungile,' esho.</p>	<p>Ngiyazibuba ukuthi uWayde uzosidla yini isitshulu manje njengoba esazi ukuthi sinotamatisi?</p>
<p>Njengoba uWayde wayenza umsebenzi wakhe wesikole wasekhaya, isisu sakhe sasenza umsindo nomlomo wakhe wawuconsa amathe. 'Kodwa isitshulu sinotamatisi! Ngizokwazi kanjani ukusidla? Angiwuthandi utamatisi!' kucabanga uWayde, edidekile.</p>	<p>UWayde udidekile ngoba akawuthandi utamatisi kodwa uyasithanda isitshulu. Ngiyazibuba ukuthi uzokwenzani?</p>

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
'Wayde, woza uzozwa isitshulu!' ekugcineni umama wakhe embiza, emnikeza isitsha. UWayde wasezama ngokungabaza. Kodwa lapho ezwa isitshulu olwimini lwakhe, ubuso bakhe bagcwala injabulo. Besimnandi. 'Mhlawumbe akukhona ukuthi angiwuthandi utamatisi,' kusho uWayde, ephinda edla esinye isipuni.	Ngiyazibuba ukuthi uWayde uzowushintsha yini umqondo wakhe ngokudla utamatisi ngoba manje usuyazi ukuthi ungesinye sezithako zesitshulu – okuwukudla akuthandayo!
Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo ezilindelekile
Yikuphi ukudla athi uyakuzonda uWayde ekuqaleni kwendaba?	UWayde wathi akawuthandi utamatisi.
Yisiphi isithako uWayde asithela epanini emuva kokufaka utamatisi?	Wafaka ubisi lwekhukhunathi epanini.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Washintsha kanjani uWayde phakathi nendaba?	<ul style="list-style-type: none"> • Wayecabanga ukuthi akawuthandi utamatisi kodwa ekugcineni wabona ukuthi wawungemubi kangako. • Wayethe angeke awudle utamatisi, kodwa wasidla isitshulu esasinotamatisi. • Wayengeke asidele isitshulu, kodwa wanquma ukuthi asidele. • Washintsha umqondo wakhe ngotamatisi.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke iklasi neNcwadi **Yokufunda 4**.
- 2 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesithathu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO


- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - ukwenza umsindo
 - ukuthela
 - ukucwecwa
 - ukuqoba

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Ngimude ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho.</i>
Ngiyakhula, ngiyashintsha impilo keleyo	--
Izimpahla ebengizigqoka ngisemncane azisangilingani!	<i>Khombisa lokhu ngezandla</i>
Ngiiyakhula ngiyashintsha ngezindlela eziningi,	<i>Phakamisa izandla zakho</i>
Kungabe wena ukhula kanti ushintsha kanjani?	<i>Khombanani ngeminwe</i>
Ngimude, ngiyashintsha, ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho</i>

ISONTO 4

UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

- 1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
- 2 Nikeza iqembu ngalinyeikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
- 3 Khumbuza abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
- 4 Kuleli sonto, abafundi kufanele basebenze njengeqembu ekunqumeni indaba yeqembu.
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibe nobuciko, iphinde futhi ihambisane nezithombe!
- 6 Cela ikilasi ukuba lilalele futhi linake.
- 7 Cela amaqembu 1–2 ehlukene ukuba azoxoxa izindaba zeqembu lazo.
- 8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.





Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /lw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi bawuphinde ka x 3.
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /lw/?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **Iwelwa, ulwazi, lolwa**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **isilwane, ulwembu, Iwelwa, lolwa, ulwazi**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama eBhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

Bhala u/izinhlamvu /amagama / imisho emisha

- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **lw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/ amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.



ISONTO 4

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala ngesikhathi owashintsha ngaso umbono wakho ngento ethile.

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ufaka amazwana omdwebo. Lokhu kuzoba yingxene yeckwadi yekilasi yasekhoneni lokufunda.

UHLAKA LOKUBHALA:

Ngangicabanga ukuthi...

Kodwa ngase...

Kubalulekile ukushintsha imibono yethu ngoba...

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazokwengeza imisho embhalweni wabo wangoMsombuluko.
- 2 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazobhala ngokuthi kungani kubalulekile ukushintsha imicabango kanye nemibono yethu.
- 3 Fundela abafundi uhlaka lokubhala olusha.
- 4 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubonise abafundi ukuthi uyacabanga **ngaphambi kokuthi ubhale**.
- 5 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi : Ngicabanga ukuthi kubalulekile ukushintsha imibono yethu ngoba njengabantu, sishintsha kakhulu ngokuhamba kwesikhathi. Uma singeke sishintshe imibono yethu, kungenzeka singazitholi izinto ezintsha esizithandayo!
- 6 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze udwebe isithombe sakho, njengokuthi: ukumamatheka ebusweni bakho ngesikhathi ugijima.
- 7 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye**, njengokuthi: Kubalulekile ukushintsha imibono yethu ngoba singakwazi ukufunda ukuthanda izinto ezintsha.
- 8 Cima isibonelo ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babbale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNWAYO

- 1 Buza abafundi: Ucabanga ukuthi kungani kubalulekile ukushintsha umbono wakho?
- 2 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babhale**.
- 3 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngombono wabo.
- 4 Biza abafundi 2-3 bazokutshela ukuthi kungani becabanga ukuthi kubalulekile.
- 5 Kufanele bathi: Ngicabanga ukuthi kubalulekile ukushintsha imibono yethu ngoba...
- 6 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!

UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi izincwadi. Yalela abafundi ukuba bathole umbhalo wabo wangoMsombuluko. **Bazokwengeza** kulokhu!
- 2 Njengoba abafundi besabhalo, hambahamba phakathi kwegumbi futhi ubambe **izingxoxo ezincane**.
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bafake umusho.
- 5 Gqugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese bekhuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.

Hlanganisa wonke umsebenzi wabafundi wangaleli sonto ube yincwadi. Yibeke ekhoneni lokufunda ukuze abafundi bayifunde ngesikhathi sokufunda ngokuzimela.



Ngdngicdbdngd ukuthi ukufundd
kuyathukuthezeld.

Kodwd uthishd wdmi usifundeld izincwddi
ezinesdsdsd ekildsini. |



Kubdlulekile ukuthi sishintshe indleld esibond
ngdro khond sizokwdzi ukufundd izinto
ezintshd



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yekufunda 4.**
- 2 Chazela lonke ikilasi ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu ekilasini lonke.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesine



**Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu
Nemisindo:**

Imizuzu eyi-15

Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

NGIYENZA

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **sikwa**
- 3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: /s/-/i/-/kw/-/a/
- 4 Yisho umsindo wokuqala wegama: /s/
- 5 Yisho umsindo wesibili wegama: /i/
- 6 Yisho umsindo wesithathu wegama: /kw/
- 7 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: /a/
- 8 Bhala igama ebhodini: **sikwa**
- 9 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: /si/-/kwa/ = **sikwa**
- 10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **lolwa**

SIYENZA ...

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **ukweba**
- 3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? /u/
- 4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo owesibili egameni? /kw/
- 5 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /e/
- 6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /b/
- 7 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? /a/
- 8 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: /u/-/kw/-/e/-/b/-/a/
- 9 Bhala igama: **ukweba**
- 10 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: /u/-/kwe/-/
ba/ = ukweba
- 11 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **lwelwa**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kwesibili

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUFUNDA: NGIYAZIBUZA / UKWENZA UKUXHUMANISA

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
UWayde wenza isitshulu UWayde wayelokhu ekuzonda ukudla utamatisi. 'Ngeke ngize ngiwudle utamatisi!' esho njengoba umama wakhe ethatha ithini likatamatisi eshalofini elifaka enqoleni yokuthenga esitolo.	Ngiyakhumbula ukuthi utamatisi uyingxene ebalulekile yale ndaba! Indaba imayelana noWayde eshintsha umbono wakhe ngotamatisi.
'Ngicela ungsizze ukuze ngipheke isitshulu?' kucela umama kaWayde njengoba ayethulula izinto ayezithengile. 'Oh yebo! Ngiyasithanda isitshulu!' kuphendula uWayde. Wayezobe eqala ukusiza umama wakhe ngokupheka isitshulu.	Ngiyazibuza ukuthi ingabe umama kaWayde ucela amsize ngoba efuna ukuthi abone ukuthi yiziphi izithako ezifakwa esitshulwini yini? Uzobona ukuthi utamatisi nawo uyiisithako esifakwa kusitshulu asithandayo!
'Kufanele siqale ngokuthosa zonke izinhlamvu zezimbewu ezomile epanini,' kuchaza umama kaWayde. 'Izinongo yizo ezenza isitshulu sibe mnandi kakhulu! Bala izinhlamvu ezinhlanu ze-cardamom,' eyalela uWayde. UWayde wathatha izinhlamvu ezinhlanu ze-cardamom ngaphakathi kwesiukathi wazibeka phezu kwetafula. Umama wakhe wazigaya wase esezipfaka epanini elishisayo, wazifaka ndawonye nezinhlamvu ze-coriander kanye ne-cumin. Ikhishi lagcwala iphunga eliminandi.	--
Umama kaWayde wafaka zonke izinhlamvu zezimbewu phakathi kwesigqulo wayesethi uWayde asebenzise isigxisho ukugaya izinongo ukuze zibe uphawuda.	--
Ngokulandelayo, umama kaWayde wafaka amafutha epanini lokuthosa. Lapho amafutha eqala ukubila eveza namagwebu, wafaka amaqatha enkukhu phakathi kwamafutha. 'Ngicela ungcwecwele ujinja?' ecela, enika uWayde umshini wokucwecwa kanye nocezu lwejinja esabuya engadini. UWayde wayecwecwa ngenkathi umama wakhe eqoba ugaliki no-anyanisi. Masinyane, inkukhu yase ivuthiwe. Isikhumba sayo sasibukeka siklamuzela futhi sinsundu. Isisu sikaWayde saqala ukwenza umsindo. Umama kaWayde wafaka amaqatha enkukhu epuletini. 'Ekugcineni sizophindisela lokhu esitshulwini,' echaza.	Ngikhumbula ukuthi uWayde usiza ngazo zonke izithako zesitshulu, kanti ulangazelela nokuthi uzosidla! Selokhu akazi ukuthi ekugcineni utamatisi uzofakwa epanini!

ISONTO 4

Isonto 4 • Isihloko: Siyakhula bese sishintsha

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
Ngokulandelayo, umama kaWayde wafaka u-anyanisi nogaliki epanini elishisayo. Wavumela uWayde ukuthi asebenzise ukhezo lokhuni olude ukugoqoza ndawonye u-anyanisi nogaliki. Emva kwemizuzu embalwa, wafaka izinongo, ujinja kanye namanzi amancane phakathi kwepani. Igumbi lanuka kamnandi kakhulu ngokudlulele manje. Umlomo kaWayde waqala waconsa amanzi.	--
<p>Umama kaWayde wasusa ipani esitofini wayesefaka inhlanganisela yezinongo emshinini wokuxuba. Wayesethi uWayde akacindezele inkinobho yomshini wokuxuba ukuze izinongo zibe yinhlama. Umama kaWayde waphindisela inkukhu epanini. Wayesefaka inhlama evela emshinini wokuxuba.</p> <p>'Sengilambe kakhulu!' kusho uWayde ekhotta izindebe zakhe. 'Angisakwazi nokulinda ukuthi ngidle isitshulu sethu esimnandi kakhulu!'</p>	<p>Ngiyazibusa ukuthi ingabe utamatisi njalo uba yisithako sokugcina yini uma kuphekwa isitshulu, noma umama kaWayde olinde ukuwufaka ekugcineni?</p>
<p>Ngokulandelayo umama kaWayde wavula ithini likatamatisi. 'Okwani-ke lokho?' kubuza uWayde. 'Angiwuthandi utamatisi! Asikwazi ukufaka utamatisi esitshulwini!' kusho uWayde emangele.</p> <p>Umama kaWayde waqala wahleka. 'Wayde ubulokhu usithanda isitshulu – futhi isitshulu besilokhu sifakwa utamatisi,' esho. UWayde wabuka ngokumangala njengoba efaka utamatisi epanini.</p>	<p>Ngiyazibusa ukuthi kungani umama kaWayde eholeka indlela uWayde asabela ngayo kutamatisi? Mhlawumbe yingoba uyazi ukuthi utamatisi wawulokhu ukhona esitshulwini, kodwa uWayde uqala manje ukukubona lokho!</p>
<p>Ekugcineni, umama kaWayde wavula ithini lobisi likakhukhunathi. 'Ungathanda ukuthela lokhu phakathi kwesitshulu?' ebuza.</p> <p>UWayde wathela ubisi lukakhukhunathi. Wabuka njengoba uketshezi olumhlophe lumboza utamatisi.</p> <p>'Yingakho bengingazi – awubukeki njengotamatisi uma usuphakathi kwesitshulu!' ecabanga.</p> <p>Umama kaWayde wabeka isivalo phezu kwepani wayesehlisa umlilo. 'Kufanele kubile kancane. Ngizokubiza uma sekulungile,' esho.</p>	<p>Oh! uWayde wabona ukuthi ubisi Iwekhukhunathi lwaluvala utamatisi – ngoba liwuphendula ube nombala ohlukile kakhulu!</p> <p>Ngiyazibusa</p> <p>Ukuthi ukhona yini utamatisi kokunye ukudla uWayde akuthandayo?</p>
Njengoba uWayde wayenza umsebenzi wakhe wesikole wasekhaya, isisu sakhe sasenza umsindo nomlomo wakhe wawuconsa amathe. 'Kodwa isitshulu sinotamatisi! Ngizokwazi kanjani ukusidla? Angiwuthandi utamatisi' kucabanga uWayde, edidekile.	Ngenza ukuxhumanisa nalokhu! Lapho ngisemncane, ngangicabanga ukuthi angiwuthandi u-anyanisi. Ngase ngithola ukuthi umama wami ufaka u-anyanisi othosiwe esitshulwini sami engisithandayo. Ngadideka ngokuthi ngizoqhubeka ngisidle noma cha ngoba ngangiqiniseka ukuthi angiwuthandi u-anyanisi!

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
"Wayde, woza uzozwa isitshulu! ekugcineni umama wakhe embiza, emnikeza isitsha. UWayde wasezama ngokungabaza. Kodwa lapho ezwa isitshulu olwimini lwakhe, ubuso bakhe bagcwala injabulo. Besimnandi. 'Mhlawumbe akukhona ukuthi angiwuthandi utamatisi,' kusho uWayde, ephinda edla esinye isipuni.	Ngiyakuxhumanisa nalokhu! Nganquma ukuqhube ka nokudla isitshulu ngoba sasinambitheka kamnandi. Ngabona ukuthi mhlawume umbono wami ngo-anyanisi ushintshile. Ngabona ukuthi kufanele ngishintshe umqondo wami ngo-anyanisi.
Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo
Yini uWayde ashintsha umqondo wakhe ngayo?	Washintsha umqondo wakhe ngokudla utamatisi.
Ungakwenza yini ukuxhumanisa? Kunini lapho watshintsha khona umqondo wakho ngento ethile – njengoWayde?	<i>Ngashintsha umqondo wami njengoWayde lapho ...</i>
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Ucabanga ukuthi kungani umama kaWayde amcela ukuthi amsize ngokupheka isitshulu?	<ul style="list-style-type: none"> Mhlawumbe yingoba wayefuna amsize ngokupheka. Mhlawumbe yingoba wayefuna uWayde azi izithako ezifakwa esitshulwini. Mhlawumbe yingoba uWayde wayethanda ukudla isitshulu, ngakho wayefuna azi akwazi ukuthi senziwa kanjani. Mhlawumbe yingoba wayecabanga ukuthi uWayde uzoshintsha umqondo wakhe ngotamatisi uma esazi ukuthi utamatisi wawukhona esitshulwini sakhe asithandayo. Mhlawumbe wayecabanga ukuthi kuzohlekisa uma uWayde ebona utamatisi ukuthi nawo omunye wezithako zokudla kwakhe akuthanda kakhlulu – noma ayengathandi ukuwudla!



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1** Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 4**.
- 2** Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine**.
- 3** Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4** Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5** Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6** Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine**.
- 7** Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8** Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
- 9** Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesihlanu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - ukubila
 - ukushintsha umqondo wakho
 - umbono

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Ngimude ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho.</i>
Ngiyakhula, ngiyashintsha impilo keleyo	--
Izimpahla ebengiziggoka ngisemncane azisangilingani!	<i>Khombisa lokhu ngezandla</i>
Ngiyyakhula ngiyashintsha ngezindlela eziningi,	<i>Phakamisa izandla zakho</i>
Kungabe wena ukhula kanti ushintsha kanjani?	<i>Khombanani ngeminwe</i>
Ngimude, ngiyashintsha, ngiyakhula	<i>Phakamisa izandla zakho</i>

ISONTO 4

INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

- 1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba...
Ngenza ukuxhumanisa noWayde ngesikhathi...
Le ndaba inokuxhumana nesihloko sethu esithi '*Siyakhula bese sishintsha*' ngoba...
Ngibona ukusebenza njengeqembu kule ndaba ngesikhathi...
2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane**.
4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
5 Cela abafundi bonke ukuthi balalele futhi banake.
6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

kw	lw	i
s	l	e
a	t	u
b	n	m

TSHENGISA

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: /kw/ kanye /lw/
- 2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amanangi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
- 4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe:
njengokuthi:
/s/-/i/-/kw/-/a/ = sikwa
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma iyiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa **/s/-/u/-/l/-/a/ = sula**

OKWENZIWA ABAFUNDI

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babbale isihloko: **kw, lw**
- 2 Yalela abafundi ukuthi baqale babbale.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amanangi abangakwazi ukuwakha.
- 4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **isikwele, sikwa, isikweletu, ikwaya, ukweba, isilwane, ulwembu, lwelwa, lolwa, lalela, sula, sala, umuntu**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(im)isindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngemva Kokufunda

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: FINGQA INDABA / YENZA UKUXHUMANISA

UKULANDISA NGOKUKHUMBULAYO OKUSENDABENI

- 1 Chaza ukuthi abafundi bazokhuluma ngento abayithandile endabeni ethi: UWayde wenza isitshulu.
- 2 Bazophinde bakhulume **ngokuxhumanisa** abangakwenza *ngo Wayde enza isitshulu.*
- 3 Sebenzisa **ukulingisa** ubonise abafundi indlela yokulanda indaba ngemisho 1–2 **ngento abayithandile** kanye **nokuxhumanisa**, njengokuthi: Ngitandile ngesikhathi uWayde ethanda isitshulu ekugcineni. **Ngingaxhumanisa** nale ndaba, ngoba nami ngiye ngashintsha umqondo wami ngokudla engikuthandayo!
- 4 Phakamisa izithombe Ezisencwadini EnkuLu. Yalela abafundi ukuthi babuke izithombe bese becabanga ngokuthi yini eyenzekayo.
- 5 Yalela abafundi ukuba bacabange ngalokho **abakuthandile** endabeni kanye **nokuxhumanisa** abangakwenza ngendaba ethi *UWayde wenza isitshulu.*
- 6 Cela abafundi 2–3 ukuba **babelane** ngemibono nekilasi. **Siza** abafundi bakhe imisho ephelele.
- 7 Chaza futhi ulungise noma yiziphi izinkinga ezivame ukwenziwa abafundi.
- 8 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese beyakhuluma** futhi babelane ngomlando **wabo** nomlingani. (*Akufanele basho lokhu osekushiwo uthisha. Kufanele abafundi beze nemibono yabo!*)

ISONTO 4



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 4.**
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu.**
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu.**
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto

Imizuzu eyi-15

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
- 2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezelo kolokuqala.
- 3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi ‘Bajike bese Beyakhulum’ futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
- 4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenjeni yengxoxo yolimi:
 - a Sithini isihloko sethu solimi sesonto?
 - b Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?
 - c Imaphi amagama amasha owathandile esonto?
 - d Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?
 - e Sibhale ngani kuleli sonto?
 - f Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - g Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - h Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?
- 5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeniyabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikolenikuleli sonto.

Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.

Ibanga 1 ITHEMU 4 Isonto 5

**ISIHLOKO:
Umlando
wethu ophilayo**



Ulwesihlanu Ukulungiselela Ikilasi

- 1 Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
- 2 Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
- 3 Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
- 4 Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: uchungechunge lwezehlakalo ezithakazelisayo emlandweni, izithombe zendlela umhlaba owawubukeka ngayo esikhathini eside esedlule, njl.
- 5 Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: cwaninga ngamaqiniso athakazelisayo angokomlando.
- 6 Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
- 7 Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.



Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebobwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 74 – 75, Masibhale

Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 76, Masifunde

Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 77 – 78, Masenze

Umsebenzi 4: Dweba isithombe somndeni wakini.

Umsombuluko



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

YETHULA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)

- 1 Khombisa abafundi ikhava engaphambili Yencwadi Enkulu: Indaba kamkhulu wami
- 2 Tshela abafundi ukuthi siqala isihloko esisha esithi: Umlando wethu ophilayo
- 3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
- 4 Buza abafundi: *Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
- 5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
- 6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
 - a Yini umlando?
 - b Yini oyaziyo ngomlando womndeni wakini?
 - c Yini oyaziyo ngomlando waseNingizimu Afrika?

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihlоко.
 - umlando
 - esikhathini esedlule
 - esikhathini samanje

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho futhi uziqhunya ngawo	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Kodwa uma ungewazi, buza abadala kuwe	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>



Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela
- 2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babbale: (inani alifani kuye ngolimi)
 - a **isikwele**
 - b **sikwa**
 - c **isikweletu**
 - d **ikwaya**
 - e **ukweba**
 - f **isilwane**
 - g **ulwembu**
 - h **lwelwa**
 - i **lolwa**
 - j **ulwazi**
- 3 Ngemva kwalokho, tshela abafundi ukuba bathathe ipensela yombala bese belungisa umsebenzi wabo.
- 4 Bhala ngokucacile imisindo kanye namagama ebhodini.
- 5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____

Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

Ngaphambi Kokufunda

ISU LOKUQONDISISA: QAGELA

- 1 Hlalisa abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
- 2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba: Indaba kamkhulu wami
- 3 Phenya izithombe ekhansi ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
- 4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
- 5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
- 6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala ngomlando wondeni wakini.

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ubhala uhlu olunezihlоко.

UHLAKA LOKUBHALA:

Izinto engizaziyo ngomlando womndeni wakithi:

- 1 ...
- 2 ...

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazobhala **ngento abayaziyo ngomlando womndeni wakubo.**
- 2 Fundela abafundi uhlaka lokubhala.
- 3 Khomba **isihloko** (*Izinto engizaziyo ngomlando womndeni wakithi*). Chaza ukuthi isihloko sisitshela ukuthi uhlu luzobe lumayelana nani.
- 4 Chaza ukuthi namuhla sizokwenza **uhlu**. Lokhu kusho ukuthi sizokhetha izinto ezimbili esizaziyo ngomlando womndeni wakithi bese sizibhala phansi.
- 5 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubonise abafundi ukuthi **uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale.**
- 6 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Ngazi ukuthi umndeni wakithi wasuka e-East London waya eJohannesburg. Ngazi ukuthi umkhulu wami owaseBotswana.
- 7 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze udwebe isithombe sakho, ucabanga ngento ngayinye oyaziyo usebenzisa **imicabango engamazwi abhaliwe.**
- 8 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye.**
- 9 Sebenzisa **ukulingisa** ukubhala into yokuqala ohlwini: Umndeni wakithi wasuka e-East London.
- 10 Sebenzisa **ukulingisa** ukubhala into yesibili ohlwini: Umkhulu wami owaseBotswana.
- 11 **Yisho amagama ngokunensa njengofudu bese ubhala imisindo oyaziyo.**
- 12 Sebenzisa **izinsiza-kufundisa**, njengamagama abonwayo kanye namagama olwazimagama ngesihloko.
- 13 Cima isibonelo sakho ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babhale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNWAYO

- 1 Cabangani ngamagama amayelana nomlando womndeni nabafundi.
- 2 Bhala amagama ebhodini, njengokuthi: suka, hlala, khuluma, pheka, yidla, kholelwa, njl.
- 3 Buza abafundi: Yini oyaziyo ngomlando womndeni wakini?
- 4 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babbale.**
- 5 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngombono wabo.
- 6 Biza abafundi 2–3 ukuba bazokutshela ngento abayaziyo ngomndeni wakubo.
- 7 Kufanele bathi: Ngazi ukuthi...
- 8 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala uhlulu okungolwabo!

UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi izincwadi.
- 2 Njengoba abafundi besabhala, hambahamba egumbini futhi ubambe **izingxoxo ezincane.**
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bafake umusho.
- 5 Gqugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi ukuthi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.
- 3 Chaza ukuthi nizokwengeza imininingwane emibhalweni yenu ngoLwesithathu.



Izinto engizdziyo ngomlndo womndeni wdmi:

1. Omkhulu bethu bveld eHebron

2. Umndeni wdmi ureld kwisizwe sdBdtSwdnd.

ISONTOS



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 5.**
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 1 wangoMsombuluko.**
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 2 wangoMsombuluko.**
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu ovalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesibili



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /nw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /nw/ ?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **nwaya, nweba, izinwele**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **izinwele, unwabu, nweba, iminwe, nwaya**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____




Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15


Bhala u/ izinhlamvu ezintsha/ amagama/ imisho emisha

- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **nw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babbale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.


- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/imisho ebhaliwe.




nW nw nW nw




izinwele izinwele




unwabu unwabu




nweba nweba




iminwe iminwe



nwaya nwaya



Unana unweba izinwele zakhe



ngomshini.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kokuqala

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUQONDISA: HLOLA UMBHALO

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>Indaba kamkhulu wami</p> <p>Igama lami ngingu-Aziz. Ngahlala eCape Flats, umphakathi ongaphandle kwaseKapa. Kodwa umndeni wami wawungahlali lapha ngaso sonke isikhathi. Umkhulu wami wake wangioxela indaba ngokuthi kwenzeka njani ukuthi umndeni wakithi ugcine usuhlala lapha.</p> <p>Ngenkathi umkhulu wami esasemncane, wayehlala endaweni eyayibizwa ngokuthi yi-District Six, emaphakathi neKapa. I-District Six kwake kwaba yindawo eyayihlala zonke izinhlanga, izinkolo kanye namasiko.</p> <p>Kodwa umbuso Wobandlululo wawungathandi ukuthi abantu abahlukene bahlale ndawonye. Wawufuna ukuhlukanisa abantu ngobuhlanga. Futhi ngoba i-District Six yayimaphakathi kwedolobha, babecabanga ukuthi kufanele kuhlale abelungu kuphela.</p> <p>Ngo-1966, uhulumeni wangalesosikhathi wenza i-District Six ukuthi ibe indawo yabelungu kuphela, abanye abantu baphoqwa ukuthi basuswe. I-District Six yacishe yahbidlizwa ngokuphelele.</p>	<p>Uhlala kuphi u-Aziz? Oh! Ngifunde ukuthi umndeni wakubo uhlala eCape Flats.</p>
	<p>Kungani umkhulu ka-Aziz athuthela eCape Flats? Oh! Ngifunde ukuthi kwakungeyona intando yabo – kodwa baphoqwa ukuthi basuke e-District Six.</p>
<p>Ngelinye ilanga umkhulu wahamba nami sayobona lokhu okwakusele e-District Six. 'Ngifuna ukhumbule okwakwenzeka lapha, khona uzokwazi ukufundisa izingane zakho ngelinye ilanga. Akufanele sikhohlwe umlando wethu.' engitshela.</p> <p>Okokuqala, umkhulu wangikhobisa i – De Villiers Street, lapho kwakuhlala khona umndeni wakubo. 'Umkhulu wami wayengumthungi ongcono kunabo bonke edolobheni! Isitolo sakhe sokuthunga sasixhumene nendlu yakithi, ngakho wayesebenza nganoma yisiphi isikhathi – emini noma ebusulu!' engitshela.</p>	<p>Yini aqale wamkhombisa yona umkhulu ohambeni lwabo? Ngifunde ukuthi okokuqala, wamkhombisa lapho bake bahlala khona.</p>

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>Sathi sisahambe kancane. 'Buka! Lena yindawo engangifunda kuyo ngenkathi ngisemncane-kwakuyimuzu emibili nje ukusuka ekhaya! Sasifundiswa ukufunda, izibalo, nakho konke ngamasiko ami obuSulumanne. Ngangisithanda lesi sikole! Ngenkathi siphqwya ukuthi siye eCape Flats, sasingekho isikole sobuSulumanne – ngaphandle kwesikole sobuKristu. Ngangikhumbula amasiko alandelwayo obuSulumanne nsuku zonke,' esho, ebukeka edabukile.</p>	<p>Yini eyayihlukile ngesikole sikamkhulu ka-Aziz e-District Six kanye naseCape Flats? Oh, Ngifunde ukuthi esikoleni sakhe esisha, wayengafundi amasiko obuSulumanne njengoba kwakunjalo esikoleni sakhe sase-District Six.</p>
<p>Ngemva kwalokho, wangikhombisa ikhona lapho kwakukhona indawo yokugunda izinwele eyayibizwa ngokuthi 'i-Star Hair Dressing.'</p> <p>'Kulapha umama wami ayengisa khona uma ngiyogunda izinwele! Umuntu ogunda izinwele wayenginikeza uswidi ngoba ngangihlala nginganyakazi,' esho emoyizela.</p>	<p>--</p>
<p>Sanyuka ngesitaladi. 'Lesi sitaladi sasisibiza ngokuthi i-Hanover Street,' esho. 'Kwakuyisitaladi eside esincane esasinezitolo ezinhlobonhlobi! Kanti kwakukhona ibhasi elihamba ngojantshi onqamula ngaphakathi nomgwaqo, elihambisa abantu lapho bedinga ukuya khona!'</p>	<p>Bakuphi o-Aziz nomkhulu wakhe manje? Ngifunde ukuthi bahamba ngesitaladi esibizwa ngokuthi i-Hanover Street, ngaphambi kokubhidlizwa kwe-District Six!</p>
<p>Saqhubeka sihamba. 'Kulapha lapho umndeni wakithi wawuthandaza khona,' esho, ekhomba ithempeli. Okuyithempeli lokuqala e-District Six!</p>	<p>Wayethandaza kuphi umkhulu ka-Aziz? Ngifunde ukuthi wayethandaza ethempelini lokuqala elalakhwi e-District Six!</p>
<p>Ngemva kwalokho, wayesengikhombisa lapho kwake kwaba khona nesinagoge elincane. 'Lapha kwakubizwa ngokuthi yi-Constitution Street. Nganginomngane owayengumJuda owayethandaza lapho nomndeni wakubo,' echaza.</p>	<p>Wayethandaza kuphi umngane kamkhulu ka-Aziz? Oh! Ngifunde ukuthi umngane wakhe wayethandaza esinagogeni. Ngifunde ukuthi wayenabangane ababenezinkolo ezahlukile kwezakhe.</p>
<p>Ekugcineni, umkhulu wami wangikhombisa isonto elidala laseWeseli, okumanje eselimnyuziyami yasse-District Six. 'Kwake kwabakhona amasonto, amathempeli, kanye namasinagoge lapha! Kodwa amanangi awo abhidlizwa ngenkathi siphqwya ukuthi sihambe,' esho, ebukeka edabukile.</p>	<p>Yini eyabhidlizwa? Oh! Ngifunde ukuthi amathempeli, amasinagoge kanye namasonto abhidlizwa!</p>

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>Uma siqeda uhumbo lwethu, sahlala eceleni kwenkundla eyayingenamuntu. 'Lapha kwakuyikhaya labantu abaningi. Ngikhumbula zonke izingane ezazidlala esitaladini ndawonye. Ngikhumbula abaculi ababezilolonga emakhoneni ezataladi. Ngikhumbula imidwebo emikhulu. Futhi ngikhumbula nangosuku okwafika ngalo ogandaganda ukuzobhidliza konke,' esho, enezinyembezi emehlwani akhe.</p>	<p>Kungani umkhulu ka-Aziz ayehlezi enkundleni enkuIu eyayingenamuntu? Oh! Ngicabanga ukuthi kungoba izinto eziningi e-District Six zazibhidliziwe.</p>
<p>Uhulumeni awukanikezi umndeni wakithi isiqephu somhlaba e-District Six. Kunalokho ubanikeze imali. Kodwa akukho okwakuzobuyaIa umphakathi umkhulu alahlekelwa yiwo ngo-1966.</p> <p>Umkhulu wami uthi kufanele sisebenze ukuze sikhazi ukugcina umlando obuhlungu uphila. Ngethemba ukuthi lomlando usho ukuthi akekho namunye umuntu eNingizimu Afrika oyophoqwa ukuthi aphume emzini wakhe futhi.</p>	--
Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo ezilindelekile
Wake wahlala kuphi umndeni ka-Aziz ngaphambilini?	Babehlala e-District Six eKapa.
Yini ayikhumbulayo umkhulu ka-Aziz ngomphakathi wase-District Six?	<ul style="list-style-type: none"> • Ukhumbula indlu yakubo endala esitaladini i-De Villiers. • Ukhumbula isitolo sokuthunga sikamkhulu wakhe. • Ukhumbula isikole sakhe sakudala, esamfundisa amasiko agcinwayo obuSulumanne. • Ukhumbula i-Hanover Street. • Ukhumbula ibhasi elihamba kujantshi ku-Hanover Street. • Ukhumbula onke amathempeli, amasinagoge, kanye namasondo. • Ukhumbula umphakathi wakubo wakudala.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Kungani umndeni ka-Aziz usuIhala eCape Flats manje?	<ul style="list-style-type: none"> • Ngoba ababona abelungu kanti nomndeni wabo waphoqeIelwa ukuthi uthuthe e-District Six. • Ngoba i-District Six yacishe yabhidlizwa yonke. • Ngoba uhulumeni awubanikanga umhlaba wabo.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 5**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 1 wangoLwesibili**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 2 wangoLwesibili**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesithathu

Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15





ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Eshloko.
 - indawo yokugunda izinwele
 - ibhasi elihamba ngojantshi
 - ithempeli
 - isinagogé

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho futhi uziqhenya ngawo	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Kodwa uma ungawazi, buza abadala kuwe	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>

UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)

- 1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
- 2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
- 3 Tshela abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
- 4 Nikeza abafundi umzuzu owodwa noma emibili ukuthi bacabange ngemibono yabo.
- 5 Okulandelayo bonke abafundi egenjini mabathole ithuba lokuxoxa indaba abaziqambele yona.
- 6 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibe nobuciko, iphindé futhi ihambisane nezithombe!
- 7 Khumbuza abafundi ukuba balalelisise izindaba zozakwabo.
- 8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.





Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /qw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi bawuphinde ka x 3.
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /qw/?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **qwala, umqwayiba, emgwaqweni**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **qwala, isiqwayi, umqwayiba, amaqaqwasi, emgwaqweni**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama eBhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imis)indo: _____

Amagama: _____




Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

Bhala u/izinhlamvu /amagama /imisho emisha

- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **qw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babbale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/ amagama/imisho ezincwadini zabo.

- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/
imisho ebhaliwe.



UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala ngomlando wondeni wakini.

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ubhala uhlulu olunezihloko.

UHLAKA LOKUBHALA:

Izinto engizaziyo ngomlando womndeni wakithi:

- 1 ...
- 2 ...

Imibuzo enginayo ngomlando womndeni wakithi:

- 1 ...
- 2 ...

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazokwengeza embhalweni wabo wangoMsombuluko.
- 2 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bozokwengeza into eyodwa ohlwini lwezinto abaziqale ngoMsombuluko.
- 3 Fundela abafundi uhlaka lokubhala olusha.
- 4 Sebenzisa **ukulingisa** uze ubonise abafundi ukuthi uyacabanga **ngaphambi kokuthi ubhale**.
- 5 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Ngiyazibuza ukuthi kungani umkhulu wami eza eNingizimu Afrika.
- 6 Sebenzisa **ukulingisa** ukubhala into ozoyifaka kumdwebo wakho, njengokuthi: wena, ucabanga ngalo mbuzo.
- 7 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye**.
- 8 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubhale into yokuqala engxenjeni yesibili yohlu: Kungani umkhulu wami esuku eBotswana?
- 9 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubhale into yesibili engxenjeni yesibili yohlu: Ngiyazibuza ukuthi kungani umndeni wakithi wasuka e-East London?
- 10 Yisho amagama ngokunensa **njengofudu bese ubhala imisindo oyaziyo**.
- 11 **Cima isibonelo** ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele **babhale imibono okungeyabo**.

ISONTO 5

IMIYALELO EKHULUNYWAYO

- 1 Buza abafundi: Yimiphi imibuzo onayo ngomlando womndeni wakini?
- 2 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babhale**.
- 3 Yalela abafundi ukuba **bajike bese bekhuluma** nozakwabo ngombono wabo.

- 4 Biza abafundi 2–3 bazokutshela ngemibuzo yabo.
- 5 Kufanele bathi: Ngifuna ukwazi ukuthi...
- 6 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!

UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi **izincwadi**. Yalela abafundi ukuba bathole umbhalo wabo wangoMsombuluko. **Bazokwengeza** kulokhu!
- 2 Njengoba abafundi besabhala, hambahamba phakathi kwegumbi futhi ubambe **izingxoxo ezincane**.
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bafake umusho.
- 5 Ggugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.

*Choma umbhalo wabafundi egunjini lapho **amehlo omfundi efinyelela khona**. Lokhu kuyosiza abafundi ukuthi bakwazi ukuqhuba izingxoxo ngesihloko.*




Izinto engizdzayo ngomlndo womndeni wdmi:

1. Omkhulu bethu bveld eHebron

2. Umndeni wdmi ureld kwisizwe sdBdtswdnd.

ISONTOS



Imibuzo engindyo ngomlndo womndeni wdmi:

1. Bdbendbdfnd ndmdntombdzdne

dmangaki omkhulu bdmi?

2. Kungdbe ugogo wdmi ungowdkuphi?



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yekufunda 5.**
- 2 Chazela lonke ikilasi ngoMsebenzi 1 wango**Lwesithathu** ekilasini lonke.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesine



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu engama-30

Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

NGIYENZA

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **nweba**
- 3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: /nw/-/e/-/b/-/a/
- 4 Yisho umsindo wokuqala wegama: /nw/
- 5 Yisho umsindo wesibili wegama: /e/
- 6 Yisho umsindo wesithathu wegama: /b/
- 7 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: /a/
- 8 Bhala igama ebhodini: **nweba**
- 9 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: /nwe/-/ba/ = **nweba**
- 10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **qwala**

SIYENZA ...

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **iminwe**
- 3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? /i/
- 4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo owesibili egameni? /m/
- 5 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /i/
- 6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /nw/
- 7 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? /e/
- 8 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: /i/-/m/-/i/-/nw/-/e/
- 9 Bhala igama: **iminwe**
- 10 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: /i/-/mi/-/nwe/ = **iminwe**
- 11 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **isiqwayi**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(im) sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kwesibili

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUFUNDA: HLOLA UMBHALO

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p>Indaba kamkhulu wami</p> <p>Igama lami ngingu-Aziz. Ngihlala eCape Flats, umphakathi ongaphandle kwaseKapa. Kodwa umndeni wami wawungahlali lapha ngaso sonke isikhathi. Umkhulu wami wake wangioxela indaba ngokuthi kwenzeka njani ukuthi umndeni wakithi ugcine usuhlala lapha.</p> <p>Ngenkathi umkhulu wami esasemncane, wayehlala endaweni eyayibizwa ngokuthi yi-District Six, emaphakathi neKapa. I-District Six kwake kwaba yindawo eyayihlala zonke izinhlanga, izinkolo kanye namasiko.</p> <p>Kodwa umbuso Wobandlululo wawungathandi ukuthi abantu abahlukene bahlale ndawonye. Wawufuna ukuhlukanisa abantu ngobuhlanga. Futhi ngoba i-District Six yayimaphakathi kwedolobha, babecabanga ukuthi kufanele kuhlale abelungu kuphela.</p> <p>Ngo-1966, uhulumeni wangalesosikhathi wenza i-District Six ukuthi ibe indawo yabelungu kuphela, abanye abantu baphoqwa ukuthi basuswe. I-District Six yacishe yahbidlizwa ngokuphelele.</p>	<p>Wayehlala kuphi umkhulu ka-Aziz ngaphambi kokuthi bahlale eCape Flats? Ngifunde ukuthi umkhulu wakhe wake wahlala endaweni ebizwa ngokuthi i-District Six.</p>
<p>Ngeline ilanga umkhulu wahamba nami sayobona lokhu okwakusele e-District Six. 'Ngifuna ukhumbule okwakwenzeka lapha, khona uzokwazi ukufundisa izingane zakho ngeline ilanga. Akufanele sikhohlwe umlando wethu.' engitshela.</p> <p>Okokuqala, umkhulu wangikhobisa i – De Villiers Street, lapho kwakuhlala khona umndeni wakubo. 'Umkhulu wami wayengumthungi ongcono kunabo bonke edolobheni! Isitolo sakhe sokuthunga sasixhumene nendlu yakithi, ngakho wayesebenza nganoma yisiphi isikhathi – emini noma ebusulu!' engitshela.</p>	<p>Kungani umkhulu ka-Aziz ahamba naye ukuya e-District Six? Ngifunde ukuthi kungoba ufunu u-Aziz afunde ngomlando womndeni wakubo!</p>

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p>Sathi sisahambe kancane. 'Buka! Lena yindawo engangifunda kuyo ngenkathi ngisemncane-kwakuyimuzu emibili nje ukusuka ekhaya! Sasifundiswa ukufunda, izibalo, nakho konke ngamasiko ami obuSulumanne. Ngangisithanda lesi sikole! Ngenkathi siphоqwa ukuthi siye eCape Flats, sasingekho isikole sobuSulumanne – ngaphandle kwesikole sobuKristu. Ngangikhumbula amasiko alandelwayo obuSulumanne nsuku zonke,' esho, ebukeka edabukile.</p>	<p>Kungani umkhulu ka-Aziz ayebukeka edabukile? Wayedabukile ngenkathi ecabanga ngokuthi isikole sakhe esisha sasingamfundisi ngamasiko alandelwayo obuSulumanne ayewathanda!</p>
<p>Ngemva kwalokho, wangikhombisa ikhona lapho kwakukhona indawo yokugunda izinwele eyayibizwa ngokuthi 'i-Star Hair Dressing.'</p> <p>'Kulapha umama wami ayengisa khona uma ngiyogunda izinwele! Umuntu ogunda izinwele wayenginikeza uswidi ngoba ngangihlala nginganyakazi,' esho emoyizela.</p>	<p>--</p>
<p>Sanyuka ngesitaladi. 'Lesi sitaladi sasisibiza ngokuthi i-Hanover Street,' esho. 'Kwakuyisitaladi eside esincane esasinezitolo ezinhlobonhlobi! Kanti kwakukhona ibhasi elihamba ngojantshi onqamula ngaphakathi nomgwaqo, elihambisa abantu lapho bedinga ukuya khona!'</p>	<p>Kungani umkhulu ka-Aziz efuna ukumkhombisa izinto eziningi kangaka ezazingasekho?</p> <p>Ngingaphetha ngokuthi ufunu u-Aziz azi zonke izinto ayezithanda ngomphakathi wakubo wase-District Six.</p>
<p>Saqhubeka sihamba. 'Kulapha lapho umndeni wakithi wawuthandaza khona,' esho, ekhomba ithempeli. Okuyithempeli lokuqala e-District Six!</p>	<p>Ngazi kanjani ukuthi umndeni ka-Aziz ungamaSulumanne? Oh! Ngiyakhumbula ukuthi wayethanda ukufunda amasiko alandelwayo obuSulumanne, kanti manje ngifunde ukuthi umndeni wakhe wawuthandaza ethempelini.</p>
<p>Ngemva kwalokho, wayesengikhombisa lapho kwake kwaba khona nesinagoge elincane.</p> <p>'Lapha kwakubizwa ngokuthi yi-Constitution Street. Nganginomngane owayengumJuda owayethandaza lapho nomndeni wakubo,' echaza.</p>	<p>--</p>
<p>Ekugcineni, umkhulu wami wangikhombisa isonto elidala laseWeseli, okumanje eselimnyuziyami yase-District Six. 'Kwake kwabakhona amasonto, amathempeli, kanye namasinagoge lapha! Kodwa amanangi awo abhidlizwa ngenkathi siphоqwa ukuthi sihambe,' esho, ebukeka edabukile.</p>	<p>Kungani umkhulu ka-Aziz ayezizwa edabukile?</p> <p>Ngifunde ukuthi izakhiwo eziningi zabhidlizwa. Ngicabanga ukuthi uzizwa edabukile ngokushatshalaliswa komphakathi wakhe.</p>

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p>Uma siqeda uhambo lwethu, sahlala eceleni kwenkundla eyayingenamuntu. 'Lapha kwakuyikhaya labantu abaningi. Ngikhumbula zonke izingane ezazidlala esitaladini ndawonye. Ngikhumbula abaculi ababezilolonga emakhoneni ezataladi. Ngikhumbula imidwebo emikhulu. Futhi ngikhumbula nangosuku okwafika ngalo ogandaganda ukuzobhidliza konke,' esho, enezinyembezi emehlwani akhe.</p>	<p>Wazizwa kanjani umkhulu ka-Aziz ngenkathi beqeda uhambo lwabo? Wayenezinyembezi emehlwani akhe, ngakho ngingaphetha ngokuthi uzipwa edabuke kakhulu uma ecabanga ngazo zonke izinto ezabhidlizwa.</p>
<p>Uhulumeni awukanikezi umndeni wakithi isiqephu somhlaba e-District Six. Kunalokho ubanikeze imali. Kodwa akukho okwakuzobuyisa umphakathi umkhulu alahlekelwa yiwo ngo-1966.</p> <p>Umkhulu wami uthi kufanele sisebenze ukuze sikhazi ukugcina umlando obuhlungu uphila. Ngethemba ukuthi lomlando usho ukuthi akekho namunye umuntu eNingizimu Afrika oyophoqwa ukuthi aphume emzini wakhe futhi.</p>	<p>Kungani umkhulu ka-Aziz ayefuna ukuxoxa ngomlando obuhlungu naye? Oh! Ngifunde ukuthi ufunu u-Aziz akhumbule, ukuze lokhu kungaphinde kwenzeke futhi!</p>
Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo
Kwenzekani e-District Six?	<ul style="list-style-type: none"> • Kwaba indawo yabelungu bodwa abavunyelwa ukuthi bahlala kuyo. • Bonke abantu ababengebona abelungu baphoqwa ukuthi bahambe e-District Six. • I-District Six yacishe yabhidlizwa yonke.
Kungani umkhulu ka-Aziz azizwa edabukile endaben?	<ul style="list-style-type: none"> • Ngoba umphakathi wakhe wawushatshalalisa. • Ngoba wayekhumbula umphakathi wakubo.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Kungani umkhulu ka-Aziz athatha uhambo lokuya e-District Six naye?	<ul style="list-style-type: none"> • Ngoba wayefuna ukutshela u-Aziz ngazo zonke izinto azikhumbulayo. • Ngoba wayefuna ukutshela u-Aziz ngomlando womndeni wakubo. • Ngoba wayefuna u-Aziz agcine umlando wabo uphila. • Ngoba wayekhumbula umphakathi wakhe wakudala. • Ngoba wayengafuni ukuthi kuphinde kwenzeke futhi lokhu!



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 5**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 1 wangoLwesine**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 2 wangoLwesine**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesihlanu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Eshloko.
 - bhidlizwa
 - ogandaganda
 - inkumbulo

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho futhi uziqhenya ngawo	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Kodwa uma ungawazi, buza abadala kuwe	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>

INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

- 1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba...
Le ndaba isitshela ngomlando waseNingizimu Afrika ngoba...
Le ndaba ingenza ngizizwe...ngoba...
- 2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
- 3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane**.
- 4 Tshela abafundi ukuthi umfundsi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
- 5 Cela abafundi bonke ukuthi bakulalele.
- 6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
- 7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
- 8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Thola Igama

Bhala ithebulu ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

nw	qw	u
b	a	e
i	m	y
z	l	s

TSHENGISA

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: /nw/ kanye /qw/
- 2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amanangi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
- 4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe: njengokuthi:
/nw/-/e/-/b/-/a/ = nweba
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma iyiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa /s/-/u/-/l/-/a/ = **sula**

ISONTO 5

OKWENZIWA ABAFUNDI

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babbale isihloko: **nw, qw**
- 2 Yalela abafundi ukuthi baqale babbale.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amanangi abangawkazi ukuwakha.
- 4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **izinwele, unwabu, nweba, iminwe, nwaya, qwala, isiqwayi, umqwayiba, amaqwawasi, sula, bala, yala, zabalaza**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngemva Kokufunda

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: FINGQA INDABA

UKULANDISA NGOKUKHUMBULAYO OKUSENDABENI

- 1 Chaza ukuthi abafundi bazokhuluma ngento abayifundile endabeni ethi: *Indaba kamkhulu wami*.
- 2 Sebenzisa **ukulingisa** ubonise abafundi indlela yokulanda indaba ngemisho 1–2 **ngento abayifundile endabeni**, njengokuthi: Ngifunde ukuthi kwake kwaba nendawo eKapa ebizwa ngokuthi yi-District 6.
- 3 Phakamisa izithombe Ezisencwadini Enkulu. Yalela abafundi ukuthi babuke izithombe bese becabanga ngokuthi yini eyenzekayo.
- 4 Yalela abafundi ukuba bacabange ngalokho **abakufundile** endabeni ethi *Indaba kamkhulu wami*.
- 5 Cela abafundi 2–3 ukuba **babelane** ngemibono nekilasi. **Siza** abafundi bakhe imisho ephelele.
- 6 Chaza futhi ulungise noma yiziphi izinkinga ezivame ukwenziwa abafundi.
- 7 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese beyakhuluma** futhi babelane ngomlando **wabo** nomlingani. (*Akufanele basho lokhu osekushiwo uthisha. Kufanele abafundi beze nemibono yabo!*)



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 5**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto

Imizuzu eyi-15

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
- 2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezelo kolokuqala.
- 3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi 'Bajike bese Beyakhulumu' futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
- 4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenjeni yengxoxo yolimi:
 - a Sithini isihloko sethu solimi sesonto?
 - b Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?
 - c Imaphi amagama amasha owathandile esonto?
 - d Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?
 - e Sibhale ngani kuleli sonto?
 - f Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - g Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - h Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?
- 5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeniyabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikolenikuleli sonto.

Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.

Ibanga 1 ITHEMU 4 Isonto 6

**ISIHLOKO:
Umlando
wethu ophilayo**



Ulwesihlanu Ukulungiselela Ikilasi

- 1 Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
- 2 Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
- 3 Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
- 4 Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: isithombe sesithwalambiza, izithombe zomndeni wakini, cela abafundi ukuba beze nezithombe zemindeni yakubo, njl.
- 5 Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: cwaninga ngamaqiniso ngomlando waseNingizimu Afrika.
- 6 Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBe zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
- 7 Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.



Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebobwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-DBe 2: Ikhasi 79, Masenze

Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-DBe 2: Ikhasi 80, Masifunde

Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-DBe 2: Ikhasi 81 – 83, Masibhale

Umsebenzi 4: Dweba isithombe sento oyaziyo ngokhokho bakho.

Umsombuluko



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

BUYEKEZA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

- 1 Khombisa abafundi isithombe sikaDantago ephethe isithwalambiza endabeni eseNcwadini Enkulu: Isithunywa saphezulu
- 2 Tshela abafundi ukuthi siqhubeka nesihloko esithi: Umlando wethu ophilayo
- 3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
- 4 Buza abafundi: *Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
- 5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
- 6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
 - a Yiziphi izinto ezintsha ozifundile ngomlando waseNingizimu Afrika?
 - b Yini ongathanda ukuyazi ngomlando waseNingizimu Afrika?
 - c Yini ongathanda ukuyazi ngomlando womndeni wakini?

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - okhokho
 - isithunywa
 - umyalezo

ISONTO 6

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho futhi uziqhanya ngawo	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Kodwa uma ungawazi, buza abadala kuwe	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>



Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela
- 2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babbale: (inani alifani kuye ngolimi)
 - a **izinwele**
 - b **unwabu**
 - c **nweba**
 - d **iminwe**
 - e **nwaya**
 - f **qwala**
 - g **isiqwayi**
 - h **umqwayiba**
 - i **amaqwaqwasi**
 - j **emgwaqweni**
- 3 Ngemva kwalokho, tshela abafundi ukuba bathathe ipensela yombala bese belungisa umsebenzi wabo.
- 4 Bhala ngokucacile imisindo kanye namagama ebhodini.
- 5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

Ngaphambi Kokufunda

ISU LOKUQONDISISA: QAGELA

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
- 2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba: Isithunywa saphezulu.
- 3 Phenya izithombe ekhansi ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
- 4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
- 5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
- 6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhalela ikhadi lokubonga umuntu owakufundisa ngomlando wakho.

UMSEBENZI: Bhala ikhadi lokubonga.

UHLAKA LOKUBHALA:

Sawubona....,

Ngiyabonga...

Ngifunde ukuthi...

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazobhalela ikhadi lokubonga umuntu owabafundisa ngomlando wabo.
- 2 Chaza ukuthi abafundi bazokwenza ikhadi labo. Thatha iphepha elingenalutho bese ukhombisa abafundi indlela yokuligoqa libe uhhafu oyikhadi.
- 3 Chaza ukuthi ngaphambili kwekhadi, abafundi bazodweba isithombe esihle bese bebhala igama: Ngiyabonga.
- 4 Dweba amabhokisi amabili ebhodini ukuze ubonise ingaphambili kanye nengaphakathi kwekhadi.
- 5 Sebenzisa ukulingisa ukuze udwebe ingaphambili lekhadi.
- 6 Sebenzisa ukulingisa ukuze ubonise abafundi ukuthi uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale.
- 7 Tshela abafundi ngombono wombhalo wakho, njengokuthi: Ngifuna ukubonga ugogo wami ngokungixoxela ukuthi wayephila kanjani lapho esiyintombazane encane. Ngifunde ukuthi ngesikhathi esemncane, lalingekho ibhasi lokuya esikoleni. Kwakudingeka ahambé ngezinyawo ukuya esikoleni.
- 8 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. Dweba umugqa egameni ngalinye, njengokuthi: Sawubona gogo, Ngiyabonga ngokungixolela ngesikhathi usemncane. Ngifunde ukuthi wawuhamba ngezinyawo ukuya esikoleni kunokuba ugibele ibhasi.
- 9 Cima isibonelo sakho ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babbale imibono okungeyabo.

ISONTO 6

IMIYALELO EKHULUNYWAYO

- 1 Cabangani ngabantu abehlukene abafundi abangababhalela.
- 2 Bhala amagama ebhodini, njengokuthi: gogo, mkhulu, anti, malume.
- 3 Buza abafundi: Yini oyifundile?
- 4 Yalela abafundi ukuba bacabange ngaphambi kokuthi babbale.


- 5 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngombono wabo.
- 6 Biza abafundi 2–3 ukuba bazokutshela ngalokho abakufundile.
- 7 Kufanele bathi: Ngiyabonga.../Ngifunde ukuthi...
- 8 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!

UKUBHALA

- 1 Banikeze amaphepha angenalutho.
- 2 Yalela abafundi ukuba bagoqe amaphepha abe nguhhafu njengekhadi.
- 3 Njengoba abafundi besabhala, hambahamba egumbini futhi ubambe izingxoxo ezincane.
- 4 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 5 Siza abafundi ukuthi bafake umusho.
- 6 Gqugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi ukuthi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.
- 3 Chaza ukuthi nizokwengeza imininingwane emibhalweni yenu ngoLwesithathu.



Gogo wdmi otħandekdyo.
Ngiydbongd ukuthi
ungixoxele ngomadnd wdmi
ngenkdathi esemncane.
Ngifunde ukuthi senzd izinto
ngokufnd.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 6.**
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko.**
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko.**
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesibili



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /sw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /sw/ ?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **uswidi, uswazi, swela**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **swela, swenka, uswazi, eSwazini, uswidi**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____




Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15


Bhala u/izinhlamvu / amagama/ imisho emisha

- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **sw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babbale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.


- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/imisho ebhaliwe.




S W S W S W S W




swela swela




swenka swenka




eSwazini eSwazini



uswidi uswidi



Ubaba uswele imali yokuya



eSwazini.

ISONTO 6

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kokuqala

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUQONDISA: YENZA UKUXHUMANISA

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
Isithunywa saphezulu 'Bheka!' ngamemeza ugogo wami ngenye intambama, ngiphethe isithwalambiza ngentende yesandla sami.	--
Ugogo wami wamoyizela. 'Dantago, ngifuna ukukutshela ngokhokho bethu bamaNama,' esho, njengoba ethatha isithwalambiza esibeka esandleni sakhe. 'Babeyingxene yeqembu elikhulu labantu elibizwa ngokuthi amaKhoisan, abantu bomdabu wale lizwe – izwe esilibiza namuhla ngokuthi iNingizimu Afrika,' esho.	Ngingenza ukuxhumanisa nendaba esiyifunde ngesonto eledlule. Kuzo zombili lezi zindaba, abalandisi ngabantu abadala abaxoxa izindaba zakudala.
Ngabhekisia isithwalambiza esasihleli esandleni sikagogo wami. 'Uma okhokho bethu bebezithola besesimeni esinzima bese bebona isithwalambiza sihleli etsheni noma emhlabathini, bebekhothama phambi kwaso bese bebuza isithwalambiza imibozo evela ezinhliziyweni zabo,' esho, njengoba ekhulula isithwalambiza onqenqemeni lwefasitela. Ngacabanga ngokhokho bami bekhothama, behlaziya imiyalezo eyayiphethwe yilesi sinambuzane esincane.	Bobabili oDantago no-Aziz bafunda ngemilando yomndeni yabo kubantu abadala. Ngicabanga ukuthi abantu abadala bangasifundisa okuningi lapho iminden'i yethu ivela khona.
'Luhlobo luni lwemiyalezo eyayilethwa isithwalambiza?' Ngibuza ugogo wami. 'Isithwalambiza sasiletha imiyalezo eminingi ehlukahlukene – kodwa sasithwala ngokukhetekile imiyalezo emayelana nemvula,' echaza. 'Okhokho bethu babekwazi ukubona ukuthi imvula iyeza noma cha ngokumane babuke isithwalambiza.'	Kubonakala sengathi bobabili oDantago no-Aziz banokuningi abadinga ukukufunda ngezindaba zeminden'i yabo.
'Ingabe nathi siyakholelwa yini ekutheni isithwalambiza siphatha imiyalezo?' ngibuza. Ngakhothama ngabuza okusuka enhliziyweni yami ukuthi ingabe imvula izonetha maduzane yini. Ngaggolozela isithwalambiza, ngizama ukubona ukuthi kungenzeka yini imvula ifike. 'Angicabangi ukuthi ngingakwazi ukufunda imiyalezo,' ngivuma.	--

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>Ugogo wathi, 'Njengoba wazi, abantu bakithi banezindlela ezahlukene zokukhuluma noNkulunkulu kanye nanokhokho bethu. Njengoba ukhula, uzokwenza izinqumo ngokuzwa kulungile kuwe. Noma yini okholelwa kuyo, kufanele uylalele ngokucophelela imiyalezo yako – kanti ngesinye isikhathi kungenzeka ifike ngesithwalambiza,' echaza.</p>	<p>Ngingenza ukuxhumanisa – kuzo zombili izindaba sibona ukuthi kunezindlela ezahlukene abantu abathandaza ngazo nabenza ngayo abakholelwa kukhona.</p>
<p>'Kwenzekani ngokhokho bethu bamaNama?' ngibuza ugogo wami, ngizama ukucabanga ukuthi ingabe bashonaphi.</p> <p>Wathula imizuzu embalwa. Ngabona ukuthi wayecabanga ngokujulile.</p>	<p>Impilo iye yashintsha ngokuhamba kwesikhathi kuyo yomibili imindeni kaDantago no-Aziz. Sifunda ngezinye zezindlela impilo eshntshe ngayo ekuhambeni kwesikhathi kuzo zombili lezi zindaba.</p>
<p>'Okhokho bethu bamaNama babengabazingeli. Lokhu okusho ukuthi babezingela ukuze bathole inyama futhi babethola ukudla okuvela ezitshalweni zasendle. Kodwa namuhla, azisekho izilwane eziwuvanzi abangazizingela. Bathathelwa izwe labo, ngakho-ke abasakwazi ukuthola ukudla. Okhokho bethu abaphathekanga kahle ngezindlela eziningi ezahlukene,' esho.</p>	<p>Ngingenza ukuxhumanisa. Bobabili okhokho baka-Aziz noDantago bathathelwa umhlaba wabo. Baphathwa ngendlela engenabulungiswa.</p>
<p>Ngacabanga ngokhokho bethu bephethe iminsalo nemicibisholo, belandela imizila yoMgankla (Kudu) ngokucophelela. Cabanga ngabo bemba izimpande futhi beqoqa namajikijolo ukuze badle. Ngacabanga ngabantu abeza bezobantshontshela umhlaba wabo.</p>	<p>Bobabili o-Aziz noDantago kwadingeka bacabange ngezingxene ezithile zezimpilo zokhokho babo ngoba babentshontshelwe umhlaba wabo.</p>
<p>'Dantago, ngifuna uhlale ukhumbula ukuthi yini ebalukekile kithina njengabantu bamaNama. Uyazi ukuthi siyazisa kakhulu imvelo kanye nomphakathi wethu,' eqhubeka. 'Yingakho ngikufundisa yonke into engiyaziyo ngesiko lwethu. Kukithina ukugcina amagugu ephile ukuze sihloniphe okhokho bethu.'</p>	<p>Bobabili abantu abadala bafuna bakhumbule okhokho babo – futhi bangakhohlwa imilando yemindeni yabo.</p>
<p>Ngacabanga ngendlela ugogo wami azi ngayo amagama ezitshalo zasendle kanye nokusetshenziswa kwazo. Ngazibuza ukuthi ingabe lololwazi lwavela kokhokho bethu yini – ngokubaluleka okukhethekile ababebheka ngayo indalo.</p>	<p>--</p>
<p>Njengoba isithwalambiza sesihamba, ngacabanga kakhulu ngokhokho bami, nangezfundo eziningi ezibalulekile engingazifunda namuhla kubo.</p>	<p>Sengiyabona ukuthi noma ulwazi lwamasiko abanye bawokhokho bakaDantago elahlekile, kusekhona okuningi okufanele akufunde futhi akugcine kuphila.</p>

Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo ezilindelekile
Yini uDantago ayikhombisa ugogo wakhe?	Wakhombisa ugogo wakhe isithwalambiza.
Babengobani okhokho bakaDantago?	Okhokho bakaDantago kwakungabantu bamaNama, abayingxenye yabantu bamaKhoisan.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Ucabanga ukuthi kungani ugogo kaDantago emtshela ngokhokho bakhe?	<ul style="list-style-type: none">• Ngoba ufuna uDantago afunde ngokhokho kanye namasiko abo.• Ngoba kubalulekile ukuthi uDantago azi ngomlando womndeni wakhe.• Ngoba ufuna uDantago afunde izifundo ezibalulekile ngokhokho bakhe.• Ngoba ufuna uDantago ukuthi asize ukugcina amagugu abo ephila – ukuba awahloniphe.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 6**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesithathu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15


ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - uvanzi
 - imvelo
 - ukwazisa kakhulu
 - isiko

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho futhi uziqhenga ngawo	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Kodwa uma ungaazi, buza abadala kuwe	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>

UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTÖ LESIBILI LESIHLOKO)

- 1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
- 2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
- 3 Khumbuza abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
- 4 Kulelisonto, abafundi kufanele basebenze njengeqembu ekunqumeni indaba yeqembu.
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibe nobuciko , iphinde futhi ihambisane nezithombe!
- 6 Cela ikilasi ukuba lilalele futhi linake.
- 7 Cela amaqembu 1–2 ehlukene ukuba azoxoxa izindaba zeqembu lazo.
- 8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.



ISONTÖ 6



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /tw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi bawuphinde ka x 3.
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /tw/?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **utwayi, isitweno, itwetwe**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **itwetwe, itwani, isitweno, amatwayitwayi, utwayi**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama eBhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____




Ukubhala Kahle Ngesandla:


Imizuzu eyi-15

Bhala u/izinhlamvu /amagama /imisho emisha


- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **tw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/ amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.




tw tw tw tw




it wet we it wet we




it wani it wani




is it weno is it weno




am at way i t way i am at way i t way i



ut way i ut way i



Um fana wakithi ucula



ekwayeni lesikole.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhalela ikhadi lokubonga umuntu owakufundisa ngomlando wakho.

UMSEBENZI: Bhala ikhadi lokubonga.

UHLAKA LOKUBHALA:

Sawubona...,

Ngiyabonga...

Ngifunde ukuthi...

Ngizizwa...

Okuthandayo, ...

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazokwengeza umusho embhalweni wabo wangoMsombuluko.
- 2 Fundela abafundi uhlaka lokubhala olusha.
- 3 Sebenzisa **ukulingisa** uze ubonise abafundi ukuthi uyacabanga **ngaphambi kokuthi ubhale**.
- 4 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi : Ngizizwa ngingokwazisa kakhulu ugogo wami. Ngizizwa ngijabule kakhulu ngokwazi kabanzi ngokuphila kwakhe.
- 5 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye**, njengokuthi: Ngizizwa ngijabule kakhulu ngokuthi ungioxole ngempilo yakho.
- 6 Cima isibonelo ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babbale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNWAYO

- 1 Cabangani ngamagama emizwa nabafundi.
- 2 Bhala amagama ebhodini, njengokuthi: ukujabula, ukubonga, ukukhululeka, njl.
- 3 Buza abafundi: Uzizwa kanjani?
- 4 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babbale**.
- 5 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngombono wabo.
- 6 Biza abafundi 2-3 bazokutshela indlela abazizwa ngayo.
- 7 Kufanele bathi: Ngizizwa...
- 8 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!


UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi amakhadi. Yalela abafundi ukuba bavule ingaphakathi lamakhadi abo. **Bazokwengeza** kulokhu!
- 2 Njengoba abafundi besabhalala, hambahamba phakathi kwegumbi futhi ubambe **izingxoxo ezincane**.
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bafake umusho.
- 5 Gqugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkulumu** nozakwabo ngemidwebo yabo.

Choma umbhalo wabafundi egunjini lapho amehlo omfundu efinyelela khona. Lokhu kuyosiza abafundi ukuthi bakwazi ukuqhuba izingxoxo ngesihloko.



Gogo wdmi othandekayo,
Ngixdbongd ukuthi
ungioxele ngomadma wdmi
ngenkathi esemncdne.
Ngifunde ukuthi senzd izinto
ngokufnd.

Ngizizwd ngijdbulele ukwazi
kdbdnzi ngomadmd wdmi
Okuthanddyo, uLard




Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yekufunda 6**
- 2 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 3 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
- 4 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
- 5 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 6 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
- 7 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesine



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

NGIYENZA

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **swela**
- 3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: /sw/-/e/-/l/-/a/
- 4 Yisho umsindo wokuqala wegama: /sw/
- 5 Yisho umsindo wesibili wegama: /e/
- 6 Yisho umsindo wesithathu wegama: /l/
- 7 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: /a/
- 8 Bhala igama ebhodini: **swela**
- 9 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: /swe/-/la/ = **swela**
- 10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **itwani**

SIYENZA ...


- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **uswidi**
- 3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? /u/
- 4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo owesibili egameni? /sw/
- 5 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /i/
- 6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /d/
- 7 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? /i/
- 8 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: /u/-/sw/-/i/-/d/-/i/
- 9 Bhala igama: **uswidi**
- 10 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: /u/-/swi/-/
di/ = uswidi
- 11 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **itwetwe**

ISONTO 6

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kwesibili

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUFUNDA: NGIYAZIBUZA / NGINGAPHETHA

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p>Isithunywa saphezulu</p> <p>'Bheka!' ngamemeza ugogo wami ngenye intambama, ngiphethe isithwalambiza ngentende yesandla sami.</p>	<p>Ngiyakhumbula kule ndaba ukuthi ugogo kaDantago umfundisa ngokhokho babaNama. Ngiyazibuza ukuthi ubani owafundisa ugogo kaDantago ngokhokho bakhe.</p>
<p>Ugogo wami wamoyizela. 'Dantago, ngifuna ukukutshela ngokhokho bethu bamaNama,' esho, njengoba ethatha isithwalambiza esibeka esandleni sakhe. 'Babeyingxene yeqembu elikhulu labantu elibizwa ngokuthi amaKhoisan, abantu bomdabu wale lizwe – izwe esilibiza namuhla ngokuthi iNingizimu Afrika,' esho.</p>	<p>Ngiyazibuza ukuthi ingabe ugogo kaDantago uyakholelwa yini naye ekutheni isithwalambiza siyisithunywa saphezulu?</p>
<p>Ngabhekisia isithwalambiza esasihleli esandleni sikagogo wami.</p> <p>'Uma okhokho bethu bebezithola besesimeni esinzima bese bebona isithwalambiza sihleli etsheni noma emhlabathini, bebekhothama phambi kwaso bese bebuza isithwalambiza imibuzo evela ezinhliziyweni zabo,' esho, njengoba ekhulula isithwalambiza onqenqemeni lwefasitela.</p> <p>Ngacabanga ngokhokho bami bekhothama, behlaziya imiyalezo eyayiphethwe yilesi sinambuzane esincane.</p>	<p>Ngiyazibuza ukuthi ingabe ugogo kaDantago wake wabuza yini isithwalambiza imibuzo evela enhliziyweni yakhe? Noma ukuthi ingabe ukhokho wakhe wake wayibuza yini imibuza? Ngiyazibuza ukuthi le nkolelo ineminyaka emingaki?</p>
<p>'Luhlobo luni lwemiyalezo eyayilethwa isithwalambiza?' Ngibuza ugogo wami.</p> <p>'Isithwalambiza sasiletha imiyalezo eminingi ehlukahlukene – kodwa sasithwala ngokukhethekile imiyalezo emayelana nemvula,' echaza. 'Okhokho bethu babekwazi ukubona ukuthi imvula iyeza noma cha ngokumane babuke isithwalambiza.'</p>	<p>Ngiyazibuza ukuthi ugogo kaDantago uyakwazi yini ukufunda imiyalezo yesithwalambiza?</p>
<p>'Ingabe nathi siyakholelwa yini ekutheni isithwalambiza siphatha imiyalezo?' ngibuza. Ngakhothama ngabuza okusuka enhliziyweni yami ukuthi ingabe imvula izonetha maduzane yini. Ngaggolozela isithwalambiza, ngizama ukubona ukuthi kungenzeka yini imvula ifike.</p> <p>'Angicabangi ukuthi ngingakwazi ukufunda imiyalezo,' ngivuma.</p>	<p>Ngiyazibuza ukuthi uDantago uzokwazi yini ukufunda imiyalezo yesithwalambiza, njengokhokho bakhe?</p>

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p>Ugogo wathi, 'Njengoba wazi, abantu bakithi banezindlela ezahlukene zokukhuluma noNkulunkulu kanye nanokhokho bethu. Njengoba ukhula, uzokwenza izinqumo ngokuzwa kulungile kuwe. Noma yini okholelwa kuyo, kufanele uylalele ngokucophelela imiyalezo yako – kanti ngesinye isikhathi kungenzeka ifike ngesithwalambiza,' echaza.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi ugogo kaDantago ufunu ukuthi afunde ngezinkolelo zokhokho bakhe – noma kungenzeka ukuthi yena unenkolelo ehlukile kweyabo.</p>
<p>'Kwenzekani ngokhokho bethu bamaNama?' ngibusa ugogo wami, ngizama ukucabanga ukuthi ingabe bashonaphi.</p> <p>Wathula imizuzu embalwa. Ngabona ukuthi wayecabanga ngokujulile.</p>	<p>--</p>
<p>'Okhokho bethu bamaNama babengabazingeli. Lokhu okusho ukuthi babezingela ukuze bathole inyama futhi babetola ukudla okuvela ezitshalweni zasendle. Kodwa namuhla, azisekho izilwane eziwuvanzi abangazizingela. Bathathelwa izwe labo, ngakhoke abasakwazi ukuthola ukudla. Okhokho bethu abaphathekanga kahle ngezindlela eziningi ezahlukene,' esho.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi izindlela zokuphila zokhokho babo zishintshile manje – ngenxa yendlela engalungile abaphathwa ngayo.</p>
<p>Ngacabanga ngokhokho bethu bephethe iminsalo nemicibisholo, belandela imizila yoMgankla (Kudu) ngokucophelela. Cabanga ngabo bemba izimpande futhi beqoqa namajikijolo ukuze badle. Ngacabanga ngabantu abeza bezobantshontshela umhlaba wabo.</p>	<p>Ngiyazibuza ukuthi umndeni kaDantago ngabe usaphila ngale ndlela yini ukuba umhlaba wokhokho babo awuntshontshanga?</p>
<p>'Dantago, ngifuna uhlale ukhumbula ukuthi yini ebalukekile kithina njengabantu bamaNama. Uyazi ukuthi siyazisa kakhulu imvelo kanye nomphakathi wethu,' eqhubeka. 'Yingakho ngikufundisa yonke into engiyaziyo ngesiko lwethu. Kukithina ukugcina amagugu ephile ukuze sihloniphe okhokho bethu.'</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi ugogo kaDantago ufunu ukuthi azi ngamasiko okhokho bakhe – ukuze amasiko azohlala ephila ngokusebenzisa ukuxoxwa kwezindaba.</p>
<p>Ngacabanga ngendlela ugogo wami azi ngayo amagama ezitshalo zasendle kanye nokusetshenziswa kwazo. Ngazibuza ukuthi ingabe lololwazi lwavela kokhokho bethu yini – ngokubaluleka okukhethekile ababebheka ngayo indalo.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi ugogo kaDantago wayenolwazi olukhethekile ngenxa yesifundo asifunda kokhokho bakhe.</p>
<p>Njengoba isithwalambiza sesihamba, ngacabanga kakhulu ngokhokho bami, nangezfundo eziningi ezibalulekile engingazifunda namuhla kubo.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uDantago uzoba nolwazi okukhethekile naye ngenxa yokhokho bakhe.</p>

Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo ezilindelekile
Yini into eyodwa uDantago ayifunda ngokhokho bakhe?	<ul style="list-style-type: none"> Wafunda ukuthi okhokho bakhe babekholelwa ekutheni isithwalambiza siyisithunywa saphezulu. Wafunda ukuthi okhokho bakhe babengabazingeli. Wafunda ukuthi okhokho bakhe babekhonze indalo kanye nomphakathi. Njll.
Kuyini okukodwa okwaziyo ngokhokho bakho?	<i>Ngazi ukuthi ...</i>
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Kungani kubalulekile ukuthi sifunde ngomlando womndeni wethu?	<ul style="list-style-type: none"> Ngoba singafunda izifundo kokhokho bethu. Ngoba kubalulekile ukuthi sigcine amanye amasiko akudala ephila. Ngoba kungasifundisa kabanzi ngathi nangemvelaphi yethu.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke iklasi ne**Ncwadi Yokufunda 6**.
- 2 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesihlanu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - saphezulu
 - isithwalambiza
 - ukufunda isifundo

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho, shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Uma wazi umlando wakho futhi uziqhenya ngawo	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>
Kodwa uma ungawazi, buza abadala kuwe	--
Uma waz' umlando wakho shay' izandla	<i>Shaya izandla kibili</i>

INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

- 1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba...
Ngifunde ukuthi...
Ngicabanga ukuthi uDantago wazizwa...ngoba...
- 2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
- 3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane**.
- 4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
- 5 Cela abafundi bonke ukuthi bakulalele.
- 6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
- 7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
- 8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

sw	tw	I
a	e	n
k	u	z
i	d	s
o	m	y

TSHENGISA

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: /sw/ kanye /tw/
- 2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amanangi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
- 4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe:
njengokuthi:
/sw/-/e/-/l/-/a/ = swela
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma iyiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa */s/-/u/-/l/-/a/ = sula*

OKWENZIWA ABAFUNDI

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babbale isihloko: **sw, tw**
- 2 Yalela abafundi ukuthi baqale babbale.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amanangi abangakwazi ukuwakha.
- 4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **swela, swenka, uswazi, eSwazini, uswidi, itwetwe, itwani, isitweno, amatwayitwayi, utwayi, sula, izulu, klela, inkani, amanzi**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(im)isindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngemva Kokufunda

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: FINGQA INDABA / YENZA UKUXHUMANISA

UKULANDISA NGOKUKHUMBULAYO OKUSENDABENI

- 1 Chaza ukuthi abafundi bazokhuluma ngento abayifundile endabeni: **Isithunywa saphezulu**
- 2 Bazophinde bakhulume **ngokuxhumanisa** abangakwenza nendaba yangesonto eledlule ethi *Indaba kamkhulu wami*.
- 3 Sebenzisa **ukulingisa** ubonise abafundi indlela yokulanda indaba ngemisho 1–2 **ngento abayifundile** kanye **nokuxhumanisa** nendaba ethi *Indaba kamkhulu wami*, njengokuthi: **Ngifunde ukuthi izithwalambiza zaziyizithunywa zaphezulu.** **Ngingaxhumanisa** le ndaba kanye nendaba yangesonto eledlule ngoba bobabili o-Aziz noDantago bafunda izinto ezintsha kubantu abadala.
- 4 Phakamisa izithombe Ezisencwadini Enkulu. Yalela abafundi ukuthi babuke izithombe bese becabanga ngokuthi yini eyenzekayo.
- 5 Yalela abafundi ukuba bacabange ngalokho **abakufundile** endabeni bese **bekuxhumanisa** nendaba ethi *Indaba kamkhulu wami*.
- 6 Cela abafundi 2–3 ukuba **babelane** ngemibono nekilasi. **Siza** abafundi bakhe imisho ephelele.
- 7 Chaza futhi ulungise noma yiziphi izinkinga ezivame ukwenziwa abafundi.
- 8 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese beyakhuluma** futhi babelane ngomlando **wabo** nomlingani. (*Akufanele basho lokhu osekushiwo uthisha. Kufanele abafundi beze nemibono yabo!*)

ISONTO 6



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke iklasi **neNcwadi Yokufunda 6.**
- 2 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu.**
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
- 6 Chazela lonke iklasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu.**
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto

Imizuzu eyi-15

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
- 2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezelo kolokuqala.
- 3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi ‘Bajike bese Beyakhulum’ futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
- 4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenjeni yengxoxo yolimi:
 - a Sithini isihloko sethu solimi sesonto?
 - b Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?
 - c Imaphi amagama amasha owathandile esonto?
 - d Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?
 - e Sibhale ngani kuleli sonto?
 - f Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - g Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - h Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?
- 5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeniyabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikolenikuleli sonto.

Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenyenye ebaluleke kakhulu yokufunda. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.

Ibangang 1 ITHEMU 4 Isonto

7

ISHLOKO:
Isayensi
iyajabulisa



Ulwesihlanu Ukulungiselela Ikilasi

- 1 Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
- 2 Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
- 3 Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
- 4 Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: isithombe sengane ithola umjovo womgomo wokuqala.
- 5 Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: cwaninga ngokuthi yini isayensi, izinto ezechlukene ezinziwa ososayensi, njl.
- 6 Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBe zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
- 7 Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.



Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebobwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-DBe 2: Ikhasi 84, Masifunde

Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-DBe 2: Ikhasi 85 – 86, Masibhale

Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-DBe 2: Ikhasi 88 – 89, Masenze

Umsebenzi 4: Dweba isithombe sangesikhathi owaya ngaso emtholampilo.

Umsombuluko



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

YETHULA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)

- 1 Khombisa abafundi ikhava engaphambili yendaba eseNcwadini Enkulu: Umjovo wokugoma wokuqala
- 2 Tshela abafundi ukuthi siqala isihloko esisha esithi: Isayensi iyajabulisa
- 3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
- 4 Buza abafundi: *Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
- 5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
- 6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
 - a Yini isayensi?
 - b Yini ecwaningwa ososayensi?
 - c Siyisebenzisa kanjani isayensi nsuku zonke?

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihlоко.
 - isayensi
 - umjovo wokugoma
 - ucwaningo

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Isayensi ibalulekile	<i>Khomba emoyeni</i>
Ucwaningo lubalulekile	<i>Bamba ikhanda lakho</i>
Siyayisebenzisa uma sifuna ucwaningo	--
Kukhona okumnandi ngesayensi	--
Ivula iminyango evalekile	<i>Khombisa ukuvula nokuvala umnyango ngesandla</i>
Yingakho nami ngiyithanda, yingakho name ngiyithanda	--

ISONTO 7



Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela
- 2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babbale: (inani alifani kuye ngolimi)
 - a **swela**
 - b **swenka**
 - c **uswazi**
 - d **eswazini**
 - e **uswidi**
 - f **itwetwe**
 - g **itwani**
 - h **isitweno**
 - i **amatwayitwayi**
 - j **utwayi**
- 3 Ngemva kwalokho, tshela abafundi ukuba bathathe ipensela yombala bese belungisa umsebenzi wabo.
- 4 Bhala ngokucacile imisindo kanye namagama ebhodini.
- 5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____

Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

Ngaphambi Kokufunda

ISU LOKUQONDISISA: QAGELA

- 1 Hlalisa abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
- 2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba: Umjovo wokugoma wokuqala
- 3 Phenya izithombe ekhansi ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
- 4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
- 5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
- 6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala ngezinto eziyindalo ongafisa ukwazi kabanzi ngazo

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ubhala uhlu ulunezihloko.

UHLAKA LOKUBHALA:

Ngifisa ukwazi:

- 1 ...
- 2 ...

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazocabanga **ngezinto ezisendalweni abangafisa ukwazi kabanzi ngazo.**
- 2 Fundela abafundi uhlaka lokubhala.
- 3 Khomba **isihloko (Ngifisa ukwazi ngalokhu)**. Chaza ukuthi isihloko sisitshela ukuthi uhlu luzobe lumayelana nani.
- 4 Chaza ukuthi namuhla sizokwenza **uhlu**. Lokhu kusho ukuthi sizokhetha izinto ezimbili esifisa ukwazi ngazo bese sizibhala phansi.
- 5 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubonise abafundi ukuthi **uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale.**
- 6 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Ngifisa ukwazi ngolwandle. Kunokuningi engingakwazi ngolwandle. Ngifisa ukwazi kakhulu ngemikhoma ehlala olwandle.
- 7 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze udwebe isithombe sakho, ucabanga ngento ngayinye oyaziyo usebenzisa **imicabango engamazwi abhaliwe.**
- 8 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye.**
- 9 Sebenzisa **ukulingisa** ukubhala into yokuqala ohlwini: Ngifisa ukwazi ngolwandle.
- 10 Sebenzisa **ukulingisa** ukubhala into yesibili ohlwini: Ngifisa ukwazi ngemikhoma.
- 11 **Yisho amagama ngokunensa njengofudu bese ubhala imisindo oyaziyo.**
- 12 **Sebenzisa izinsiza-kufundisa**, njengamagama abonwayo kanye namagama olwazimagama ngesihloko.
- 13 Cima isibonelo sakho ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babhale imibono okungeyabo.

ISONTO 7

IMIYALELO EKHULUNYWAYO

- 1 Cabangani **ngezinto abafundi abangafisa ukwazi ngazo.**
- 2 Bhala amagama ebhodini, njengokuthi: **izitshalo, indalo, umkhathi, i-Mars, izilwane, ukuguquka kwesimo sezulu, njl.**

- 3 Buza abafundi: Yini ongafisa ukwazi ngayo?
- 4 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babhale.**
- 5 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngombono wabo.
- 6 Biza abafundi 2-3 ukuba bazokutshela ngento abangafisa ukwazi ngayo.
- 7 Kufanele bathi: Ngifisa ukwazi...
- 8 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala uhlu okungolwabo!

UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi izincwadi.
- 2 Yalela abafundi ukuba bagoqe amaphepha abe nguhhafu njengekhadi.
- 3 Njengoba abafundi besabhala, hambahamba egumbini futhi ubambe **izingxoxo ezincane.**
- 4 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 5 Siza abafundi ukuthi bafake umusho.
- 6 Gqugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2-3, yalela abafundi ukuthi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.
- 3 Chaza ukuthi nizokwengeza imininingwane emibhalweni yenu ngoLwesithathu.



Ngineukuluky lokwdzi ngokuthi:



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 7**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesibili



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /xw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /xw/ ?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **xweba, xwaya, xwayisa**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **xwaya, xwayisa, xweba, isexwayiso**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

Bhala u/izinhlamvu /amagama /imisho emisha

- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **xw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babbale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.

- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/imisho ebhaliwe.

xwaya xwaya

xwayisa xwayisa

xweba xweba

isexwayiso isexwayiso

Ummeli uxwayise inkantolo

ngokwenzeke ecaleni.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kokuqala

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUQONDISA: YENZA UKUCABANGELA

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
Umjovo wokugoma woqala Kungenzeka ukuthi wake wagoma ngaphambilini, kodwa wake wacabanga yini ukuthi usebenza kanjani umjovo wokugoma? Uyazi ukuthi kwenzekani uma inaliti ingena engalweni yakho? Uma uthola umjovo wokugoma, isifo esithile sifakwa kancane emzimbeni wakho. Lokhu kusiza umzimba wakho ukuthi ube namasosha owadingayo ukuze ukwazi ukulwisana nesifo. Lokhu kusho ukuthi ngeke uthole leso sifo esikhathini esizayo.	--
Ingxibongo (<i>smallpox</i>) kwakuyisifo esasibulala izigidi zabantu emhlabeni wonke. Kodwa, lexisifo asisekho manje, sibonga indoda eyayibizwa ngokuthi u-Edward Jenner. Wasungula umjovo wokugoma wokuqala olwisanan lexisifo!	Ngingenza ukucabangela ukuthi ingxibongo kwakuyisifo esibi kakhulu.
U-Edward Jenner wayehlala eNgilandi eminyakeni engaphezu kwamakhulu amabili edlule. U-Edward waqaphela ukuthi abantu abaningi emphakathini wakubo babegula baphinde babulawe ingxibongo. Lesi sifo sasihlasela noma ubani – abancane noma abadala, abanothile noma abampofu. Kepha, wonke umuntu wayazi ukuthi abesifazane abasebenza ngobisi –abesifazane abasenga izinkomo – cishe babengake bathole ingxibongo. babengavamile ukuthola ingxibongo. UEdward wazibuza ukuthi kungani.	Make sicabangele inkinga kule ndaba: Ngenkathi uEdward Jenner esaphila, ingxibongo kwakuyisifo esibi kakhulu esasibulala abantu abaningi!
U-Edward wanquma ukuyobheka abesifazane abasebenza ngobisi. Wabona ukuthi izinkomo zinasifo esifanayo, esasibizwa ngokuthi yi-Cowpox. Abesifazene abasebenza ngobisi babegula ngenxa ye-Cowpox, kodwa ngaso sonke isikhathi babelulama. Emuva kwalokho, babekwazi ukuba segunjini elilodwa nomuntu onengxibongo, kodwa bangesuleleki ngalesi sifo esibulalayo! U-Edward wabona ukuthi i-Cowpox iyavavikela abesifazane abasebenza ngobisi. Wacabanga ukuthi ukuba ne-Cowpox kusiza imizimba yabo ukuba yakhe amasosha alwa nengxibongo. Kodwa wayedinga ukuhlola lombono wakhe.	U-Edward wacabanga ukuthi i-Cowpox ibanga yisixazululo sengxibongo!

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
U-Edward wathola owesifazane owayeguliswa yi-Cowpox. Wayesethatha ubovu ebhamuzeni elilodwa lakhe. U-Edward wajova ingalo yomfana owayeneminyaka eyisishiyagalombili. Igama lomfana kwakunguJames. U-Edward wayefuna ukubona ukuthi lomjovo ungawusiza yini umzimba kajames ukuba wakheamasosha alwa nengibongo.	Masicabangele isixazululo endaben: U-Edward wayecabanga ukuthi ngokujova uJames nge-Cowpox kwakungumbono omuhle ngoba ungamvikela esifeni sengibongo esibulalayo!
Ngemva kwalokho, u-Edward wafaka u-James omncane ongenayo ingxibongo egunjini elalinabantu abanengxibongo. Walinda ukubona ukuthi ingabe uJames uzogula yini. Kodwa, umbono ka-Edward wawulungle – i-Cowpox encane yasiza umzimba kajames ukuthi ube namasosha owadingayo okulwa nengibongo. UJames akazange agule!	Umbono ka-Edward wasebenza! I-Cowpox yavikela uJames kwingxibongo, njengoba nje u-Edward ayecabange kanjalo.
U-Edward wayesazi ukuthi umbono wakhe wawulungle – ukuba nesifo esincane nje kungasiza umzimba wakho ukuthi uzungiselele ukulwa nokukuvikela! Sibonga umsebenzi ka-Edward Jenner, ngoba manje sesinemijovo yokugoma esivikela ezifweni eziningi ezibulalayo!	Manje sesinemijovo yokugoma eyenza into efana nalena eyenziwa u-Edward. Ngenza ukucabangela ukuthi abantu abanangi bacabanga ukuthi umbono wakhe wawuphuse kakhulu!
Imibuzo yokulandelela	Izimpendulo ezilindelekile
Yini eyasungulwa u-Edward Jenner?	<ul style="list-style-type: none"> Wasungula umjovo wokugoma wokuqala. Wasungula umjovo wokugomela ingxibongo.
U-Edward Jenner wayecabanga ukuthi yini eyayivikela abesifazane abasebenza ngobisi kwingxibongo?	Wayecabanga ukuthi i-Cowpox iyona eyayivikela abesifazane abasebenza ngobisi kwingxibongo.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Kungani u-Edward Jenner wajova uJames nge-Cowpox?	<ul style="list-style-type: none"> Ngoba wabona ukuthi omama abasebenza ngobisi bebengayitholi ingxibongo emva kokuba ne-Cowpox. Ngoba wayefuna ukubona ukuthi i-Cowpox ingamvikela yini uJames kwingxibongo. Ngoba wayefuna ukuhlola umbono wakhe.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 7**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesithathu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - isifo
 - java
 - inaliti

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Isayensi ibalulekile	<i>Khomba emoyeni</i>
Ucwaningo lubalulekile	<i>Bamba ikhanda lakho</i>
Siyayisebenzisa uma sifuna ucwaningo	--
Kukhona okumnandi ngesayensi	--
Ivula iminyango evalekile	<i>Khombisa ukuvula nokuvala umnyango ngesandla</i>
Yingakho nami ngiyithanda, yingakho name ngiyithanda	--

UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)

- 1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
- 2 Nikeza iqembu ngalinyeikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
- 3 Tshela abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
- 4 Nikeza abafundi umzuzu owodwa noma emibili ukuthi bacabange ngemibono yabo.
- 5 Okulandelayo bonke abafundi egenjini mabathole ithuba lokuxoxa indaba abaziqambele yona.
- 6 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibe nobuciko, iphindethu ihambisane nezithombe!
- 7 Khumbuza abafundi ukuba balalelisise izindaba zozakwabo.
- 8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.



ISONTO 7



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Yethula Umsindo Omusha Namagama

YETHULA UMSINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /zw/
- 2 Yisho umsindo bese uyalalela abafundi bawuphinde ka x 3.
- 3 Buza abafundi: Ningacabanga yini ngamagama anomisindo /zw/?
- 4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama, afana nokuthi: **isizwe, uzwelo, izwa**

YETHULA AMAGAMA AMASHA

- 1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **uzwane, izwa, uzwelo, imizwa, isizwe**
- 2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
- 3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
- 4 Phanyeka amafleshi-khadi amagama eBhodini Lokubonisa Imisindo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

Bhala u/izinhlamvu / amagama/ imisho emisha

- 1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **zw**
- 2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
- 3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
- 4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
- 5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
- 6 Abafundi kumele bakopishele imisindo/ amagama/imisho ezincwadini zabo.
- 7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.

The page contains seven rows of handwriting practice. Each row includes a small cat icon at the beginning. The first four rows show the combination **ZW** repeated twice, with arrows indicating stroke direction. The next three rows show the combination **zwane**, **izwa**, and **uwelo** each repeated twice. The final two rows show the full sentence **Ubaba uZwane ungumhlali wasezweni lethu.** The text is in a bold, sans-serif font, and the lines are horizontal with a dashed midline.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukubhala:

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala ngezinto eziyindalo ongafisa ukwazi kabanzi ngazo.

UMSEBENZI: Dweba isithombe bese ubhala uhlu ulunezihloko.

UHLAKA LOKUBHALA:

Ngifisa ukwazi:

1.

2.

Imibuzo enginayo:

1 ...

2 ...

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazokwengeza embhalweni wabo wangoMsombuluko.
- 2 Chazela abafundi ukuthi, namuhla bazocabanga ngemibuzo abanayo ngezinto ezsengxenyeni yokuqala yohlu lwabo. Ngokwesibonelo, ngibhale ukuthi ngifisa ukwazi ngolwandle nangemikhoma, ngakho kufanele ngicabange umbuzo enginawo ngakunye kwalokhu!
- 3 Fundela abafundi uhlaka lokubhala olusha.
- 4 Sebenzisa **ukulingisa** uze ubonise abafundi ukuthi uyacabanga **ngaphambi kokuthi ubhale**.
- 5 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Ngaso sonke isikhathi ngibona amagagasi amakhulu olwandle, kodwa angazi ukuthi abuya kuphi amagagasi. Ngiyazibuza ukuthi kungani kunamagagasi olwandle.
- 6 Sebenzisa **ukulingisa** ukubhala into ozoyifaka kumdwebo wakho, njengokuthi: wena, ucabanga ngalo mbuzo.
- 7 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye**.
- 8 Chaza ukuthi namuhla sizobhala imibuzo, ngakho kufanele umbuzo ugcine ngophawu lokuba!
- 9 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubhale into yokuqala engxenyeni yesibili yohlu: Kungani kunamagagasi olwandle?
- 10 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubhale into yesibili engxenyeni yesibili yohlu: Idlani imikhoma?
- 11 **Yisho amagama ngokunensa njengofudu bese ubhala imisindo oyaziyo**.
- 12 **Cima isibonelo ebhodini**. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babhale **imibono okungeyabo**.

IMIYALELO EKHULUNYWAYO

- 1 Buza abafundi: Yimiphi imibuzo onayo ngezinto ofisa ukuzazi?
- 2 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babbale.**
- 3 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngombono wabo.
- 4 Biza abafundi 2–3 bazokutshela ngemibuzo yabo.
- 5 Kufanele babuze umbuzo wabo.
- 6 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!

UKUBHALA

- 1 **Nikeza abafundi amakhadi.** Yalela abafundi ukuba bavule ingaphakathi lamakhadi abo. **Bazokwengeza** kulokhu!
- 2 Njengoba abafundi besabhala, hambahamba phakathi kwegumbi futhi ubambe **izingxoxo ezincane.**
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bafake umusho.
- 5 Ggugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.

Choma umbhalo wabafundi egunjini lapho amehlo omfundsi efinyelela khona. Lokhu kuyosiza abafundi ukuthi bakwazi ukuqhuba izingxoxo ngesihloko.



Nginelukuluku lokwdzi ngokuthi:



Imibuzo engindyo:



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi Yekufunda 7.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesine



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

NGIYENZA

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **xweba**
- 3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: /xw/-/e/-/b/-/a/
- 4 Yisho umsindo wokuqala wegama: /xw/
- 5 Yisho umsindo wesibili wegama: /e/
- 6 Yisho umsindo wesithathu wegama: /b/
- 7 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: /a/
- 8 Bhala igama ebhodini: **xweba**
- 9 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: /xwe/-/ba/ = **xweba**
- 10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **isizwe**

SIYENZA ...

- 1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
- 2 Yisho igama: **xwaya**
- 3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? /xw/
- 4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo owesibili egameni? /a/
- 5 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /y/
- 6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? /a/
- 7 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: /xw/-/a/-/y/-/a/
- 8 Bhala igama: **xwaya**
- 9 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: /xwa/-/ya/ = **xwaya**
- 10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **uzwelo**

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kwesibili

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUFUNDA: YENZA UKUCABANGELA

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p>Umjovo wokugoma woqala</p> <p>Kungenzeka ukuthi wake wagoma ngaphambilini, kodwa wake wacabanga yini ukuthi usebenza kanjani umjovo wokugoma? Uyazi ukuthi kwenzekani uma inaliti ingena engalweni yakho?</p> <p>Uma uthola umjovo wokugoma, isifo esithile sifakwa kancane emzimbeni wakho. Lokhu kusiza umzimba wakho ukuthi ube namasosha owadingayo ukuze ukwazi ukulwisana nesifo. Lokhu kusho ukuthi ngeke uthole leso sifo esikhathini esizayo.</p>	--
<p>Ingxibongo (<i>smallpox</i>) kwakuyisifo esasibulala izigidi zabantu emhlabenzi wonke. Kodwa, lesisifo asisekho manje, sibonga indoda eyayibizwa ngokuthi u-Edward Jenner. Wasungula umjovo wokugoma wokuqala olwisanza lesisifo!</p>	U-Edward Jenner wathola indlela yokwenza umjovo wokugoma ngaphambi kwawo wonke umuntu. Ngenza ukucabangela ukuthi wakuyengumuntu ohlakaniphe ngempela!
<p>U-Edward Jenner wayehlala eNgilandi eminyakeni engaphezu kwamakhulu amabili edlule. U-Edward waqaphela ukuthi abantu abanangi emphakathini wakubo babegula baphinde babulawe ingxibongo. Lesi sifo sasihsela noma ubani – abancane noma abadala, abanothile noma abampofu. Kepha, wonke umuntu wayazi ukuthi abesifazane abasebenza ngobisi – abesifazane abasenga izinkomo – cishe babengake bathole ingxibongo. babengavamile ukuthola ingxibongo. UEdward wazibuza ukuthi kungani.</p>	Ngenza ukucabangela ukuthi u-Edward kwakungumuntu owayenelukuluku lokufuna ukwazi. Wayenelukuluku lokufuna ukwazi ukuthi kungani abesifazane abasebenza ngobisi bengayitholi ingxibongo!
<p>U-Edward wanquma ukuyobheka abesifazane abasebenza ngobisi. Wabona ukuthi izinkomo zinasifo esifanayo, esasibizwa ngokuthi yi-Cowpox. Abesifazane abasebenza ngobisi babegula ngenxa ye-Cowpox, kodwa ngaso sonke isikhathi babelulama. Emuva kwalokho, babekwazi ukuba segunjini elilodwa nomuntu onengxibongo, kodwa bangesuleleki ngalesi sifo esibulalayo!</p> <p>U-Edward wabona ukuthi i-Cowpox iyavavikela abasefazane abasebenza ngobisi. Wacabanga ukuthi ukuba ne-Cowpox kusiza imizimba yabo ukuba yakhe amasosha alwa nengxibongo. Kodwa wayedinga ukuhlola lombono wakhe.</p>	UEdward wayenelukuluku lokufuna ukwazi ngokuthi angayisebenzisa kanjani i-Cowpox ukuvikela abantu kungxibongo.

Isonto 7 • Isihloko: Isayensi iyajabulisa

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
U-Edward wathola owesifazane owayeguliswa yi-Cowpox. Wayesethatha ubovu ebhamuzeni elilodwa lakhe. U-Edward wajova ingalo yomfana owayeneminyaka eyisishiyagalombili. Igama lomfana kwakunguJames. U-Edward wayefuna ukubona ukuthi lomjovo ungawusiza yini umzimba kajames ukuba wakhe amasosha alwa nengxibongo.	U-Edward wayenelukuluku elikhulu wajova umfana omncane nge-Cowpox! Ngicabanga ukuthi lokhu kungumbo ongaba nobungozi! Kwakungenzeka ukuthi uJames asuleleke nge-Cowpox!
Ngemva kwalokho, u-Edward wafaka u-James omncane ongenayo ingxibongo egunjini elalinabantu abanengxibongo. Walinda ukubona ukuthi ingabe uJames uzogula yini. Kodwa, umbono ka-Edward wawulungile – i-Cowpox encane yasiza umzimba kajames ukuthi ube namasosha owadingayo okulwa nengxibongo. UJames akazange agule!	Lo mbono wawunobungozi kakhlulu! Cabanga nje ukuba wayenze iphutha wase uJames uba nengxibongo! UJames kwakungenzeka ukuthi afe. Ngenza ukucabangela ukuthi ilukuluku lika-Edward lokufuna ukwazi lamenza ukuthi athathe isinqumo esinobungozi kakhlulu!
U-Edward wayesazi ukuthi umbono wakhe wawulungile – ukuba nesifo esincane nje kungasiza umzimba wakho ukuthi uzelungiselele ukulwa nokukuvikela! Sibonga umsebenzi ka-Edward Jenner, ngoba manje sesinemijovo yokugoma esivikela ezifweni eziningi ezibulalayo!	Ucwaningo luka-Edward lwaluyingozi kakhlulu! Kodwa ekugcineni, ilukuluku lakhe lokufuna ukwazi lasiza ukuvikela izigidi ngezigidi zabantu. Ngenza ukucabangela ukuthi ubungozi ayebenza babufanelekile! Ngiyazibuza ukuthi wena ucabangani?
Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo
Iyiphi inkinga u-Edward ayefuna ukuyiazulula?	Wayefuna ukuvimbela abantu ukuthi bangaphathwa ingxibongo.
Isiphi isixazululo ayesihlol?	<ul style="list-style-type: none"> • Wahlola ngokujova uJames nge-Cowpox. • Wayehlolka ukuthi uJames angayithola yini ingxibongo emva kokuthi emjove nge-Cowpox.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Ungakwenza yini ukucabangela? Ucabangani ngesinqumo sika-Edward sokufaka uJames egumbini elalinabantu abanengxibongo?	<ul style="list-style-type: none"> • Ngicabanga ukuthi kwakungumqondo omuhle ngoba... • Ngicabanga ukuthi kwakungumqondo ongemuhle ngoba...



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 7**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 1 wangoLwesine**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngomsebenzi 2 wangoLwesine**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwensiwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesihlanu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Eshloko.
 - ingozi
 - ubungozi
 - amasosha omzimba
 - izivikela-mzimba

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Isayensi ibalulekile	<i>Khomba emoyeni</i>
Ucwaningo lubalulekile	<i>Bamba ikhanda lakho</i>
Siyayisebenzisa uma sifuna ucwaningo	--
Kukhona okumnandi ngesayensi	--
Ivula iminyango evalekile	<i>Khombisa ukuvula nokuvala umnyango ngesandla</i>
Yingakho nami ngiyithanda, yingakho name ngiyithanda	--

INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

- 1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba...
Ngicabanga ukuthi Edward Jenner ...ngoba...
Le ndaba inokuhlobana nesihloko esithi 'Isayensi iyajabulisa' ngoba...
- 2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
- 3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane**.
- 4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
- 5 Cela abafundi bonke ukuthi balalele futhi banake.
- 6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
- 7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
- 8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Thola Igama

Bhala ithebulu ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

xw	zw	y
i	s	a
b	e	u
n	o	l
m	h	z

TSHENGISA

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: /xw/ kanye /zw/
- 2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amanangi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
- 4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe:
njengokuthi:
/xw/-/a/-/y/-/a/ = xwaya
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma iyiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa */y/-/e/-/n/-/a/ = yena*

OKWENZIWA ABAFUNDI

- 1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babbale isihloko: **xw, zw**
- 2 Yalela abafundi ukuthi baqale babbale.
- 3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amanangi abangakwazi ukuwakha.
- 4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **xwaya, xwayisa, xweba, isexwayiso, uzwane, izwa, uzwelo, imizwa, isizwe, yena, bhala, isosha, ihhala, hlela**

WESINTONTO 7

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngemva Kokufunda

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: FINGQA INDABA

UKULANDISA NGOKUKHUMBULAYO OKUSENDABENI

- 1 Chaza ukuthi abafundi bazokhuluma ngento abayifundile endabeni ethi: *Umjovo wokugoma wokuqala.*
- 2 Sebenzisa **ukulingisa** ubonise abafundi indlela yokulanda indaba ngemisho 1–2 **ngento abayifundile endabeni**, njengokuthi: Ngifunde ukuthi kwakukhona isifo esibulalayo esibizwa ngokuthiwa Ingxibongo
- 3 Phakamisa izithombe Ezisencwadini Enkulu. Yalela abafundi ukuthi babuke izithombe bese becabanga ngokuthi yini eyenzekayo.
- 4 Yalela abafundi ukuba bacabange ngalokho **abakufundile** endabeni ethi *Umjovo wokugoma wokuqala.*
- 5 Cela abafundi 2–3 ukuba **babelane** ngemibono nekilasi. **Siza** abafundi bakhe imisho ephelele.
- 6 Chaza futhi ulungise noma yiziphi izinkinga ezivame ukwenziwa abafundi.

Yalela abafundi ukuthi **bajike bese beyakhuluma** futhi babelane ngomlando **wabo** nomlingani. (*Akufanele basho lokhu osekushiwo uthisha. Kufanele abafundi beze nemibono yabo!*)



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU:

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 7**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto

Imizuzu eyi-15

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
- 2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezelo kolokuqala.
- 3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi ‘Bajike bese Beyakhulumu’ futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
- 4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenjeni yengxoxo yolimi:
 - a Sithini isihloko sethu solimi sonto?
 - b Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?
 - c Imaphi amagama amasha owathandile esonto?
 - d Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?
 - e Sibhale ngani kuleli sonto?
 - f Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - g Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - h Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?
- 5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeniyabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikolenikuleli sonto.

Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.

Ibangá 1 ITHEMU 4 Isonto

8

ISHLOKO: Isayensi iyajabulisa



Ulwesihlanu Ukulungiselela Ikilasi

- 1 Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
- 2 Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani, nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
- 3 Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
- 4 Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: izithombe zososayensi abehlukene.
- 5 Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: cwaninga ngemisebenzi eyehlukene emkhakheni wezesayensi.
- 6 Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ye-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
- 7 Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.



Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebodwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 90 – 91, Masenze

Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 92 – 93, Masibhale

Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 94, Masifunde

Umsebenzi 4: Dweba isithombe sakho unguisosayensi. Luhlobo luni lwesayensi ongathanda ukulwenza?

Umsombuluko



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

BUYEKEZA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

- 1 Khombisa abafundi isithombe sikaMagau ekukhaphethi, efunda ngemva kokuphuma kwasikole endabeni eseNcwadini Enkulu: Ucwaningo lukaLimani
- 2 Tshela abafundi ukuthi siqhubeka nesihloko esithi: Isayensi iyajabulisa
- 3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
- 4 Buza abafundi: *Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
- 5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
- 6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
 - a Yiziphi izinto ezintsha ozaziyo ngesayensi?
 - b Ingasisiza kanjani isayensi?
 - c Yimuphi umkhakha wesayensi ocabanga ukuthi uthakazelisa kakhulu?

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - siphila
 - ukufa
 - siphile

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Isayensi ibalulekile	<i>Khomba emoyeni</i>
Ucwaningo lubalulekile	<i>Bamba ikhanda lakho</i>
Siyayisebenzisa uma sifuna ucwaningo	--
Kukhona okumnandi ngesayensi	--
Ivula iminyango evalekile	<i>Khombisa ukuvula nokuvala umnyango ngesandla</i>
Yingakho nami ngiyithanda, yingakho name ngiyithanda	--



Ukubhala Kahle Ngesandla


Imizuzu eyi-15

- 1 Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
- 2 Bizela abafundi le misindo namagama alandelayo: (*inani alifani kuye ngolimi*)
 - a xwaya
 - b xwayisa
 - c xweba
 - d isexwayiso
 - e uzwane
 - f izwa
 - g uzwelo
 - h imizwa
 - i isizwe
- 3 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bathathe ipensela elinombala bese bemaka umsebenzi wabo.
- 4 Bhala ngokucacile ebhodini imisindo namagama.
- 5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

Ngaphambi Kokufunda

ISU LOKUQONDISA: QAGELA

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
- 2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba: Ucwanningo lukaLimani
- 3 Phenya izithombe ekhasini ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
- 4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
- 5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
- 6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.

**Ukubhala:**

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

ISIHLOKO: Bhala ngolwazingqangi oluqoqile.

UMSEBENZI: Qoqa ulwazingqangi bese ubhala ngalo.

UHLAKA LOKUBHALA: n/a

UKUTSHENGISA

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazocabanga ngombuzo abangathanda ukuwubuza ozakwabo.
- 2 Chazela abafundi ukuthi bazokwenza inhlolo-vo. Kuzodingeka babbale umbuzo onezimpendulo ezimbili noma ezintathu abangane babe abangakhetha kuzo. Ngemva kwaloko, kuzodingeka ukuthi babuze ozakwabo umbuzo bese berekhoda ulwazingqangi.
- 3 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ubonise abafundi ukuthi **uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale**.
- 4 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi: Ngifuna ukwazi ukuthi abangane bami bathanda kangcono ukufunda noma izibalo yini. Ngizobabuza ukuthi yisiphi isifundo abasithandayo bese ngibanika ukufunda kanye nezibalo njengezinketho.
- 5 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze udwebe inhlolo-vo enombuzo ngaphazulu kanye nezinketho zempendulo ngaphansi.
Yisiphi isifundo osithandayo?

Ukufunda	Izibalo

- 6 Chaza umbuzo ozowubuza. **Dweba umugqa egameni ngalinye**, njengokuthi: Yisiphi isifundo osithandayo?
- 7 Nikeza izinketho zezimpendulo: ukufunda noma izibalo
- 8 Bonisa indlela yokuqoqa ulwazingqangi usebenzisa inhlolo-vo. Buza abafundi 3–4 umbuzo, bese urekhoda izimpendulo zabo usebenzise ukubala ngaphakathi kwenhlolo-vo.
- 9 Cima isibonelo sakho ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babbale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNYWAYO


- 1 Cabangani ngemibuzo eyehlukene nabafundi.
- 2 Bhala amagama ebhodini, njengokuthi: Yiluphi uhlobo lwezithelo oluthandayo?
Uhamba ngani ukuya esikoleni? Zingaki izingane zakwenu? njl.
- 3 Buza abafundi: Yimuphi umbuzo ongathanda ukuwubuza abangane bakho?
- 4 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babbale.**
- 5 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngombono wabo.
- 6 Biza abafundi 2–3 ukuba bazokutshela ngombuzo wabo.
- 7 Kufanele babuze umbuzo wabo bese benikeza izinketho zempendulo.
- 8 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!

UKUBHALA

- 1 Nikeza abafundi iphepha lokubhalela elingenalutho.
- 2 Yalela abafundi ukuba babbale umbuzo wabo ngaphazulu bese bebhala izimpendulo ngaphansi njengoba wenzile.
- 3 Njengoba abafundi besabhala, hambahamba egumbini futhi ubambe **izingxoxo ezincane.**
- 4 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 5 Siza abafundi ukuthi babbale umbuzo wabo.
- 6 Gqugquzela abafundi.

QOQA ULWAZINGQANGI

- 1 Yalela abafundi ukuba bahambahambe ekilasini futhi babuze okungenani abafundi abayi-5 umbuzo wabo.
- 2 Khumbuza abafundi ukuthi kufanele basebenzise ukubala ukuze barekhode ulwazingqangi ephepheni labo.
- 3 Chaza ukuthi nizokwengeza iminininingwane emibhalweni yenu ngoLwesithathu.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 8.**
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko.**
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko.**
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owaLalelile, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesibili



**Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu
Nemisindo:**

Imizuzu eyi-15

Buyekeza Imisindo Kanye Namagama

BUYEKEZA IMISINDO

- 1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: /nx/ /cw/ /dw/ /gw/ /hw/ /jw/ /kw/ /lw/ /nw/ /qw/ /sw/ /tw/ /xw/ /zw/
- 2 Phakamisa amafleshi-khadi ngendlela ehlukile yokulandelana bese utshela abafundi ngabanye ukuthi bafunde imisindo.
- 3 Namathisela imisindo yamafleshi-khadi ebhodini.
- 4 Tshela abafundi ukuthi beze ngaphambili bazokwakha amagama ebhodini.
- 5 Ngemva kwalokho, tshela abafundi ukuthi bakhe bese bebhala phansi amagama amaningi ngangokunokwenzeka ezincwadini zabo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____




Ukubhala Kahle Ngesandla:


Imizuzu eyi-15

buyekeza um/imisindo/ amagama/ imisho


- 1 Khombisa abafundi ebhodini ukuthi imisho emifushane ibhalwa kanjani.
- 2 Batshele ukuthi umusho uqala ngozonhlamvukazi bese egcina ngongqi.
- 3 Abafundi kuzofanela bakopishele imisho ezincwadini zabo.




Umama ucwecwa amazambane



esidlo sakusihlwa.




Isigwili sidayisa amagwababa ogwadule olomile.


UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kokuqala

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUQONDISA: NGIYAZIBUZA / YENZA IZIPHETHO

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p><u>Ucwanningo lukaLimani</u></p> <p>Umalume kaLimani wamnika imbali enhle ye-orchid ngosuku lwakhe lokuzalwa. 'Usiphathe kahle lesi sitshalo!' etshela uLimani. ULimani wabeka i-orchid yakhe etafuleni eliseceleni kombhede wakhe.</p> <p>Kodwa emuva kwamasonto ambalwa, isitshalo sasifile.</p> <p>ULimani wakhaphela isitshalo sakhe ngaphandle wasikhombisa abazali bakhe. 'Angiqondi – Bengicabanga ukuthi benginomusa futhi ngisinakekela isitshalo sami,' esho. 'Kwenzenkeni kuso?</p>	--
<p>Umama kaLimani wahleka. 'Oh Limani! Ngiyaxolisa – bengicabanga ukuthi uyazi ukuthi zinakekelwa kanjani izitshalo. Iphutha lethu – bekufanele sikufundise ukuthi izitshalo zidingani ukuze ziphile! Izitshalo ziyaphila njengami nawe. Zidinga konke nathi esikudingayo ukuze ziphile! 'Bengingazi ukuthi izitshalo nazo ziyizinto eziphilayo!' kusho uLimani, emangele. 'Ingabe lokhu kusho ukuthi izitshalo nazo ziphefumula umoya njengathi?'</p>	<p>Ngiyazibuza ukuthi kungani isitshalo sikaLimani safi? Ngiyazibuza ukuthi ingabe sasinakho konke yini okudingekayo ukuze siphile?</p> <p>Ngingaphetha ngokuthi uLimani akazange anike isitshalo sakhe konke esikudingayo, ngoba wayengenalo ulwazi lokuthi kudingeka asiphathe kanjani isitshalo sakhe!</p>

Isonto 8 • Isihloko: Isayensi iyajabulisa

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>'Yebo, kunjalo,' kusho umama kaLimani. 'Izitshalo nazo ziphefumula umoya – njengathi.'</p> <p>'Kodwa, ngicabanga ukuthi i-orchid lami beliuthola umoya wokuphefumula.' Kusho uLimani.</p> <p>'Yebo, kodwa izitshalo nazo zidinga amanzi – njengathi. Zonke izinto eziphilayo zidinga amanzi. Uyichelele yini i-orchid?' kubuza umama kaLimani.</p> <p>ULimani wanikina ikhanda lakhe. 'Bengingazi ukuthi izitshalo zidinga amanzi! Kufanele ukuthi i-orchid lami belome kakhulu!'</p> <p>'Kuthiwani ngokudla? Thina sidinga ukudla ukuze siphile, akunjalo? Izitshalo zona yini eziyidlayo?' kubuza uLimani enelukuluku lokufuna ukwazi.</p> <p>'Kunjalo, yingakho izitshalo zidinga ukukhanya kwelanga. Zishintsha ukukhanya kwelanga kube ukudla kwazo! Ucabanga ukuthi i-orchid lakho belinakho ukukhanya kwelanga okwanele ukuze lizenzele ukudla kwalo?' kubuza umama kaLimani.</p> <p>Limani wanikina ikhanda lakhe. 'Cha, ikamelo lami limnyama kakhulu.'</p> <p>'Futhi izitshalo zidinga amavithamini kanye nezakhi, ezitholakala emhlabathini. Ngicabanga ukuthi i-orchid lakho belinayo inhlabathi, kodwa lingenakho ukukhanya okwanele – ngakho kungenzeka ukuthi belilambe kakhulu!'</p>	
<p>'Nginombono,' kusho umama kaLimani, ephethe ithileyi elinezithombo kanye namabhojwana amancane phakathi kwalo. 'Masibone ukuthi kwenzekani uma isitshalo singatholi umoya, amanzi, ukukhanya kwelanga, noma umhlabathi!' esho.</p> <p>ULimani kanye nabazali bakhe benza ucwaningo lwezesayensi onqenqemeni lwefasitela likaLamani.</p>	<p>Oh! Ngingenza ukuxhumanisa nendaba esiyifunde ngesonto eledlule! U-Edward Jenner naye wenza ucwaningo. Abantu benza ucwaningo ukuhlola imibono nokufunda ulwazi olusha.</p>
<p>'Masifake isitshalo esisodwa esikhwameni sepulasitiki. Bese sibona ukuthi yini eyenzekayo uma isitshalo singatholi umoya.' Kusho umama kaLimani.</p>	<p>Ngiyakhumbula ukuthi u-Edward wenza ucwaningo ukuze abone ukuthi umjovo wokugoma uzosebenza yini. Manje, uLimani wenza ucwaningo ukuze abone ukuthi yini ezokwenzeka uma izitshalo zingatholi izinto ezizidingayo – njengomoya!</p>
<p>Umama kaLimani wasusa umhlabathi kweyodwa yezimbewu wayeseyifaka ebhodweni elalingenalutho. 'Lokhu kuzosibonisa ukuthi yini eyenzekayo uma isitshalo singenawo umhlabathi!' esho.</p>	<p>Ngiyazibuza ukuthi yini ezokwenzeka uma isitshalo singenawo umhlabathi, kodwa sinokukhanya kwelanga, amanzi, kanye nomoya? Angikaze ngibone isitshalo sikhula ngaphandle komhlabathi ngaphambilini.</p>

Umbhalo	Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa)
<p>'Kuzofanele sibone ukuthi yini ezokwenzeka uma isitshalo singatholi ukukhanya kwelanga!' kusho uLimani. Khona-ke, wagijimela ekhishini wayesebuya nephakethe elincane elinsundu.</p> <p>'Manje singeke sithole ukukhanya okuvela elangeni – futhi ngeke sithole nokudla esizokudla,' esho, ebeka iphakethe elinsundu phezu kwsithombo esisodwa.</p>	Ngiyazibuza ukuthi ingabe isitshalo sizokwazi yini ukuphila ngaphandle kokukhanya kwelanga uma sisathola amanzi, umoya, kanye nezakhi ezivela emhlabathini?
<p>'Khona-ke, ngeke sibe nawo amanzi,' kusho umama kaLimani.</p>	Ngingaphetha ngokuthi isitshalo esithola yonke into kufanele siphile kahle. ULimani uzokwazi ukuqhathanisa izitshalo ezingatholi zonke izinto nalesi sitshalo esiphila kahle. Uzokwazi ukubona ukuthi zihlukene kanjani!
<p>'Ingxenyey yokuba usosayensi ukubuka bese uyabhala,' kusho umama kaLimani, emnikeza ibhuku elincanyana.</p> <p>'Lena yijenali ekhethekile yokuthi abuke futhi abhale okubonayo!'</p> <p>Umama kaLimani wamsiza ukuqala ijenali yesitshalo.</p> <p>'Namuhla, kufanele siqagele ngalokhu esicabanga ukuthi kuzokwenzeka esitshalweni ngasinye. Lokhu kusho ukuthi kufanele usebenzise okwaziyo ngezitshalo ukuze uqagele kahle!' kusho umama kaLimani.</p>	--
ULimani waqala ukudweba, ecabanga ngokuzokwenzeka kuzithombo zakhe ezincane.	ULimani ufunde lukhulu ngezitshalo namuhla. Ngiyazibuza ukuthi uzoqagela athini?
Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo ezilindelekile
Yini eyenzeka nge-orchid kaLimani ayeyinikwe umalume wakhe?	I-orchid ayinikezwa umalume wakhe yafa.
Yini edingwa yizitshalo ukuze zikhule?	Izitshalo zidinga umoya, ukukhanya kwelanga, amanzi, kanye nomhlabathi ukuze zikhule.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Ucabanga ukuthi yini ezokwenzeka ngocwaningo lukaLimani lwesayensi? Kungani?	<i>Ngicabanga ukuthi... ngoba...</i>



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1** Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yokufunda 8**.
- 2** Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili**.
- 3** Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4** Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5** Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6** Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili**.
- 7** Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8** Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
- 9** Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesithathu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - inhlabathi
 - izakhi
 - amavithamini
 - ulwazingqangi

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Isayensi ibalulekile	<i>Khomba emoyeni</i>
Ucwaningo lubalulekile	<i>Bamba ikhanda lakho</i>
Siyayisebenzisa uma sifuna ucwaningo	--
Kukhona okumnandi ngesayensi	--
Ivula iminyango evalekile	<i>Khombisa ukuvula nokuvala umnyango ngesandla</i>
Yingakho nami ngiyithanda, yingakho name ngiyithanda	--

UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

- 1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
- 2 Nikeza iqembu ngalinyeikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
- 3 Khumbuza abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
- 4 Kuleli sonto, abafundi kufanele basebenze njengeqembu ekunqumeni indaba yeqembu.
- 5 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibe nobuciko , iphinde futhi ihambisane nezithombe!
- 6 Cela ikilasi ukuba lilalele futhi linake.
- 7 Cela amaqembu 1–2 ehlukene ukuba azoxoxa izindaba zeqembu lazo.
- 8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.



ISONTO 8



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Buyekeza Imisindo Namagama

BUYEKEZA AMAGAMA

- 1 Qiniseka ukuthi amafleshi-khadi amagama emisindo alungisiwe.
- 2 Phakamisa igama ngalinye, bese utshela umfundu ngamunye alifunde.
- 3 Uma umfundu ehluleka ukufunda igama, msiza ngokuthi aphimise izinhlamvu zalo.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____




Ukubhala Kahle Ngesandla:


Imizuzu eyi-15

Buyekeza um/imisindo/ amagama/ nemisho


- 1 Khombisa abafundi ebhodini ukuthi imisho emifushane ibhalwa kanjani.
- 2 Batshele ukuthi umusho uqala ngosonhlamvukazi bese egcina ngo ngqi.
- 3 Abafundi kuzofanela bakopishele imisho ezincwadini zabo.




UJabu usejwayela ukuhamba



ebusuku kulamalanga.



Isicabucabu isilwane esenza



ulwembu.

UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____
_____**Ukubhala:**

Imizuzu engama-30

Hlela Bese Wenza Umbhalo Osalungiswa**ISIHLOKO:** Bhala ngolwazingqangi oluquoqile.**UMSEBENZI:** Qoqa ulwazingqangi bese ubhala ngalo.**UHLAKA LOKUBHALA:****Ulwazingqangi lwami lubonise ukuthi...****Ngifunde ukuthi...****UKUTSHENGISA**

- 1 Chaza ukuthi namuhla, abafundi bazofaka umbhalo kulwazingqangi abaluquoqe ngoMsombuluko.
- 2 Fundela abafundi uhlaka lokubhala olusha.
- 3 Sebenzisa **ukulingisa** uze ubonise abafundi ukuthi uyacabanga **ngaphambi kokuthi ubhale**.
- 4 Tshela abafundi umqondo onawo ngombhalo wakho, njengokuthi : Ngifunde ukuthi abafundi abanangi ekilasini lami bathanda ukufunda kunezibalo. Nami ngithanda ukufunda ngaphezu kwezibalo, ngakho angizange ngimangale.
- 5 Chaza ukuthi yimaphi amagama ozowabhala. **Dweba umugqa egameni ngalinye**, njengokuthi: Ulwazingqangi lwami lubonise ukuthi ukufunda kuthandwa kakhulu kunezibalo. Ngifunde ukuthi abafundi abanangi ekilasini lethu bathanda ukufunda.
- 6 Cima isibonelo ebhodini. Chaza ukuthi lokhu bekuyisibonelo nje, kodwa abafundi kufanele babbale imibono okungeyabo.

IMIYALELO EKHULUNYWAYO

- 1 Yalela abafundi ukuba bacabange ngombuzo abawubuze ngoMsombuluko.
- 2 Buza abafundi: Yini oyifundile ngenhlolo-vo yakho?
- 3 Yalela abafundi ukuba **bacabange ngaphambi kokuthi babbale**.
- 4 Yalela abafundi ukuba **bajike bese behulum** nozakwabo ngombono wabo.
- 5 Biza abafundi 2–3 bazokutshela ngalokho abakufundile.

- 6 Kufanele bathi: Ngifunde ukuthi...
- 7 Chazela abafundi ukuthi manje bazodweba bese bebhala imibono okungeyabo!


UKUBHALA

- 1 Yalela abafundi ukuba babheke inhlobo-yo yangoMsombuluko bese bebhala ulwazingqangi lwabo!
- 2 Njengoba abafundi besabhala, hambahamba phakathi kwegumbi futhi ubambe izingxoxo ezincane.
- 3 Cela abafundi ukuba bakutshele ngombhalo wabo.
- 4 Siza abafundi ukuthi bahlaziye ulwazingqangi lwabo.
- 5 Gqugquzela abafundi.

JIKA BESE UYAKHULUMA

- 1 Uma sekusele imizuzu 2–3, yalela abafundi babeke amapensela abo.
- 2 Yalela abafundi ukuthi **bajike bese behkuluma** nozakwabo ngemidwebo yabo.

Choma umbhalo wabafundi egunjini lapho amehlo omfundsi efinyelela khona. Lokhu kuyosiza abafundi ukuthi bakwazi ukuqhube izingxoxo ngesihloko.



Imininingwdne engindyo ikhombisd ukuthi
ibhold lezinydwo lithandwd kakhulu
kunebholt lomnqdkiswano.

Ngifunde ukuthi abdfundi dbdnini ekildsini
Idmi bdthandd ibhold lezinydwo.




Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi neNcwadi **Yekufunda 8.**
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesine



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Buyekeza Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa.

NGIYENZA ...

- 1 Sebenzisa amagama amabili amqondofana, isibonelo: **idwala; igwala**
- 2 Yisho igama: **idwala**
- 3 Cozulula igama ngezinhlamvu ezihamba zodwa: /i/-/dw/-/a/-/l/-/a/
- 4 Yisho umsindo wokuqala wegama: /i/
- 5 Yisho umsindo wesibili wegama: /dw/
- 6 Yisho umsindo wesithathu wegama: /a/
- 7 Yisho umsindo wesine wegama: /l/
- 8 Yisho umsindo wesine wegama: /a/
- 9 Bhala igama ebhodini: **idwala**
- 10 Lingisa ukukhomba nokuhlanganisa imisindo ukwakha igama: /i/-/dwa/-/la/ = **idwala**
- 11 Phinda lokhu ngegama elilandelayo: **igwala**

SIYENZA...


- 1 Sebenzisa amanye amagama amabili ezwakala ngokufana, isibonelo: **cwela; cwala**
- 2 Yisho igama: **cwela**
- 3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? /cw/
- 4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesibili egameni? /e/
- 5 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? /l/
- 6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? /a/
- 7 Tshela abafundi ukuthi bahlukanise igama ngohlamvu ngalunye /cw/-/e/-/l/-/a/
- 8 Bhala igama: **cwela**
- 9 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo egameni kanye nawe: /cwe/-/la/ = **cwela**
- 10 Phinda lokhu ngegama elilandelayo: **cwala**

ISONTO 8

UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: _____

Amagama: _____



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kwesibili

Imizuzu eyi-15

AMASU OKUQONDISA: NGIYAZIBUZA / YENZA IZIPHETHO

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
<p><u>Ucwanningo lukaLimani</u></p> <p>Umalume kaLimani wamnika imbali enhle ye-orchid ngosuku lwakhe lokuzalwa. 'Usiphathe kahle lesi sitshalo!' etshela uLimani. ULimani wabeka i-orchid yakhe etafuleni eliseceleni kombhede wakhe.</p>	<p>Ngiyakhumbula ukuthi wayengazi ukuthi isiphi isitshalo asidingayo. Ngingaphetha ngokuthi uLimani wabeka i-orchid lakhe etafuleni elihlala eceleni kombhede – kodwa akazange anike isitshalo konke esikudingayo ukuze siphile!</p>
<p>Kodwa emuva kwamasonto ambalwa, isitshalo sasifile.</p> <p>ULimani wakhiphela isitshalo sakhe ngaphandle wasikhombisa abazali bakhe. 'Angiqondi – Bengicabanga ukuthi benginomusa futhi ngisinakekela isitshalo sami,' esho. 'Kwenzekeni kuso?</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi uLimani akazange asinakekele isitshalo ngaphambilini, ngoba akaqondi ukuthi kungani isitshalo sakhe sifile.</p>
<p>Umama kaLimani wahleka. 'Oh Limani! Ngiyaxolisa – bengicabanga ukuthi uyazi ukuthi zinakekelwa kanjani izitshalo. Iphutha lethu – bekufanele sikufundise ukuthi izitshalo zidingani ukuze ziphile! Izitshalo ziyaphila njengami nawe. Zidinga konke nathi esikudingayo ukuze ziphile!'</p> <p>'Bengingazi ukuthi izitshalo nazo ziyizinto eziphilayo!' kusho uLimani, emangele. 'Ingabe lokhu kusho ukuthi izitshalo nazo ziphefumula umoya njengathi?'</p> <p>'Yebo, kunjalo,' kusho umama kaLimani. 'Izitshalo nazo ziphefumula umoya – njengathi.'</p> <p>'Kodwa, ngicabanga ukuthi i-orchid lami beliwuthola umoya wokuphefumula.' Kusho uLimani.</p> <p>'Yebo, kodwa izitshalo nazo zidinga amanzi – njengathi. Zonke izinto eziphilayo zidinga amanzi. Uyichelele yini i-orchid?' kubuza umama kaLimani.</p> <p>ULimani wanikina ikhanda lakhe. 'Bengingazi ukuthi izitshalo zidinga amanzi! Kufanele ukuthi i-orchid lami belome kakhulu!'</p> <p>'Kuthiwani ngokudla? Thina sidinga ukudla ukuze siphile, akunjalo? Izitshalo zona yini eziyidlayo?' kubuza uLimani enelukuluku lokufuna ukwazi.</p>	<p>Oh! Ngingaphetha ngokuthi kungenzeka ukuthi uLimani wayezolinakekela i-orchid lakhe ngendlela ehlukile ukube wayenolwazi lapho ethola isitshalo!</p>

Umbhalo	Ukufunda Kwasibili (Veza Imizwa)
<p>'Kunjalo, yingakho izitshalo zidinga ukukhanya kwelanga. Zishintsha ukukhanya kwelanga kube ukudla kwazo! Ucabanga ukuthi i-orchid lakho belinakho ukukhanya kwelanga okwanele ukuze lizenzele ukudla kwalo?' kubuza umama kaLimani.</p> <p>Limani wanikina ikhanda lakhe. 'Cha, ikamelo lami limnyama kakhulu.'</p> <p>'Futhi izitshalo zidinga amavithamini kanye nezakhi, ezitholakala emhlabathini. Ngicabanga ukuthi i-orchid lakho belinayo inhlabathi, kodwa lingenakho ukukhanya okwanele – ngakho kungenzeka ukuthi belilambe kakhulu!'</p>	
<p>'Nginombono,' kusho umama kaLimani, ephethe ithileyi elinezithombo kanye namabhojwana amancane phakathi kwalo. 'Masibone ukuthi kwenzekani uma isitshalo singatholi umoya, amanzi, ukukhanya kwelanga, noma umhlabathi!' esho.</p> <p>ULimani kanye nabazali bakhe benza ucwaningo lwezesayensi onqenqemeni lwefasitela likaLamani.</p>	<p>Ngingaphetha ngokuthi abazali bakaLimani bamsiza ngokulungiselela ucwaningo ukuze uLimani azothola ulwazi olujulile ngokwenzakayo uma izitshalo zingatholi izinto ezahlukene ezizidingayo. Uma enalolu Iwazi, ngicabanga ukuthi ngokuzayo uzokwazi ukunakekela izitshalo.</p>
<p>'Masifake isitshalo esisodwa esikhwameni sepulasitiki. Bese sibona ukuthi yini eyenzekayo uma isitshalo singatholi umoya.' Kusho umama kaLimani.</p>	<p>--</p>
<p>Umama kaLimani wasusa umhlabathi kweyodwa yezimbewu wayeseyifaka ebhodweni elalingenalutho. 'Lokhu kuzosibonisa ukuthi yini eyenzekayo uma isitshalo singenawo umhlabathi!' esho.</p>	<p>--</p>
<p>'Kuzofanele sibone ukuthi yini ezokwenzeka uma isitshalo singatholi ukukhanya kwelanga!' kusho uLimani. Khona-ke, wagijimela ekhishini wayesebuya nephakethe elincane elinsundu. 'Manje singeke sithole ukukhanya okuvela elangeni – futhi ngeke sithole nokudla esizokudla,' esho, ebeka iphakethe elinsundu phezu kwasithombo esisodwa.</p>	<p>--</p>
<p>'Khona-ke, ngeke sibe nawo amanzi,' kusho umama kaLimani.</p>	<p>Ngiyazibuza ukuthi kungani bengasebenzisi izitshalo ezimbili kuphela – esisodwa esithola yonke into nesisodwa esingatholi esikudingayo?</p>
<p>'Ingxenye yokuba usosayensi ukubuka bese uyabhala,' kusho umama kaLimani, emnikeza ibhuku elincanyana.</p> <p>'Lena yijenali ekhethekile yokuthi abuke futhi abhale okubonayo!'</p> <p>Umama kaLimani wamsiza ukuqala ijenali yesitshalo.</p>	<p>Kufanele babe nazo zonke izitshalo ezahlukene ukuze bezokwazi ukubona kahle okwenzeka kusitshalo ngasinye. Kungenzeka yini ukuthi isitshalo singaphila isikhathi eside ngaphandle kokukhanya kwelanga kunangaphandle komoya? Ngicabanga ukuthi uLimani uzofunda okuningi kulolu cwaningo!</p>

Umbhalo	Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)
'Namuhla, kufanele siqagele ngalokhu esicabanga ukuthi kuzokwenzeka esitshalweni ngasinye. Lokhu kusho ukuthi kufanele usebenzise okwaziyo ngezitshalo ukuze uqagele kahle! kusho umama kaLimani.	
ULimani waqala ukudweba, ecabanga ngokuzokwenzeka kuzithombo zakhe ezincane.	Ngingaphetha ngokuthi ULimani ujabule kakhulu ngokufunda kabanzi ngezitshalo, ngoba usebenza kanzima kwijenali yakhe yezitshalo!
Imibuzo yokulandeleta	Izimpendulo
Yini into eyodwa oyifundile ngezitshalo kule ndaba?	<i>Ngifunde...</i>
Kungani singaphetha ngokuthi i-orchid kaLimani yayikade iyisitshalo sakhe sokuqala?	<ul style="list-style-type: none"> Ngoba wayecabanga ukuthi ukuthanda nokuba nomusa esitshalweni kwakwanele ukuze asigcine siphila. Ngoba akazange asinakekele kahle. Akazange asichelele noma aqiniseke ukuthi sithola ukukhanya kwelanga.
Umbuzo ofuna isizathu	Izimpendulo ezilindelekile
Ucabanga ukuthi yini engenzeka uma umalume kaLimani angamnikeza isitshalo manje?	Ngicabanga ukuthi uma umalume kaLimani angamnikeza isitshalo manje... ngoba...



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 8**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

Ulwesihlanu



Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

- 1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
- 2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
 - ukukhanya kwelanga
 - izithombo
 - buka

Umlolozelo noma iculo	Iminyakazo
Isayensi ibalulekile	<i>Khomba emoyeni</i>
Ucwaningo lubalulekile	<i>Bamba ikhanda lakho</i>
Siyayisebenzisa uma sifuna ucwaningo	--
Kukhona okumnandi ngesayensi	--
Ivula iminyango evalekile	<i>Khombisa ukuvula nokuvala umnyango ngesandla</i>
Yingakho nami ngiyithanda, yingakho name ngiyithanda	--

INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

- 1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba...
I-orchid kaLimani yafa ngoba...
Le ndaba ihlobene nesihloko esithi 'Isayensi iyajabulisa' ngoba...
- 2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
- 3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane**.
- 4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
- 5 Cela abafundi bonke ukuthi balalele futhi banake.
- 6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
- 7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
- 8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.



Ulwazi Lobudlelwano Phakathi Kwezinhlamvu Nemisindo:

Imizuzu eyi-15

Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elibonisa yonke imisindo eyenziwe kulethemu.

nx	cw	dw
a	s	e
gw	hw	jw
n	i	m
kw	lw	nw
o	l	b
qw	sw	tw
d	h	u

TSHENGISA

- 1 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
- 2 Nika abafundi imizuzu emi-3 yokwakha amagama amaningi ngangokunokwenzeka besebenzisa imisindo nezihlanganiso ezingenhla.

ABAFUNDI BAYENZA

- 1 Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
- 2 Yalela abafundi ukuthi baqale babhale.
- 3 Nika abafundi imizuzu emi-3 yokuthi bathole futhi bakhe amagama amaningi ngangokunokwenzeka.
- 4 Vumela abafundi ukuthi bamake umsebenzi wabo.
- 5 Tshela abafundi ukuthi babelane ngamagama abawakhile, bese uwabhala ebhodini.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngemva Kokufunda

Imizuzu eyi-15

ISU LOKUQONDISA: FINGQA INDABA / YENZA IZIPHETHO

YAKHA ISITHOMBE SOMBHALO

- 1 Hlalisa kahle abafundi emadeskini abo, namabhuku abo noma amaphepha angabhalwanga, amapensela kanye namakhrayoni.
- 2 Chazela abafundi ukuthi namuhla **bazokwenza isiphetho bese bebhala** ngalokho okungase kwenzeke ngokulandelayo uma indaba iqhubeka.
- 3 Lingisa indlela **yokwenza iziphetho** ngalokho okungase kwenzeke ngokulandelayo, njengokuthi: Ngicabanga ukuthi uLimani uzobheka futhi arekhode isitshalo sakhe nsuku zonke. Ngicabanga ukuthi uzobona ukuthi isitshalo esingenakho ukukhanya kwelanga siyafa!
- 4 Dweba isithombe sakho ebhodini sikaLimani ebhala kuyijenali yakhe, isitshalo esingenakho ukukhanya kwelanga sifile.
- 5 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bazokwenza isiphetho ngalokho okungase kwenzeke ngokulandelayo.
- 6 Tshela abafundi ukuthi bavale amehlo bese banethezeka. Phinda ubafundele umbhalo.
- 7 Tshela abafundi ukuthi bavule amehlo bese bebhala into eyodwa abayakhe emqondweni wabo ethathelwe embhalweni.
- 8 Ekugcineni, tshela abafundi ukuthi **bajike bese beyakhulumu**, nokuthi babelana ngemibhalo yabo nabalingani.



Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

AMAQEMBU: _____

- 1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 8**.
- 2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu**.
- 3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
- 4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
- 5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda**.
- 6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu**.
- 7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
- 8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
- 9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto

Imizuzu eyi-15

- 1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
- 2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezelo kolokuqala.
- 3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi ‘Bajike bese Beyakhulum’ futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
- 4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenyenengxoxo yolimi:
 - a Sithini isihloko sethu solimi sesonto?
 - b Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?
 - c Imaphi amagama amasha owathandile esonto?
 - d Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?
 - e Sibhale ngani kuleli sonto?
 - f Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - g Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?
 - h Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?
- 5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeniyabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikolenikuleli sonto.

Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenyebaluleke kakhulu yokufunda. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.